14 Ngesikhathi u-Amrafeli inkosi yaseShinari, lo-Ariyoki inkosi yase-Elasari, loKhedolawoma inkosi yase-Elamu kanye loThidali inkosi yaseGoyimi **2** baya empini behlasela uBhera inkosi yaseSodoma, loBhirisha inkosi yaseGomora, loShinabhi inkosi yase-Adima, loShermebheri inkosi yaseZebhoyimi lenkosi yaseBhela (kutsho iZowari). **3** Wonke amakhosi la abikwe muva ahlanganyela eSigodini saseSidimu (uLwandle lweTswayi). **4** Okweminyaka elitshumi lambili ayebuswa nguKhedolawoma, kodwa ngomnyaka wetshumi lantathu amvukela. **5** Ngomnyaka wetshumi lane, uKhedolawoma lamakhosi ayemanyene laye baphuma bayanqoba amaRefayi e-Ashitherothi Khanayimi, lamaZuzi eHamu, lama-Emi eShave Khiriyathayimi **6** lamaHori elizweni lamaqaqa laseSeyiri, kwaze kwayafika e-Eli Pharanji eduze lenkangala. **7** Yikho basebephenduka baya e-Eni Mishiphathi (kutsho eKhadeshi), banqoba isigodi sonke sama-Amaleki kanye lama-Amori ayeahlala eHazazoni Thamari. **8** Ngakho inkosi yaseSodoma, lenkosi yaseGomora, lenkosi yase-Adima, lenkosi yaseZebhoyimi kanye lenkosi yaseBhela (kutsho iZowari) baphuma bayahlela izimpi zabo eSigodini saseSidimi **9** baqondana loKhedolawoma inkosi yase-Elamu, loThidali inkosi yaseGoyimi, lo-Amrafeli inkosi yaseShinari kanye lo-Ariyoki inkosi yase-Elasari, amakhosi amane eqondene lamahlanu. **10** Ngalesosikhathi iSigodi saseSidimi sasicwele imigodi

yengcino, ngakho kwathi amakhosi aseSodoma leGomora, eseboleka, abanye abantu bawo bawela kuyo, abanengi babalekela ezintabeni. **11** Amakhosi la amane athumba zonke impahla zaseSodoma leGomora lokudla kwabo konke; asehamba. **12** Bathumba njalo loLothi umtantomfowabo ka-Abhraama lempahla zakhe, njengoba wayehlala eSodoma. **13** Omunye owayephunyukile wafika wazabikela u-Abhraama umHebheru. U-Abhraama wayehlala phansi kwezihlahla ezinkulu zikaMamure um'Amori, umfowabo ka-Eshikholi lo-Aneri, bonke labo babebambene lo-Abhraama. **14** Kwathi u-Abhraama esizwa ukuthi isihlobo sakhe sasithunjiwe, wabutha amadoda ayengamakhulu amathathu letshumi layisificaminwembili ababefundiswe ukulwa, bezalwa endlini yakhe, wangena emzileni baze bayafika eDani. **15** Ebusuku u-Abhraama wehlukanisa abantu bakhe ukuthi babahlasele, wabalandela, waxotshana labo waze wafika eHobha, enhla kweDamaseko. **16** Wabemuka zonke impahla wathola lomhlolo wakhe uLothi kanye lemfuyo yakhe, ndawonye labesifazane labanye abantu. **17** U-Abhraama esebuyile ekunqobeni kwakhe uKhedolawoma lamakhosi ayebambene laye, inkosi yaseSodoma yaphuma yazahlangana laye eSigodini saseShave (okutsho iSigodi seNkosi). **18** UMelikhizedekhi inkosi yaseSalema, waseletha isinkwa lewayini. Wayengumphristi kaNkulunkulu oPhezukonke, **19** wabusisa u-Abhraama esithi, “Ubusisiwe u-Abhraama nguNkulunkulu oPhezukonke, uMdali wezulu lomhlaba. **20** Njalo kadunyiswe uNkulunkulu oPhezukonke, owanikela izitha zakho esandleni sakho.” U-Abhraama wasemupha okwetshumi kwakho konke ayelakho. **21** Inkosi yaseSodoma yathi ku-Abhraama, “Ngipha abantu wena uzicinele impahla.” **22** Kodwa u-Abhraama wathi enkosini yaseSodoma, “Sengiphakamisele isandla sami kuThixo, uNkulunkulu oPhezukonke, uMdali wezulu lomhlaba, ngenza isifungo **23** ukuthi kangisoze ngamukele lutho olungolwakho, loba kungaze kube ngumuca wohali loba umchilo wamanyathela, ukuze lanini ungaze wathi, ‘U-Abhraama wanothiswa yimi.’ **24** Angisoze ngamukele lutho ngaphandle kwalokho abantu bami asebekudlile lesabelo esingesalabobantu ababehamba lami, u-Aneri, lo-Eshikholi loMamure. Kabazuze isabelo sabo.”

15 Ngemva kwalokho ilizwi likaThixo leza ku-Abhraama ngombono: “Ungesabi, Abhraama. Ngiyisihlangu sakho, umvuzo wakho omkhulu kakhulu.” **2** Kodwa u-Abhraama wathi, “Oh Thixo Wobukhosi, ungangiphani njengoba ngilokhu ngingelamntwana, ilifa lami lizadliwa ngu-Eliyezari waseDamaseko na?” **3** U-Abhraama wathi njalo, “Awungiphanga bantwana; ngakho inceku endlini yami izakuba yindlalifa yami.” **4** Ilizwi likaThixo lafika kuye lathi: “Umuntu lo kayikuba yindlalifa yakho, kodwa indodana ephuma kowakho umzimba izakuba yindlalifa yakho.” **5** Wamkhuphela phandle wathi, “Khangela emkhathini ubale izinkanyezi, nxa usenelisa ukuzibala.” Wasesithi kuye, “Sizakuba njalo isizukulwane sakho.” **6** U-Abhraama wamkholwa uThixo, lokho kwabalwa kuye njengokulunga. **7** Waphinda wathi kuye, “NginguThixo owakususa e-Uri lamaKhaladiya ukuzakupha lelilizwe ukuthi libe ngelakho.” **8** Kodwa u-Abhraama wathi, “Oh Thixo Wobukhosi, ngingazi kanjani ukuthi lizakuba ngelami na?” **9** UThixo wathi kuye, “Ngilethela ithokazi, imbuzi, lenqama, konke kuleminyaka emithathu yokuzalwa, kanye lejuba lenkwilimba esesencinyane.” **10** U-Abhraama wakuletha konke lokhu kuye, yilokho wakudabula phakathi ngakunye wakuhlela izingxene ye zakho zakhangelana; kodwa izinyoni kazidabulanga phakathi. **11** Izinyoni ezidla inyama zehlela ezidunjini, kodwa u-Abhraama wazixotsha. **12** Kwathi ilanga selitshona, u-Abhraama wathathwa yibuthongo obukhulu, wehlelwa yibumnyama obesabekayo. **13** UThixo wasesithi kuye, “Yazi ngempela ukuthi Izizukulwane zakho zizakuba ngabezizweni elizweni elingayisilo labo okweminyaka engamakhulu amane, njalo bazagqilazwa, bahlukuluzwe khonale. **14** Kodwa ngizasijezisa lesosizwe esibagqilazayo, kuthi emva kwasikhathi baphume belemfuyo enengi kakhulu. **15** Kodwa wena, uzakuya kubokhokho bakho ngokuthula, ungcwatshwe usukhulile kakhulu. **16** Isizukulwane sakho sesine sizabuya lapha, ngoba isono sama-Amori kasikafiki ekucineni.” **17** Kwathi ilanga selitshonile, ubumnyama sebufikile, kwavela imbawula yomlilo, ithunqa intuthu, ilelangabi elibhebhayo, yadabula phakathi kweziqa zenyama. **18** Ngalelolanga uThixo wenza isivumelwano lo-Abhraama wathi, “Ilizwe leli ngilipha izizukulwane zakho, kusukela emfuleni waseGibhithe kusiyafika emfuleni omkhulu, iYufrathe, **19** ilizwe lamaKheni, lamaKhenizi, lamaKhadimon, **20**

lamaHithi, lamaPherizi, lamaRefayi, **21** lama-Amori, lamaKhenani, lamaGigashi kanye lamaJebusi.”

16 USarayi umka-Abhraama wayengamzalelanga bantwana. Kodwa wayelenceukazi yomGibhithe eyayithiwa nguHagari; **2** ngakho uSarayi wathi ku-Abhraama, “UTHixo ungincitshile abantwana. Hamba, wembathe lenceukazi yami; mhlawumbe lami ngingaba lendlu ngaye.” U-Abhraama wavuma kulokho okwakutshiwo nguSarayi. **3** Ngakho kwathi u-Abhraama esehlale eKhenani okweminyaka elitshumi, uSarayi umkakhe wathatha inceukazi yakhe yomGibhithe uHagari wamupha indoda yakhe ukuba ngumkayo. **4** U-Abhraama wambatha loHagari, wazithwala. Wathi esezipona esezithwele, waseqalisa ukweyisa inkosikazi yakhe. **5** USarayi wasesithi ku-Abhraama, “Ngumlandu wakho ukuze ngihiupheke kangaka. Inceukazi yami ngayethula ezandleni zakho, kodwa ithi ngoba isisazi ukuthi isizithwele isingeyisa. Sengathi uThixo angahlulela phakathi kwami lawe.” **6** U-Abhraama wathi, “Inceukazi yakho isezaendleni zakho. Yenza lokho obona kufanele ngayo.” USarayi wasemphatha kubi uHagari; wacina embalekela. **7** Ingilos kaThixo yamfumana uHagari eduze komthombo enkangala; kwakungumthombo oseceleni kwendlela eya eShuri. **8** Yathi, “Hagari, nceukazi kaSarayi, uvela ngaphi njalo uya ngaphi?” Waphendula wathi, “Ngibalekela inkosikazi yami, uSarayi.” **9** Ngakho ingilos kaThixo yamtshela yathi, “Buyela enkosikazini yakho ufike uyilalele.” **10** Ingilos kaThixo yengeza yathi, “Ngizakwandisa izizukulwane zakho zibe zinengi okungelakubalwa.” **11** Ingilos kaThixo yaphinda yathi kuye: “Khathesi usuzithwele njalo uzabusiswa ngendodana. Kumele uyethe uthi ngu-Ishumayeli, ngoba uThixo usekuzwile ukukhala kwakho. **12** Uzakuba yindoda engubabhemi weganga; isandla sakhe sizaxabana labantu bonke lesandla somuntu wonke sixabane laye, njalo uzaphila ngenzondano labafowabo bonke.” **13** UThixo owakhulumu laye wamutha lelibizo elithi: “UnguNkulunkulu ongibonayo,” ngoba wathi, “Manje sengimbonile lowo ongibonayo.” **14** Yikho-nje umthombo lowo wabizwa ngokuthi yiBheri-Lahayi-Royi; ulokhu usekhona, phakathi kweKhadeshi leBheredi. **15** Ngakho uHagari wazalela u-Abhraama indodana, u-Abhraama wamutha ibizo lokuthi ngu-Ishumayeli. **16** U-Abhraama wayeleminyaka yokuzalwa

engamatshumi ayisificaminwembili lesithupha lapho uHagari emzalela u-Ishumayeli.

17 U-Abhraama eseleminyaka engamatshumi ayisificamunwemunye lasificamunwemunye yobudala, uThixo wabonakala kuye wathi, "NginguNkulunkulu uSomandla; hamba ngokwethembeka phambi kwami, ungasoleki. **2** Ngizasiqinisa isivumelwano phakathi kwami lawe, ngandise njalo ubunengi benu." **3** U-Abhraama wawa wathi mbo phansi ngobuso, uNkulunkulu wathi kuye, **4** "Mina ngokwami ngithi lesi yisivumelwano sami lawe: uzakuba nguyise wezizwe ezinengi. **5** Kawusayi kubizwa ngokuthi Abhraama; ibizo lakho selizakuba ngu-Abhraama, ngoba sengikwenze uyise wezizwe ezinengi. **6** Ngizakwenza uzuze inzalo enengi; ngizakwenza izizwe ngawe, njalo amakhosi azaphuma kuwe. **7** Ngizaqinisa isivumelwano sami sibe yisivumelwano sanini lanini phakathi kwami lawe kanye lezizukulwane ezizayo ukuba nguNkulunkulu wakho, loNkulunkulu wezizukulwane zakho ngemva kwakho. **8** Ilizwe lonke laseKhenani, okwamanje ohlala njengowezizwe kulo, ngizakupha libe yilifa laphakade kuwe lezizukulwane zakho ngemva kwakho; njalo ngizakuba nguNkulunkulu wabo." **9** UNkulunkulu wasesithi ku-Abhraama, "Wena kumele ugcine isivumelwano sami, wena lezizukulwane zakho ezizayo. **10** Lesi yisivumelwano sami lawe lezizukulwane ezizayo, isivumelwano okumele usigcine: Wonke umuntu wesilisa phakathi kwenu kuzamele asokwe. **11** Wena kumele usokwe, lokho kuzakuba yisiboniso sesivumelwano phakathi kwami lawe. **12** Kuzizukulwane ezizayo umuntu wonke wesilisa ophakathi kwenu oselezinsuku eziyisificaminwembili kumele asokwe, kusitsho lalabo abazalwa emzini wakho loba abathengwa ngemali emuntwini wezizwe, labo abangazalwa nguwe. **13** Loba abazalwa emzini wakho kumbe abathengwa ngemali, kumele basokwe. Isivumelwano sami enyameni yakho sizakuba yisivumelwano esingapheliyo. **14** Lowo owesilisa ongasokwanga, ongazange ake asokwe enyameni uzakhalalwa ngabantu bakibo; usephule isivumelwano sami." **15** UNkulunkulu waphinda njalo wathi ku-Abhraama, "Umkakho uSarayi, ungabe usambiza ngokuthi nguSarayi; ibizo lakhe selinguSara. **16** Ngizambusa, njalo ngizakunika indodana ngaye. Ngizambusa ukumu abe ngunina wezizwe; amakhosi ezizwe azavela

kuye." **17** U-Abhraama wawa wathi mbo ngobuso phansi; wahleka wazitshela wathi, "Kambe indodana ingazalwa ngumuntu oseleminyaka elikhulu na? USara angamzala umntwana yena eseleminyaka engamatshumi ayisificamunwemunye na?" **18** Ngakho u-Abhraama wasesithi kuNkulunkulu, "Nxa u-Ishumayeli engaphila ngaphansi kwsibusiso sakho kuphela!" **19** UNkulunkulu wasesithi, "Yebo, uSara uzakuzalela indodana, wena uyibize ngokuthi ngu-Isaka. Ngizaqinisa isivumelwano sami laye sibe yisivumelwano esingapheliyo lezizukulwane eziza ngemva kwakhe. **20** Mayelana lo-Ishumayeli, ngizwile okutshiloy: ngeqimiso ngizambusa; ngizamnika inzalo enkulu, ngandise ubunengi bayo. Uzakuba nguyise wababusi abalitshumi lambili, ngimenze abe yisizwe esikhulu. **21** Kodwa isivumelwano sami ngizasiqinisa lo-Isaka, ozamzalelwu nguSara ngalesiskhathi ngomnyaka ozayo." **22** Eseqedile ukukhuluma lo-Abhraama, uNkulunkulu wenyuka wamtshiya. **23** Ngalelolanga u-Abhraama wathatha indodana yakhe u-Ishumayeli labo bonke abazalelwu emzini wakhe loba abathengwayo ngemali yakhe wabasoka, njengoba uNkulunkulu wayemtshelile. **24** U-Abhraama wayeleminyaka yokuzalwa engamatshumi ayisificamunwemunye lasificamunwemunye mhla esokwa, **25** indodana yakhe u-Ishumayeli yayileminyaka yokuzalwa elitshumi lantathu; **26** u-Abhraama lendodana yakhe u-Ishumayeli bobabili basokwa mhlalokho ngalanga linye. **27** Njalo bonke abesilisa ababesemzini ka-Abhraama, kugoqela labo abazalelwu khonapho ekhaya labathengwa kwabezizwe, basokwa kanye laye.

18 UThixo wabonakala ku-Abhraama eduzane lezihlahla ezinkulu zikaMamure, ehlezi emnyango wethente lakhe, ilanga litshisa kakhulu. **2** U-Abhraama waphosa amehlo wabona amadoda amathathu emi eduze. Wonela ukuwabona wasuka ngokuphangisa emnyango wethente lakhe wawahlangabeza wafika wakhothama phansi. **3** Wathi, "Nxa ngifumene umusa kuwe, nkosi yami, ungedluli eceleni kwenceku yakho. **4** Akulethwe amanzu amalutshwana nje, ukuze lonke ligeze inyawo zenu, keliphumule ngaphansi kwesihlahla lesi. **5** Wothini ngilidingele ukudla ukuze lizuze amandla andubana liqhubekе ngohambo lwenu njengoba nje selizile encekwini yenu." Baphendula bathi, "Kulungile, yenza lokho okutshoyo." **6** Ngakho u-

Abhrahamama waphanga waya ethenteni kuSara. Wathi, "Phangisa, thatha izilinganiso ezintathu zefulawa ecolekileyo, uvube inhlama wenze isinkwa." 7 Waphanga waya emhlambini wakhetha iguqana elihle, elibuthakathaka walipha isisebenzi ukuba silihlinze. 8 Waseletha izankefu zamasi, lochago kanye leguqa elaselilungisiwe, konke wakubeka phambi kwabo. Bathi besidla yena wema eduzane labo ngaphansi kwesihlahla. 9 Bambuza bathi, "Ungaphi umkakho uSara na?" Wathi, "Ulaphayana, ethenteni." 10 UThixo wasesithi, "Ngizabuya ngempela kuwe ngalesisikhathi ngomnyaka ozayo, njalo umkakho uSara uzakuba lendodana." USara wayelokhu elalele esemnyango wethente elalingemuva kwakhe. 11 U-Abhrahamama loSara basebevele sebebadaala kakhulu, uSara esedlule isikhathi sokuba labantwana. 12 Ngakho uSara wahleka yedwa, wakhumbula wathi, "Kambe sengigugile kanje lenkosi yami isindala, ngingakhona ngizuza intokozo le?" 13 UThixo wasesithi ku-Abhrahamama, "Kungani uSara ehlekile njalo wathi, 'Kambe sibili ngizakuba lomntwana mina sengiluphele?' 14 Kambe kulolutho olwehlula uThixo na? Ngizabuya kuwe ngesikhathi esimisiweyo ngomnyaka ozayo, njalo uSara uzakuba lendodana." 15 USara wesaba, yikho waqamba amanga wathi, "Kangizange nighleke mina." Kodwa wathi, "Ye, uhlekile." 16 Amadoda asuka ahamba aqonda eSodoma, u-Abhrahamama wawaphelekezela ukuwakhupa. 17 UThixo wasesithi, "Ngimfihlele yini u-Abhrahamama lokho esengizakwenza na? 18 Ngempela u-Abhrahamama uzakuba yisizwe esikhulu esilamandla, njalo zonke izizwe zomhlaba zizabusiswa ngaye. 19 Ngoba sengimkhethile, ukuze aqondise abantwabakhe lomuzi wakhe, yena esedlule, ukugcina indlela kaThixo ngokwenza okulungileyo lokuqondileyo, ukuze uThixo amenzele u-Abhrahamama lokho amthembise khona." 20 UThixo wasesithi kuye, "Insolo ngeSodoma leGomora inkulu kakhulu njalo isono sakhona siyesabeka 21 okokuthi sengizakuya khona ngiyebona ingabe lokho abakwenzileyo kubi okulingana lensolo le esifikile kimi. Nxa kungenjalo, ngizakwazi." 22 Amadoda akhangela phambili aqonda eSodoma, kodwa u-Abhrahamama wasala emi phambi kukaThixo. 23 Ngakho u-Abhrahamama waya kuye wathi: "Uzabhubhisa abalungileyo kanye lababi na? 24 Pho nxa kukhona abangamatshumi amahlalu kulelodolobho ke? Ngempela uzalikhucula na ungalixoleli ngenxa yabangamatshumi amahlalu

abalungileyo abakulo na? 25 Akube khatshana lawe ukwenza into enjalo, ukubulala abalungileyo lababi. Kakube khatshana lawe lokho! Kambe uMahluleli womhlaba wonke kayikwenza okufaneleyo na?" 26 UThixo wathi, "Nxa ngifumana abangamatshumi amahlalu abalungileyo edolobheni laseSodoma, ngizalixolela lonke idolobho ngenxa yabo." 27 U-Abhrahamama waphinda wakhulumna njalo wathi: "Njengoba sengibe lesibindi esingaka sokukhuluma loThixo, loba ngingasulutho mina, ngiluthuli nje lomlotha, 28 pho nxa inani labalungileyo lingaphansi ngabahlanu ematshumini amahlalu? Uzalibhubhisa idolobho lonke ngenxa yabantu abahlanu na?" Wathi, "Ngingafumana abangamatshumi amane lanhlanu kangiyikulibhubhisa." 29 Waphinda njalo wakhulumna laye wathi, "Nxa kufunyanwa amatshumi amane kuphela-ke?" Yena wathi, "Ngenxa yabangamatshumi amane kangizukukwenza." 30 Ngakho wasesithi, "UThixo makangathukutheli, kodwa ake ngikhulume. Kungafunyanwa khona amatshumi amathathu ke?" Waphendula wathi, "Kangizukukwenza ngingafumana khona amatshumi amathathu." 31 U-Abhrahamama wathi, "Kambe njengoba ngibe lesibindi esingaka ngaze ngakhuluma loThixo, pho nxa kufunyanwa abangamatshumi amabili khona kuphela-ke?" Wathi, "Ngenxa yabangamatshumi amabili kangiyikulibhubhisa." 32 Waphinda wathi, "UThixo angathukutheli, kodwa ake ngikhulume kanye kuphela njalo. Kambe nxa kungafunyanwa itsumi lodwa-ke?" Waphendula wathi, "Ngenxa yabalitshumi kangiyikulibhubhisa." 33 Kwathi uThixo eseqedile ukukhuluma lo-Abhrahamama wasuka, lo-Abhrahamama wabuyela ngekhaya.

19 Izingilosizi zombili zafika eSodoma kusihlwua, uLothi ehlezi esangweni ledolobho. Wathi ezbiona wasukuma wazihlangabeza wathi mbo phansi ngobuso. 2 Wathi, "Makhosi ami, ake liphambuке endlini yenceku yenu. Lingageza inyawo zenu, lilale khona andubana liqhubeke ngendlela yenu ekuseni." Zaphendula zathi, "Hatshi, sizalala egcekeni phandle." 3 Kodwa waphikelela kakhulukazi zaze zahamba laye zangena endlini yakhe. Wazilungisela ukudla, wazenzela isinkwa esingelamvubelo, zadla. 4 Zingakayilala, amadoda aqhamuka kuzozonke izindawo zedolobho laseSodoma, amajaha lamaxhegu, ayihanqa indlu. 5 Amemeza uLothi athi, "Angaphi amadoda afike emzini wakho lamuhla kusihlwua?

Akhuphe eze lapha ngoba sifuna ukulala lawo siwenze abafazi.” **6** ULothi waphuma wayakhuluma lawo wavala umnyango ngemva kwakhe, **7** wathi, “Hatshi, bazalwane. Lingensi linto embi kangaka. **8** Khangelani, ngilamadodakazi amabili angakaze alale lendoda. Wothini ngiwalethe lapha kini lenze elikuthandayo ngawo. Kodwa lingenzi lutho emadodenai ngoba angaphansi komthunzi wophahla lwami.” **9** Aphendula athi, “Suka endleleni yethu.” Babuye bathi, “Umuntu lo weza lapha njengowezizwe, kodwa khathesi usefuna ukuba ngumahlule! Wena-ke sizakuthwalisa nzima kulawo.” Babelokhu beminyezela uLothi, bafuqela phambili bezama ukwephula isivalo. **10** Kodwa amadoda lawo ayephakathi avula adonsela uLothi endlini avala isivalo. **11** Asewatshaya ngobuphofu amadoda ayesemnyango wendlu leyo, amajaha lamaxhegu, asesehluleka ukubona umnyango. **12** Amadoda lawo amabili athi kuLothi, “Bakhona yini abanye olabo lapha abakhwenyana, amadodana kumbe amadodakazi, loba nje omunye edolobheni leli ongowakho? Bakhuphe lapha, **13** ngoba sizayibhubhisa indawo le. Insolo efika kuThixo ngalababantu inkulu kabi okokuthi useze wasithuma ukuthi silibhubhise.” **14** Ngakho uLothi waphuma wayakhuluma labakhwenyana bakhe, labo abasebethembise ukulobola amadodakazi akhe. Wathi, “Phangisani, phumanu kulindawo, ngoba uThixo usezalibhubhisa idolobho leli!” Kodwa abakhwenyana bakhe bacabanga ukuthi wenza amahlaya. **15** Kwathi emathathakusa izingilosu zakhuthaza uLothi zathi, “Phangisa! Thatha umkakho lamadodakazi akho womabili akhona lapha, ngoba lizaqabuka likhukhulwa nxa idolobho selijeziswa.” **16** Wathi esatomatoma, amadoda ambamba ngesandla kanye lesandla somkakhe lezamadodakazi akhe womabili abaholela ngaphandle kwedolobho bephephile, ngoba uThixo wayelomusa kubo. **17** Bonela ukuthi bakhutshwe, omunye wazo wathi, “Balekani liqinise! Lingakhangeli emuva, njalo lingemi ndawo emagcekeni! Balekelani ezintabeni funa likhukhulwe!” **18** Kodwa uLothi wathi kuzo, “Hatshi, makhosi ami, bakithi! **19** Inceku yenu isizuze umusa emehlweni enu, njalo selitshengise umusa omkhulu kimi ngokuphephisa impilo yami. Kodwa ngingeke ngibalekele ezintabeni; ububi lobu buzangifica ngihle ngife. **20** Khangelani, nanku umuzi oseduze engingabalekela kuwo, njalo mncinyane, wothini ngibalekele kuwo, mncinyane, kawunjalo?

Lapho ngizasinda.” **21** Yathi kuye, “Kulungile, ngiyasamukela njalo lalesiscelo; kangizukuwubhidliza umuzi okhuluma ngawo. **22** Kodwa balekela khona masinyane, ngoba kangiyikwenza lutho uze ufike khona.” (Yikho umuzi lowo wabizwa ngokuthi yiZowari). **23** Ngesikhathi uLothi efika eZowari ilanga laseliphumile elizweni. **24** UThixo wasenisa umlilo wesolufa ethisaylo phezu kweSodoma leGomora, uvela kuThixo usehla emazulwini. **25** Kanjalo wawabhidliza amadolobho lamagceke wonke, labo bonke ababehlala kuwo amadolobho kanye lokumila emhlabathini. **26** Kodwa umkaLothi wakhangela emuva, waphenduka isiduli setswayi. **27** Ekuseni kakhulu ngosuku olulandelayo u-Abrahama wasuka wabuyela endaweni lapho ayeme phambi kukaThixo khona. **28** Wakhangela malungana leSodoma leGomora, malungana lalo lonke ilizwe lamagceke, wabona izikhatha zentuthu ziqonga zisuka phansi, njengomlilo usuka esithandweni somlilo. **29** Ngakho kwathi uNkulunkulu ebhubhisa amadolobho asemagcekeni wakhumbula u-Abrahama, wamkhupha uLothi enkemenkemeni eyatshabalalisa amadolobho lapho uLothi ayekade ehlala khona. **30** ULothi lamadodakazi akhe womabili basuka eZowari bayahlala ezintabeni, ngoba wayesesaba ukuhlala eZowari. Yena lamadodakazi akhe womabili babehlala ebhalwini. **31** Ngolunye usuku indodakazi endala yathi kwencinyane, “Ubaba useluphele, njalo kakulandoda lapha engalala lathi, njengoba kungumkhuba emhlabeni wonke. **32** Kasidakise ubaba ngewayini besesilala laye ukuze silombe usendo lwakwethu ngobaba.” **33** Ngalobobusuku uyise bamnathisa iwayini, indodakazi endala yangena yembatha laye. Yena kayibonanga izolala loba isivuka. **34** Ngosuku olulandelayo indodakazi endala yathi kwencinyane, “Izolo ebusuku ngembathe lobaba. Kasimdakise futhi ngewayini ngobusuku balamuhla lawe uhambe uyokwembatha laye ukuze silondoloze usendo lwakithi ngobaba.” **35** Bamdakisa-ke uyise ngewayini ngalobobusuku njalo, indodakazi encinyane yahamba yayakwembatha laye. Njalo kazange ananzelele ukuthi walala nini lokuthi wavuka nini. **36** Ngakho womabili amadodakazi kaLothi athatha izisu kuyise. **37** Indodakazi endala yazala indodana yamutha ibizo yathi nguMowabi: nguye uyise wamaMowabi alamuhla nje. **38** Indodakazi encinyane layo yazala

indodana, yayitha yathi nguBheni-Ami; nguye uyise wama-Amoni alamu hla nje.

20 U-Abrahama wathutha kuleyondawo waya emangweni waseNegebi wayahlala phakathi kweKhadeshi leShuri. Okwesikhatshana wake wahlala eGerari, 2 lapho u-Abrahama athi khona ngomkakhe uSara, "Ngudadewethu." Ngakho u-Abhimelekhi inkosi yaseGerari yathi uSara kaletihwe, yazithathela. 3 Kodwa uNkulunkulu wafika ku-Abhimelekhi ephutsheni ebusuku wathi kuye, "Usufile wena ngenxa yomfazi omthetheyo; ngumfazi womnikazi." 4 Kodwa u-Abhimelekhi wayelokhu engakamthinti, ngakho wathi, "Thixo, uzasibhubhisa isizwe esimsulwa na? 5 Katshongo kimi yini wathi, 'Ngudadewethu,' laye katshongo na wathi, 'Ungumnewethu?' Lokhu ngikwenze ngenhlizyo emsulwa langezandla ezimhlophe." 6 Ngalokho uNkulunkulu wasesithi kuye ephutsheni, "Yebo, ngiyakwazi ukuthi lokhu ukwenze ngenhlizyo emsulwa, yikho ngikuthintile ukuthi ungenzi isono kimi. Yikho ngingakuyekelanga wamthinta. 7 Manje mbuyisele umfazi womuntu, ngoba umuntu lowo ungumphrefethi, uzakukhulekela ukuthi uphile. Kodwa nxa ungambuyiseli, yazi ukuthi wena lakho konke okungokwakho kuzakufa." 8 Kusisa ngelanga elilandelayo ekuseni kakhulu, u-Abhimelekhi wabiza zonke izikhulu zakhe, kwathi esezitshelile konke okwenzakeleyo, zesaba kakhulu. 9 U-Abhimelekhi wasebiza u-Abrahama wathi, "Ukwenzeleni lokhu kithi na? Ngikone ngani uze ulethe ukona okunje phezu kwami lombuso wami na? Wenze kimi izinto okungafanelanga zenziwe." 10 U-Abhimelekhi wabuza u-Abrahama wathi, "Besiyini isizatho sakho sokwenza lokhu na?" 11 U-Abrahama waphendula wathi, "Ngazitshela ngathi, 'Ngempela kakukho ukumesaba uNkulunkulu kule indawo njalo bazangibulala ngenxa yomkami.' 12 Ngaphandle kwalokho, uvele ungudadewethu, indodakazi kababa kodwa engasuye kamama; waba ngumkami. 13 Kwathi uNkulunkulu esengisusile emzini kababa ngathi uSara, 'Nansi indlela ongatshengisa ngayo uthando lwakho kimi: Noma ngaphi lapho esiya khona, ubokuthi ngami, "Ungumnewethu."' 14 U-Abhimelekhi waseletha izimvu lenkomo, lezisebenzi zesilisa lezesifazane wazipha u-Abrahama, wabuyisela uSara umkakhe kuye. 15 Njalo u-Abhimelekhi wathi, "Nanti ilizwe lami uyalibona; ungahlala lapho

othanda khona." 16 Wathi kuSara, "Umnnewenu ngimupha amashekeli esiliva ayinkulungwane. Le iyinhlawulo yehlazo elenziwe kuwe phambi kwabantu bonke bakini; usugeziwe." 17 U-Abrahama wasekhuleka kuNkulunkulu, uNkulunkulu wamsilisa u-Abhimelekhi, lomkakhe leziggili zakhe zesifazane ukuthi babelabantwana njalo, 18 ngoba uThixo wayevale bonke abesifazane bendlu ka-Abhimelekhi inzalo ngenxa yomka-Abrahama, uSara.

21 Ngakho uThixo waba lomusa kuSara njengoba wayetshilo, uThixo wamenzela uSara lokho ayekuthembisile. 2 USara wazithwala wazalela u-Abrahama ebudaleni bakhe indodana ngesikhathi sonaleso uNkulunkulu ayemthembise sona. 3 U-Abrahama wayitha ibizo elithi Isaka leyondodana ayizalelwu nguSara. 4 Kwathi indodana yakhe u-Isaka isilensuku eziyisificaminwembili izelwe, u-Abrahama wayisoka, njengoba walaywa nguNkulunkulu. 5 U-Abrahama wayeseleminyaka elikhulu ekuzalweni kwendodana yakhe u-Isaka. 6 USara wathi, "UNkulunkulu usengilethele intokozo, njalo bonke abazakuzwa lokhu bazathokoza lami." 7 Wabuye wengeza wathi, "Kambe ngubani obengatsho ku-Abrahama ukuthi uSara angondla abantwana? Kodwa sengimzalele indodana ebudaleni bakhe." 8 Wakhula umntswana, walunyulwa, kwathi mhla u-Isaka elunyulwa u-Abrahama wenza idili elikhulu. 9 Kodwa uSara wabona ukuthi indodana kaHagari umGibhithe, ayeyizalele u-Abrahama yayikloloda, 10 wasesithi ku-Abrahama, "Mxotshe umfazi lo oyisigqili kanye lendodana yakhe, ngoba indodana yesigqilikazi lesi kayisoze yabelana ilifa lendodana yami u-Isaka." 11 Indaba le yamhlupha kakhulu u-Abrahama ngoba yayithintana lendodana yakhe. 12 Kodwa uNkulunkulu wathi kuye, "Ungakhathazeki kakhulu ngomfana kanye lesigqilikazi sakho. Lalela konke uSara akutshela khona ngoba isizukulwane sakho sizabalwa ngo-Isaka. 13 Indodana le eyesigqilikazi layo ngizayenza ibe yisizwe ngoba iyinzalo yakho." 14 Ngosuku olulandelayo ekuseni kakhulu u-Abrahama wathatha ukudla lesigxingi samanzi wakunika uHagari. Wakwetshata emahlombe kaHagari, wasebakupha lomfana. Owesifazane wasuka wayantula enkangala yaseBherishebha. 15 Esephelile amanzi esigxingini, wabeka umntswana ngaphansi kwasixuku. 16 Yena wasuka wayahlala bucwaldlana, okungaba libanga lokuphosa umtshoko, ngoba wacabanga wathi,

"Ngeke ngibukele umfana esifa." Kwathi ehlezi khonapho bucwala wakhala ebubula. **17** UNkulunkulu wamuzwa umfanyana ekhala, ingilos kaNkulunkulu yasibiza uHagari iseulwini yathi kuye, "Kwenzenjani, Hagari? Ungesabi; uNkulunkulu usekuzwile ukukhala komfana elele khonaphayana. **18** Mphakamise umfana umbambe ngesandla, ngoba ngizamenza abe yisizwe esikhulu." **19** UNkulunkulu wasemvula amehlo, wabona umthombo wamanzi. Ngakho wasesiyagcwalisa umgodla ngamanzi wapha umfana wanatha. **20** UNkulunkulu wayelaye umfana ekhula. Wahlala enkangala waba ngumcibi womtshoko. **21** Wathi ehlala eNkangala yasePharani, unina wamdingela umfazi eGibhithe. **22** Ngalesosikhathi u-Abhimelekhi loFikholi, umlawuli wamabutho akhe bathi ku-Abrahama, "UNkulunkulu ulawe kukho konke okwenzayo. **23** Khathesi-ke funga kimi khonapha phambi kukaNkulunkulu ukuthi kawusoze wenze izinto zobuqili kimi, loba ebantwaneni bami loba kuzizukulwane zami. Tshengisa kimi lakulo ilizwe ohlezi kulo njengesizwe wona lowomusa engkwenzele wona." **24** U-Abrahama wathi, "Ngiyafunga." **25** U-Abrahama wasesola ku-Abhimelekhi ngomthombo izinceku zika-Abhimelekhi ezaziwuthumbile. **26** Kodwa u-Abhimelekhi wathi, "Angikwazi ukuthi ngubani okwenzileyo lokho. Kawuzange ungitshele, sekuyikhona ngikuzwa nje lamhla." **27** Ngakho u-Abrahama waletha izimvu lenkomo wazipha u-Abhimelekhi, amadoda womabili enza isivumelwano. **28** U-Abrahama wehlukanisa amazinyane amasikazi ayisikhombisa emhlambini, **29** u-Abhimelekhi wambuza u-Abrahama wathi, "Atshoni amazinyane la amasikazi ayisikhombisa owehlukanise emhlambini wawabeka wodwa na?" **30** Waphendula wathi, "Yamukela ezandleni zami amazinyane la ayisikhombisa njengobufakazi bokuthi yimi engemba umthombo lo." **31** Ngakho indawo leyo yathiwa yiBherishebha ngoba amadoda la womabili enza isifungo khonapho. **32** Ngemva kokuba isivumelwano sesibotshiwe eBherishebha, u-Abhimelekhi loFikholi umlawuli wamabutho akhe babuyela elizweni lamaFilistiya. **33** U-Abrahama wahlanya la isihlahla sethamarisiki eBherishebha, khonapho walibiza ibizo likaThixo, uNkulunkulu Waphakade. **34** U-Abrahama wahlala elizweni lamaFilistiya okwesikhathi eside.

22 Emva kjesikhathi esithile uNkulunkulu walinga u-Abrahama. Wathi kuye, "Abrahama!" Waphendula wathi, "Ngilapha." **2** UNkulunkulu wasesithi, "Thatha indodana yakho, indodana yakho eyiyo yodwa, u-Isaka, omthandayo, uye emangweni waseMoriya. Khonapho menze umhlatshele abe ngumnikelo wokutshiswa phezu kwenye yezintaba engizakutshengisa yona." **3** Kusisa ekuseni kakhu u-Abrahama wavuka wabopha ubabhemi wakhe. Wahamba lezinceu zakhe ezimbili kanye lendodana yakhe u-Isaka. Kwathi esegamule inkuni ezaneleyo zomnikelo wokutshiswa, waqhubeka waya kuleyondawo uNkulunkulu ayemtshele yona. **4** Ngelanga lesithathu u-Abrahama wakhangela, wayibona leyondawo kude le. **5** Wathi ezincekwini zakhe, "Hlalani lapha lobabhem, mina lomfana sisake siye laphayana. Sizakuthi singakhonza sibuye kini." **6** U-Abrahama wathatha inkuni zomnikelo wokutshiswa wazithwalisa umntanakhe u-Isaka, yena ngokwakhe waphatha umlilo lengqamu. Kwathi belokhu beqhubeka bobabili, **7** u-Isaka wakhulumu wambuza uyise u-Abrahama wathi, "Baba?" U-Abrahama wasabela wathi, "Yebo, ndodana yami!" U-Isaka wathi, "Umlilo lenkuni nanku kukhona, kodwa iwundlu lomnikelo wokutshiswa lingaphi?" **8** U-Abrahama waphendula wathi, "Ndodana yami, uNkulunkulu ngokwakhe uzasipha iwundlu lomnikelo wokutshiswa." Baqhubeka bobabili bahamba. **9** Sebefikile endaweni uNkulunkulu amtshela yona, u-Abrahama wakha i-Alithari khonapho walungisa inkuni phezu kwalo. Wabopha indodana yakhe u-Isaka wayilalisa e-alithareni phezu kwenkuni. **10** Waseselula isandla sakhe ethatha ingqamu ukuba abulale indodana yakhe. **11** Kodwa ingilos kaThixo yamemeza iseulwini yathi, "Abrahama! Abrahama!" Waphendula wathi, "Ngilapha." **12** Yathi, "Ungamthinti ngesandla sakho umfana. Ungenzi lutho kuye. Khathesi sengisazi ukuthi uyamesaba uNkulunkulu, ngoba kawuyigodlanga indodana yakho eyiyo yodwa." **13** U-Abrahama wathi uyakhangela wabona inqama esixukwini ibanjwe ngempondo zayo. Waya khona wayithatha inqama wenza umhlatshele womnikelo wokutshiswa esikhundleni sendodana yakhe. **14** Yikho u-Abrahama wabiza indawo leyo ngokuthi uThixo Uzakupha. Kuze kuge lamuhla kuthiwa, "Entaben kaThixo kuzaphiwa." **15** Ingilos kaThixo yabiza u-Abrahama iseulwini ngokwesibili

16 yathi, “Ngifunga ngami uqobo, kutsho uThixo, ukuthi ngenxa yokuthi ukwenzile lokhu, kawaze wayigodla indodana yakho eyiyo yodwa, 17 ngempela ngizakubusisa ngenze izizukulwane zakho zibe zinengi njengezinkanyezi emkhathini lanjengetshebetshebe okhunjini lolwandle, Izizukulwane zakho zizawathatha amadolobho ezitha zazo, 18 kuthi ngenzalo yakho zonke izizwe zomhlaba zizabusiswa, ngoba ungilalele.” 19 Emva kwalokho u-Abrahama wabuyela ezincekwini zakhe, basebehamba bonke eBherishebha. U-Abrahama wahlala eBherishebha. 20 Emva kwesikhathi esithile u-Abrahama watshelwa ukuthi, “UMilikhya laye uselabantwana; sewazalela umfowenu uNahori amadodana: 21 u-Uzi izibulo, uBhuzi umfowabo, uKhemuweli (uyise ka-Aramu), 22 uKhesedi, uHazo, uPhilidashi, uJidilafu loBhethuweli.”

23 UBhethuweli wazala uRabheka. UMilikhya wazala amadodana la ayisicaminwembili loNahori umfowabo ka-Abrahama. 24 Umfazi wakhe omncane owayethiya nguRewuma laye wayelamadodana la: uThebha, uGahamu, uThahashi kanye loMahakha.

23 USara waphila waze waba leminyaka elikhulu lamatshumi amabili lesikhombisa obudala. 2 Wafela eKhiriyathi Aribha (kutsho eHebhroni) elizweni laseKhenani, u-Abrahama wahamba ukuyamzilela lokumlilela khona. 3 U-Abrahama wasukuma eseceleni komkakhe ofileyo wakhulumula lamaHithi. Wathi, 4 “Ngingowezizweni lesihambi phakathi kwenu. Ngithengiselani isiqinti sokuba yindawo yokungcwabela khona abakithi abafileyo.” 5 AmaHithi amphendula u-Abrahama athi, 6 “Silalele, nkosi yami. Uyinkosana elamandla phakathi kwethu. Ngcwaba abafileyo bakini loba kukuwaphi amangcwaba ethu athandeka kakhulu. Kakho owakithi ozakwalela ingcwaba lakhe ukuthi ungcwabe kulo ofileyo wakini.” 7 Ngakho u-Abrahama wasukuma wakhothamela phansi phambi kwamaHithi, abanikazi balelolizwe. 8 Wathi kubo, “Nxa lithanda ukuthi ngimbele abafileyo bami, lalelani kimi, lingincengele ku-Efroni indodana kaZohari 9 ukuthi angithengisele ubhalu Lwakhe lwaseMakhaphela olusekucineni kwesiqinti. Mceleni ukuthi angithengisele sona ngentengo egcweleyo sibe yindawo yamangcwaba phakathi kwenu.” 10 U-Efroni umHithi owayehlezi khonapho phakathi kwabantu bakibo wamphendula u-Abrahama wonke amaHithi ayefikile esangweni ledolobho lakhe ezizwela. 11 Wathi, “Hatshi,

nkosi yami. Lalela kimi; ngiyakupha isiqinti, njalo ngiyakupha lobhalu oluphakathi kwaso. Ngikupha sona phambi kwabantu bakithi. Mbela abafileyo bakho.” 12 U-Abrahama waphinda wakhothamela phansi phambi kwabantu balelolizwe 13 wathi ku-Efroni bona besizwa, “Ake ulalelisise engikutshoyo. Mina ngizayikhupha intengo yesiqinti. Ngicela uyamukele kimi ukuze ngimbele khona abafileyo bami.” 14 U-Efroni waphendula u-Abrahama wathi, 15 “Lalela kimi, nkosi yami; isiqinti lesi sibiza amashekeli esiliva angamakhulu amane, kodwa kungena njani lokho phakathi kwami lawe? Wena mbela abafileyo bakho.” 16 U-Abrahama wayivuma intengo ka-Efroni wasemlinganisela ubunzima bentengo ayeyibizile amaHithi esizwa: amashekeli esiliva angamakhulu amane, mayelana lesisindo esasisetshenziswa ngabathengisi. 17 Ngakho isiqinti sika-Efroni eMakhaphela, eduze leMamure, isiqinti kanye lobhalu olwaluphakathi kwaso, lazozonke izihlahla ezaziphakathi kwaso, kwabhaliswa 18 ngo-Abrahama ukuthi sekuyimpahla yakhe, kusenziwa phambi kwamaHithi wonke ayefikile esangweni ledolobho. 19 Ngemva kwalokho u-Abrahama wangcwaba umkakhe uSara ebhalwini olwalusesiqintini saseMakhaphela eduze leMamure (eseHebhroni) elizweni laseKhenani. 20 Kanjalo isiqinti lobhalu olwaluphakathi kwaso kwabhaliswa ngo-Abrahama ngama-Hithi ukuba yindawo yamangcwaba.

24 U-Abrahama wayeseluphele kakhulu, njalo uThixo wayembusile kukho konke. 2 Wasesithi encekwini yakhe enkulu, leyo eyayilawula konke ayalakho, “Beka isandla sakho ngaphansi kwethangazi lami. 3 Ngifuna ukuthi ufunge ngoThixo, uNkulunkulu wasezulwini loNkulunkulu wasemhlabeni, ukuthi kawuyikuzuzela indodana yami umfazi emadodakazini amaKhenani engihlala phakathi kwavo, 4 kodwa uzakuya elizweni lakithi lasezihlotsheni zami uzuzele indodana yami u-Isaka umfazi.” 5 Inceku yambuza yathi, “Pho nxa lowo wesifazane engavumi ukuza lami kulelilizwe-ke? Ngizathatha indodana yakho ngiyise kulelolizwe lapho owavela khona na?” 6 U-Abrahama wathi, “Ungaqali ukuhambisa indodana yami khonale. 7 UThixo, uNkulunkulu wasezulwini, owangikhupha emzini kababa laselizweni lakithi njalo owakhulumula kimi, wangithembisa ngesifungo wathi, ‘Ilizwe leli ngizalinika inzalo yakho,’ uzathuma ingilos ihambe phambi kwakho ukuze ukwazi ukutholela

indodana yami umfazi khonale. **8** Nxa owesifazane lowo esala ukuza lapha lawe, uzabe usukhululwe kulesi isifungo sami. Kodwa ungaqali ukusa indodana yami khonale.” **9** Ngakho inceku yasifaka isandla sayo ngaphansi kwethangazi lenkosi yayo u-Abhrahamaya funga isifungo kuye ngodaba lolu. **10** Inceku yasithatha amakamela enkosi yayo alitshumi yasuka, yathatha yonke imihlobo yezinto ezinhle zenkosi yayo. Yaqonda e-Aramu Naharayimu, yahamba yaze yayafika emzini waseNahori. **11** Amakamela yawaguqisa phansi eduzane lomthombo ngaphandle komuzi; kwasekuntambama, sekuyisikhathi sabesifazane ukuyakukha amanzi. **12** Yasikhuleka yathi, “Oh Thixo, Nkulunkulu wenkosi yami u-Abhrahamaya, yenza ngiphumelele lamuhla, utshengise umusa enkosini yami u-Abhrahamaya. **13** Khangelake, nanku ngimi lapha eceleni komthombo lo, njalo amadodakazi abantu balelidolohbo asesiza ukuzakukha amanzi. **14** Kungasake kuthi ngingathi entombini, ‘Ake ungikhele amanzi ngenkezo yakho nginathe,’ yona ithi, ‘Natha, njalo ngizanathisa lamakamela akho,’ kube yiyo kanye oyikhethele inceku yakho u-Isaka. Ngalokho ngizakwazi ukuthi usutshengise umusa enkosini yami.” **15** Ingakaqedi ukukhuleka, uRabheka waphuma ethwele imbiza yakhe yamanzi ehlombe lakhe. Wayeyindodakazi kabhethuweli indodana kaMilikha, owayengumfazi womfowabo ka-Abhrahamaya uNahori. **16** Intombi le yayinhle kakhulu, igcwele; ingakaze ilale lendoda. Yehlela emthonjeni, yagcwalisra imbiza yayo yasiqansa. **17** Inceku yaphanga yamhlangabeza yathi, “Ngicela amanzi embizeni yakho.” **18** Wathi, “Natha nkosi yami,” watsho eseohlisa imbiza eyibamba ngezandla emnathisa. **19** Esemnathisile wathi, “Ngizakhelela lamakamela akho lawo ngiwanathise.” **20** Wasethululela imbiza yakhe emkolweni, wagijimela emthonjeni njalo ukukha amanye, wawakhelela wonke amakamela akhe. **21** Indoda yabukela ithule ilokhu inanzelela idinga ukubona ukuthi ngeqiniso uThixo wayeluphumelelisile yini uhambo lwayo. **22** Amakamela eseqedile ukunatha, indoda leyo yakhupha isongo lamakhala elenziwe ngegolide elilobunzima obungaba yingxene yeshekeli, leziggizo zegolide ezimbili ezilobunzima bamashekeli alitshumi. **23** Yasibuza yathi, “Uyindodakazi kabani na? Ake ungitsheli, kambe singazuza indawo yini emzini kayihlo kesicatshise amakhanda ubusuku balamuhla nje?” **24** URabheka wampwendula wathi,

“Ngiyindodakazi kabhethuweli, indodana kaMilikha ayizalela uNahori.” **25** Waphinda wengeza wathi, “Silotshani obunengi lamahlanga, kanye lendawo yokulala ikhona okwalamuhla ebusuku.” **26** Indoda yakhothamela phansi yakhonza uThixo, **27** isithi, “Udumo kalube kuThixo, uNkulunkulu wenkosi yami u-Abhrahamaya, ongadelanga umusa wakhe lokuthembeka kwakhe enkosini yami. Mina ngokwami uThixo ungikhokhele ohanjweni lwami ngazafika endlini yezinini zenkosi yami.” **28** Intombi yagijima yayabikela abendlu kanina ngalezizinto. **29** URabheka wayelomnewabo owayethiwa nguLabhani, yena waphanga waya kuleyondoda eyayisemthonjeni. **30** Wonela ukubona isongo lamakhala kanye leziggizo engalweni kadadewabo, njalo esezwile uRabheka elandisa ngokwakhulunywa yindoda leyo kuye, wasuka waya kuyo wayifica imi eceleni kwamakamela eduze komthombo. **31** Wathi, “Woza, wena obusisiweyo nguThixo. Umeleni phandle lapha? Sengilungisile indlu lendawo yamakamela.” **32** Ngakho indoda yaya ngekhaya, lamakamela ethulwa imithwalo. Utshani lamahlanga kwaletshwa emakameleni, yena lamadoda ayelawo baletshwa amanzi okugeza inyawo zabo. **33** Kwasekulethwa ukudla kwabekwa phambi kwakhe, kodwa wathi, “Kangizukudla ngize nqiqale ngilitsheli lokho okumele ngikutsho.” ULabhani wathi, “Sitshele phela.” **34** Ngakho wasesithi, “Ngiyinceku kabhrahamaya. **35** UThixo uyibusisile inkosi yami kakhulu, isinotihle kakhulu. Uyiphile izimvu lenkomo, isiliva legolide, lezinceku zesilisa lezesifazane kanye lamakamela labobabhem. **36** Inkosikazi yenkosini yami, uSara, imzalele indodana ebudaleni bayo, inkosi yami yasiyinika leyondodana konke elakho. **37** Njalo inkosi yami yangifungisa isifungo yathi, “Ungazuzeli indodana yami umfazi emadodakazini amakhenani, engihlala elizweni lawo, **38** kodwa yana ezininini zikababa, kwabosendo lwakithi, uzuzele indodana yami umfazi.” **39** Ngasengiyibuza inkosi yami ngathi, ‘Pho nxa owesifazane lowo esala ukuza lapha-ke?’ **40** Yaphendula yathi, ‘UTHixo, engihamba phambi kwakhe, uzathumela ingilosyi yakhe ihambe lawe, iphumelelise uhambo lwakho ukuze uzuzele indodana yami umfazi kwabosendo lwakithi, lasezininini zikababa. **41** Ngakho uzakuthi ungaya kwabosendo lwakithi, uzakhlululwa esifungweni sami loba bangaze bale laye.’ **42** Ngithe ukufika kwami emthonjeni lamuhla ngathi, ‘Oh Thixo, Nkulunkulu

wenkosi yami u-Abhrahamama, nxa uthanda, ngicela uphumelise uhambo lolu engingalo lapha. **43** Akubone, ngimi eceleni kwalo umthombo; nxa kufika intombi izokukha amanzi, ngithi kuyo, “Akunginathise amanzi amalutshwana enkonxeni yakho,” **44** ingaze ithi kimi, “Natha, njalo ngizanathisa lamakamela akho lawo,” kabe nguye uThixo asemkhethelo indodana yenkosи yami.’ **45** Ngingakaqedи ukukhuleka enhliziyweni yami, uRabheka waphuma, ethwele imbiza yakhe ehloome. Wehlela emthonjeni wakha amanzi, ngathi kuye, ‘Akunginathise.’ **46** Waphanga wethula imbiza yakhe ehloome lakhe wathi, ‘Natha, ngizanathisa lamakamela akho njalo.’ Ngakho nganatha, waphinda wanathisa lamakamela njalo. **47** Ngambuza ngathi, ‘Uyindodakazi kabani wena?’ Wathi, ‘Indodakazi kaBhethuweli indodana kaNahori, amzala kuMilikha.’ Ngasengimgqizisa isongo emakhaleni lezigqizo ezingalweni zakhe, **48** ngasengikhothamela phansi, ngamkhonza uThixo. Ngadumisa uThixo, uNkulunkulu wenkosi yami u-Abhrahamama, ongikhokhele endleleni eqondileyo ngazathola intombi engumzukulu womfowaboso wenkosi yami ngayizuzela indodana yayo inkosi yami. **49** Manje-ke nxa lizatshengisa umusa lokwethembeka enkosini yami, ngitshelani; loba kungenjalo, ngitshelani ukuze ngazi ukuthi ngithini.” **50** ULabhani loBhethuweli baphendula bathi, “Lokhu kuvela kuThixo; kakukho esingakutsho kuwe, loba yini. **51** Nangu uRabheka; mthathe uhambе laye ayekuba ngumfazi wendodana yenkosи yakho, njengalokhu okuqondiswe nguThixo.” **52** Kwathi inceku ka-Abhrahamama ikuzwa lokhu abakutshoyo yakhothama phansi emhlabathini phambi kukaThixo. **53** Ngakho inceku yasikhupha igolide lesiliva kanye lempahlaza zokugqoka yakupha uRabheka; yapha njalo umnewaboso lonina izipho ezidulayo. **54** Yena lamadoda ayehamba lawo basebesidla njalo banatha, balala khona. Bathi bevuka ekuseni wathi, “Sivumeleni sibuyele enkosini yami.” **55** Kodwa umnewaboso lonina baphendula bathi, “Ake ume kesihlale lentombazana okwensukwana ezingaba litshumi; lapho selingahamba-ke.” **56** Kodwa wathi kubo, “Lingangibambeleli, njengoba uThixo eseluphumelisile uhambo lwami. Wothini ngihambe ukuze ngiyefika enkosini yami.” **57** Basebesithi, “Wothi sibize intombazana kesiyibuze ngakho.” **58** Ngakho bambiza uRabheka bambuza bathi, “Uyafuna ukuhamba layo indoda le na?” Wathi, “Ngizahamba

layo.” **59** Ngakho basebemkhulula udadewabo uRabheka ukuba ahambe kanye lomlizane wakhe, bahamba lenceku ka-Abhrahamama lamadoda ayelayo. **60** Njalo bambusisa uRabheka bathi kuye, “Dadewethu, sengathi ungandisa izinkulungwane zezinkulungwane; sengathi inzalo yakho ingathumba amadolobho ezitha zayo.” **61** URabheka lamantombazana akhe bazilungiselela, basebekhwela amakamela abo bahamba lendoda leyo. Ngakho inceku yamthatha uRabheka yahamba. **62** Ngalesosikhathi u-Isaka wayesefikile evela eBheri-Lahayi-Royi, ngoba wayehlala eNegebi. **63** Ngenye intambama waya ensimini ehambahambala ukuthi ake ahluze ingqondo, wasesithi uyakhangela wabona amakamela esiza. **64** URabheka laye wakhangela wambona u-Isaka. Wehla ekameleni lakkhe **65** wabuza inceku wathi, “Indoda leyana esensimini ngubani, leyana esihlangabezayo?” Inceku yaphendula yathi, “Uyinkosi yami.” Yikho uRabheka wasethatha ilembu elilula wazemboza ngalo. **66** Inceku yasimtshela u-Isaka konke lokho eyayikwenzile. **67** U-Isaka wamngenisa ethenteni likanina uSara, wahle wamthatha uRabheka. Ngakho wasesiba ngumkakhe, wamthanda; u-Isaka waduduzeka ngemva kokufa kukanina.

25 U-Abhrahamama wathatha omunye umfazi okwakuthiwa nguKhethura. **2** Wamzalela uZimirani, uJokishani, uMedani, uMidiyani, u-Ishibaki loShuwa. **3** UJokishani wazala uShebha loDedani; isizukulwane sikaDedani saba ngama-Ashuri, amaLethushi lamaLehumi. **4** Amadodana kaMidiyani kwakungu-Efa, u-Eferi, uHanokhi, u-Abhida lo-Elida. Bonke laba babeyizizukulwane zikaKhethura. **5** Konke u-Abhrahamama ayelakho wakutshiyela u-Isaka. **6** Kodwa esaphila wanika amadodana akhe awazala labafazi bakhe beceleni izipho, wabasusa eduze kwendodana yakhe u-Isaka baya elizweni lasempumalanga. **7** U-Abhrahamama waphila okweminyaka elikhulu lamatshumi ayisikhombisa lanhlanu. **8** Lapho u-Abhrahamama waphefumula okokucina njalo wafa eseluphele, eselixhegu elileminyaka eminengi; wembelwa labakibo. **9** Amadodana akhe u-Isaka lo-Ishumayeli bamngcwaba ebhalwini lwaseMakhaphela eduze leMamure, esiqintini sika-Efroni indodana kaZohari umHithi, **10** isiqinti lesо u-Abhrahamama asithenga kumaHithi. Khonapho u-Abhrahamama wangcwatshwa lomkakhe uSara. **11** Ngemva kokuba esefile u-Abhrahamama uNkulunkulu wayibusisa

indodana yakhe u-Isaka, owayehlala eBheri-Lahayi-Royi. **12** Lo ngumlando wendodana ka-Abhrahamu u-Ishumayeli, inceukazi kaSara uHagari eyamzalela u-Abhrahamu. **13** La ngamabizo abantwana baka-Ishumayeli behlelwe ngokwelamana kwabo: uNebhayothi izibulo lika-Ishumayeli, uKhedari, u-Adibheli, loMibhisamu, **14** uMishima, uDuma, uMasa, **15** uHadadi, uThema, uJethuri, uNafishi kanye loKhedema. **16** La ayengamadodana ka-Ishumayeli, njalo la ngamabizo ababusi bezizwana ezilitshumi lambili kulandela ukuhlalisa kwazo lemizi yawo. **17** U-Ishumayeli waphila okweminyaka elikhulu lamatshumi amathathu lesikhombisa. Waphefumula okokucina wafa, wembelwa labakibo. **18** Izizukulwane zakhe zakhela emangweni osuka eHavila kusuya eShuri, eduzane lomngcele waseGibhithe, nxa uqonda e-Asiriya. Njalo baphila belenzondo labafowabo bonke. **19** Lo ngumlando wendodana ka-Abhrahamu u-Isaka. U-Abhrahamu wazala u-Isaka, **20** u-Isaka wathi eseleminyaka engamatshumi amane obudala wathatha uRabheka indodakazi kaBhethuweli um'Aramu wasePhadani Aramu njalo engudadewabo kaLabhani um'Aramu. **21** U-Isaka wakhuleka kuThixo ekhulekela umkakhe ngoba wayeyinyumba. UThixo wawuphendula umkhuleko wakhe, umkakhe uRabheka wazithwala. **22** Abantwana bafuqana phakathi kwakhe, wathi, "Kungani lokhu kusenzakala kimi?" Ngakho wasehamba wayabuza kuThixo. **23** UThixo wathi kuye, "Izizwe ezimbili zisesiswini sakho, njalo abantu ababili phakathi kwakho bazakwehlukaniswa; omunye uzakuba lamandla kulomunye, kuthi omdala uzakhonza omncinyane." **24** Kwathi isikhathi sakhe sokubeletha sesifikile, kwakulamaphahla angabafana esiswini sakhe. **25** Owabona ilanga kuqala wayebomvu, umzimba wakhe wonke ulihwanqa njengengubo yoboya; yikho bamutha bathi ngu-Esawu. **26** Ngemva kwalokhu, umfowabo walandela, isandla sakhe sibambe isithende sika-Esawu; ngakho wathiwa nguJakhobe. U-Isaka wayeleminyaka engamatshumi ayisithupha ngesikhathi uRabheka ebazala. **27** Bakhula abafana, u-Esawu waba ngumzingeli omkhulu, indoda yegangeni, kodwa uJakhobe wayeyindoda ethuleyo, engasuki ngekhaya emathenteni. **28** U-Isaka owayethanda inyama yenymazana wayethanda u-Esawu, kodwa uRabheka wayethanda uJakhobe. **29** Ngesinye isikhathi uJakhobe wayepheka inyama, u-Esawu wafika evela egangeni elambile. **30** Wathi

kujakhobe, "Phangisa, akungiphe ukudla kwakho lokho osukukhanzinge kwaba bomvana! Sengifile ngendlala!" (Yikho wabizwa ngokuthi ngu-Edomi.) **31** UJakhobe waphendula wathi, "Qala ungithengisele ubuzibulo bakho." **32** U-Esawu wathi, "Khangelu, sengisifa. Bungisiza ngani ubuzibulo lobo?" **33** Kodwa uJakhobe wathi, "Qala ufunge kimi." Yikho wasefunga isifungo kuye, ethengisa ubuzibulo bakhe kuJakhobe. **34** Ngakho uJakhobe wasesipha u-Esawu isinkwa lokudla kwendumba eziphekwa ziluhlaza. Wadla, wanatha, wasukuma wahamba. Ngaleyondela u-Esawu wabeyisa ubuzibulo bakhe.

26 Kwasekusiba lendlala elizweni, ngaphandle kwendlala yakuqala eyayikhona ngesikhathi sika-Abhrahamu, u-Isaka waya ku-Abhimelekhi inkosi yamaFilistiya eGerari. **2** UThixo wabonakala ku-Isaka wathi, "Ungehleli egibhithe; hlala elizweni engithi hlala khona. **3** Ake uhlale kulelilizwe okwesikhhatshana, mina ngizakuba lawe ngikubusise. Ngoba wena lezizukulwane zakho ngizalinika wonke amazwe la njalo ngiqinise isifungo engasifunga kuyihlo u-Abhrahamu. **4** Ngizakwenza izizukulwane zakho zibe zinengi njengezinkanyezi emkhathini, ngizinike wonke lamazwe, njalo kuthi ngenzalo yakho zonke izizwe emhlabeni zizabusisa, **5** ngoba u-Abhrahamu wangilalela, wagcina izimiso zami, lemilayo yami, kanye lemithetho yami." **6** Ngakho u-Isaka wahlala eGerari. **7** Kwathi lapho abantu baleyondawo bembuza ngomkakhe wathi, "Ngudadewethu," ngoba wayesesaba ukuthi, "Ngumkami." Wacabanga wathi, "Amadoda alapha angangibulala ngenxa kaRabheka, ngoba muhle kakhulu." **8** Kwathi u-Isaka esehlale khona okwesikhathi eside, u-Abhimelekhi inkosi yamaFilistiya wakhangela ngefasitela wabona u-Isaka egone umkakhe uRabheka. **9** Ngakho wasebiza u-Isaka wathi, "Kanti ngumkakho ngeqiniso! Kungani utha ungdadewenu?" U-Isaka wamphendula wathi, "Ngoba ngakhumbula ukuthi ngingalahlekelwa yimpilo yami ngenxa yakhe." **10** U-Abhimelekhi wasesithi, "Kuyini lokhu okwenzileyo kithi? Omunye wamadoda ubezaqabuka elala laye umkakho, ubususibangela icala." **11** Ngakho u-Abhimelekhi wasekhupha umlayo ebantwini bonke wathi, "Lowo ozake ayithinte indoda le loba umkayo ngempela uzabulawa." **12** U-Isaka walima amabele kulelolizwe, ngalowomnyaka wavuna okuphindwe ngekhulu, ngoba uThixo wambusisa. **13** Umuntu lo wanatha

5 UMosi wabizela ndawonye wonke u-Israyeli wathi kuye: “Zwana, wena Israyeli, izimiso lemithetho engizayethula ngesibopho phambi kwakho lamuhla. Ifunde njalo ube leqiniso ukuthi uyayilandela. **2** UThixo uNkulunkulu wethu wenza isivumelwano lathi eHorebhi. **3** UThixo kenzanga isivumelwano lesi labazali bethu, kodwa wasenza lathi, thina sonke esilokhe siphila kuze kube lamuhla. **4** UThixo wakhulumu lawe likhangelene ubuso ngobuso ephakathi komlilo phezu kwentaba. **5** (Ngalesosikhathi ngema phakathi kukaThixo lawe ukuze ngikwethulele ilizwi likaThixo, ngoba wawusesaba umlilo njalo awuzange ukhwele entaben.) Wasesithi: **6** ‘NginguThixo uNkulunkulu wakho owakukhupha eGibhithe, elizweni lobugqili. **7** Ungabi labanye onkulunkulu ngaphandle kwami. **8** Ungazenzeli isithombe ngesimo saloba yini esezulwini phezulu loba phansi emhlabeni kumbe ngaphansi kwamanzi. **9** Ungazikhothameli loba ukuzikhonza; ngoba Mina, Thixo uNkulunkulu wakho, nginguNkulunkulu olobukhwele, ojezisa abantwana ngenxa yezono zabazali babo kuze kube yisizukulwane sesithathu lesesine salabo abangizondayo, **10**

kodwa ngitshengisela uthando kuzizukulwane eziyinkulungwane zalabo abangithandayo njalo begcina imilayo yami. **11** Ungalisebenzisi ngeze ibizo likaThixo uNkulunkulu wakho, ngoba uThixo kayikumyekela olecalalokudlala ngebizo lakhe. **12** Gcina usuku lweSabatha ngokulwenza lubengcwle njengokulaywa kwakho nguThixo uNkulunkulu wakho. **13** Okwensuku eziyisithupha uzasebenza wenze yonke imisebenzi yakho, **14** kodwa usuku lwsikhombisa luyiSabatha kuThixo uNkulunkulu wakho. Ngalo awuyikwenza loba yiuphi umsebenzi, wena, indodana yakho loba indodakazi yakho, inceku loba inceukazi yakho, inkabi yakho, ubabhemi wakho loba yisiphi isifuyo sakho, loba isihambi esikwethakeleleyo, ukuze izisebenzi zakho zesilisa kanye lezesifazane ziphumule njengawe. **15** Khumbula ukuthi wawuyisigqili eGibhithe lokuthi uThixo uNkulunkulu wakho wakukhipha khona ngesandla esilamandla lengalo eyelulekileyo. Ngalokho uThixo uNkulunkulu wakho ukulaye ukuthi ugcine usuku lweSabatha. **16** Hlonipha uyhlo lonyoko, njengokulaywa nguThixo uNkulunkulu wakho, ukuze impilo yakho ibende lokuthi kukulungele elizweni uThixo uNkulunkulu wakho akunika lona. **17** Ungabulali. **18** Ungafebi. **19** Ungantshontshi. **20** Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho. **21** Ungahawukeli umfazi kamakhelwane wakho. Ungahawukeli indlu kamakhelwane wakho loba isiqinti sakhe, inceku loba inceukazi yakhe, inkabi yakhe loba ubabhemi wakhe loba yini ekamakhelwane wakho.’ **22** Le yiyo imilayo eyatshwo nguThixo ngelizwi eliphakemeyo liphuma elangabini lomlilo leyezi kanye lomnyama owesabekayo; lina libuthene lonke entaben, njalo kazange engezelele lutho. Ngakho wasekubhala konke lokhu ezibhebhewini ezimbili zamatshe anginika zona. **23** Lathi lisizwa ilizwi livela emnyameni, intaba ivutha amalangabi omlilo, wonke amadoda angabakhokheli labadala beziwana zenu beza kimi. **24** Lathi, ‘UThixo wethu usitshengisile inkazimulo yakhe kanye lobukhosibakhe, njalo silizwile ilizwi lakhe livela elangabini lomlilo. Lamuhla sesibonile ukuthi umuntu angaphila noma eke wakhulumu loNkulunkulu. **25** Kodwa khathesi, kanti sizafelani pho? Umlilo omkhulu kangaka uzasiqedu du, njalo sizakufa nxa singaphinda sizwe ilizwi likaThixo uNkulunkulu wethu. **26** Ngoba ngubani umuntu wenyama onjengathi owake wezwa

ilizwi likaNkulunkulu ophilayo ekhuluma ephakathi komlilo, waphila na? **27** Sondela eduzane ulale lokho okutshiro nguThixo uNkulunkulu wethu. Ubususitshela lokho uThixo uNkulunkulu wethu azakutshela khona. Sizakulalela njalo sikulandele.’ **28** UThixo walizwa ekukhulumeni kwenu lami wasesithi kimi, ‘Ngizwile okutshiro ngabantu kuwe. Konke abakutshiloylo kulungile. **29** Sengathi ngabe inhliziyo zabo zingagxila ekungesabeni njalo bayigcine imilayo yami, ukuze kubalungele bona kanye labantwabobo kuze kube laphakade! **30** Hamba uyebatshela ukuthi babuyele emathenteni abo. **31** Kodwa wena hlala khonapha lami ukuze ngikuphe yonke imilayo, izimiso lemithetho ozabafundisa ukuthi bayigcine bayilandele elizweni lelo engizabanika lona ukuba libe ngelabo.’ **32** Ngakho nanzeelanani lenze lokho uThixo uNkulunkulu wenu alilaya ngakho; lingaphambukeli yiloba kwesokudla loba kwesenxele. **33** Hambani ngaleyondlela uThixo uNkulunkulu wenu alilaye ngayo, ukuze liphile liphumelele njalo lengezelele insuku zenu elizweni elizakuba ngelenu.”

6 “Le yiyo imilayo, izimiso lemithetho uThixo uNkulunkulu wenu angithuma ukuthi ngilifundise ukuyigcina elizweni elizachapha uJodani lilithathe libe ngelenu, **2** ukuze lina, labantwabenu kanye labantwabobo abezayo bamesabe uThixo uNkulunkulu wenu ekuphileni kwenu ngokugcina izimiso lemilayo engizalinika yona, ukuze libe lempilo ende. **3** Zwana, wena Israyeli, njalo unanzelele ukuthi uyalalela ukuze kukulungele njalo wande kakhulu elizweni eligeleza uchago loluju, njengokuthembisa kukaThixo, uNkulunkulu wabokhokho benu. **4** Zwana, wena Israyeli: UThixo uNkulunkulu wethu, nguThixo munye. **5** Thanda uThixo uNkulunkulu wakho ngenhlizyo yakho yonke langomphefumulo wakho wonke kanye langamandla akho wonke. **6** Imilayo le engikupha yona lamuhla kumele ibe sezinhliziyeni zenu. **7** Igcizeleleni ebantwaneneni benu. Likhulume ngayo nxa lihlezi emakhaya enu lalapho lihamba endleleni, lapho lilala lanxa livuka. **8** Ibopheleni ezandleni zenu ibe lumphawu, liyibophele lasemabunzini enu. **9** Ibheleni emigubazini yezindlu zenu kanye lasemasangweni enu. **10** Kuzakuthi uThixo uNkulunkulu wenu eselingenisa elizweni afunga ngalo kuboyihlo, u-Abrahama, u-Isaka lojakhobe, ukulinika lona, ilizwe elilamadolobho amakhulu, aphumelelayo kodwa elingazakhelanga wona, **11** izindlu ezigcwele

konke okuhle elingazange likuhluphekele, imithombo yamanzi elingazange liyigebhe, kanye lezivini lezhlahla zama-oliva elingazihlanyelanga, ukuze kuthi lingadla lisuthe, **12** linanzelele ukuthi alimkhohlwa uThixo, yena owalikhupha eGibhithe, elizweni lobuggili. **13** Mesabeni uThixo uNkulunkulu wenu, mkhonzeni yena yedwa njalo lifunge ngebizo lakhe. **14** Lingabalandeli abanye onkulunkulu babantu elakhelene labo; **15** ngoba uThixo uNkulunkulu wenu, ophakathi kwenu, nguThixo olobukhwele njalo ongalithukuthelela, alitshabalalise ebusweni bomhlabo. **16** Lingamlingi uThixo uNkulunkulu wenu njengalokhu elakwenza eMasa. **17** Nanzeelani ukuthi liyayigcina imilayo kaThixo uNkulunkulu wenu lezimiso kanye lemilayo aliphe yona. **18** Yenzani okuqondileyo lokuhle emehlwani kaThixo, ukuze konke kulihambele kuhle njalo lingene liyethatha ilizwe uThixo alithembisa okhokho benu ngesifungo, **19** lidudule zonke izitha eziphambi kwenu, njengokutsho kukaThixo. **20** Kuzakuthi ngokuqhube ka kwesikhathi nxa indodana yakho ikuba za isithi, ‘Zitshoni izimiso, imilayo lemithetho leyo uThixo uNkulunkulu wethu alipha yona?’ **21** Wena uzakuthi: ‘Sasiyizigqili zikaFaro eGibhithe, kodwa uThixo wasikhupha eGibhithe ngesandla sakhe esilamandla. **22** Thina sazibonela ngawethu amehlo uThixo ethumela izibonakaliso lezimangaliso ezinkulu lezesabekayo phezu kweleGibhithe laphezu kukaFaro labo bonke abendlu yakhe. **23** Kodwa wasikhupha khonale wasiletha lapha ukuze asinike ilizwe alithembisa okhokho bethu ngesifungo. **24** UThixo wasilaya ukuba silalele zonke lezi zimiso lokwesaba uThixo uNkulunkulu wethu, ukuze sithole ukuphumelela lokuphila, njengoba kunje lamhlanje. **25** Kanti-ke nxa sinanzeela silalela wonke umthetho lo phambi kukaThixo uNkulunkulu wethu, njengokusilaya kwakhe, lokhu kuzakuba yikulunga kwethu.”

7 “Lapho uThixo uNkulunkulu wenu elingenisa elizweni alinika lona ukuba libe ngelenu uxotsha izizwe ezinengi phambi kwenu, amaHithi, amaGigashi, ama-Amori, amaKhenani, amaPherizi, amaHivi lamaJebusi, izizwe eziyisikhombisa ezinkulu njalo ezilamandla kulani, **2** kuthi lapho uThixo uNkulunkulu wenu esezinikele ezandleni zenu lani selizingqobile kufanele lizitshabalalise ngokupheleleyo. Lingabi lesivumelwano lazo, njalo lingabi lesihawu kuzo. **3** Lingendiselani lazo. Lingendiseli amadodakazi enu

emadodaneni azo, kumbe lithatthele amadodana enu amadodakazi azo, **4** ngoba azaphambula amadodana enu ekungikhonzeni abesekhonza abanye onkulunkulu, kuthi ulaka lukaThixo luvuthe lulitshabalalise. **5** Nanku okumele likwenze kulezi zizwe: Dilizani ama-alithare azo, libhidlize amatshe eziwakhonzayo, ligamule izinsika zika-Ashera njalo litshise izithombe zazo ngomlilo. **6** Phela lina lingabantu abangcwele kuThixo uNkulunkulu wenu. UThixo uNkulunkulu wenu ulikhethile phakathi kwabantu bonke emhlabeni ukuthi libe ngabantu bakhe, isipho sakhe esilugugu. **7** UThixo kazange ehlisele uthando lwakhe phezu kwenu ngoba libanengi kulezinye izizwe, phela lina livele liyisizwe sabantu abalutshwana. **8** Kodwa kungenxa yokuthi uThixo walithanda wagcina isifungo asifunga kubokhokho benu walikhupha ngesandla esilamandla walihlenga ezweni lobugqili, emandleni kaFaro inkosi yaseGibhithe. **9** Yazini-ke ukuthi uThixo uNkulunkulu wenu unguNkulunkulu; unguNkulunkulu othembekileyo, ogcina isivumelwano sothando kuze kufike esizukulwaneni senkulungwane salabo abamthandayo njalo begcina imilayo yakhe. **10** Kodwa labo abamzondayo uzaphindisela kubo ngokubabhubhisa; kayikuphuza ukuphindisela kulabo abamzondayo. **11** Kungakho, nanzelelani lilande imilayo, izimiso kanye lemithetho englinika yona lamuhla. **12** Nxa linanzelela limithetho njalo liyilandela, uThixo uNkulunkulu wenu uzagcina isivumelwano sakhe sothando kini, njengoba wafunga kubokhokho benu. **13** Uzalithanda alibusise andise ubunengi benu. Uzabusisa izithelo zenzalo yejusin zenu, izilimo zamasi mu enu, amabele enu, iwayini elitsha kanye lamafutha, amathole emihlambi yenkomo zenu kanye lamazinyane emihlambi yejimvu zenu elizweni afunga ukuthi uzalinika okhokho benu ukuba balinike lona. **14** Lina lizabusisa okungaphezu kwabanye abantu; kakho phakathi kwamadoda labafazi kini ozaswela umntswana, njalo lezifuyo zenu ngeke ziswele amankonyane. **15** UThixo uzaliphephisa emikhuhlaneni yonke. Kayikulehlisela imikhuhlane yonke eyesabekayo elaliyibona eGibhithe, kodwa uzayehlisela kulabo abalizondayo. **16** Libobhubhisa bonke abantu uThixo uNkulunkulu wenu abanikela ezandleni zenu. Lingabazweli usizi, lingakhonzi onkulunkulu babo, ngoba lokho kuzakuba yisifu kini. **17** Mhlawumbe

lizakuthi: ‘Lezizizwe zilamandla kulathi. Sizazixotsha njani lapha?’ **18** Kodwa lingazesabi; khumbulani ukuthi uThixo uNkulunkulu wenu wenzani kuFaro kanye lakulo lonke elaseGibhithe. **19** Lazibonela ngawenu amehlo imilingo emikhulu, izibonakaliso zemilingo lezimanga, isandla esilamandla lokwelulwa kwengalo, khona okwasetshenziswa nguThixo wenu ukulikhupha. UThixo uNkulunkulu wenu uzakuphinda khonokho kubo laba abantu elibesabayo. **20** Phezu kwalokho uThixo uNkulunkulu wenu uzathumela olonyovu phakathi kwabo kuze kuthi labasilileyo balicatshela babhujiswe. **21** Lingabesabi, ngoba uThixo uNkulunkulu wenu ophakathi kwenu, nguThixo omkhulu njalo owesabekayo. **22** UThixo uNkulunkulu wenu uzazidudula lezozizwe phambi kwenu kancanekancane. Aliyikuvunyelwa ukuzibhubhisa ngasikhathi sinye ngoba izinyamazana zeganga zinganda zilihanqe. **23** Kodwa uThixo uNkulunkulu wenu uzabanikela kini, abaphazamise baze babhujiswe. **24** Amakhosi azo uzawanikela ezandleni zenu, njalo lizakwesula amabizo awo ngaphansi komkhathi. Kakho ozakwenelisa ukumelana lani, lizababhubhisa. **25** Izithombe zabonkulunkulu bazo lizazitshisa ngomlilo. Lingahawukeli isiliva legolide eliphezu kwezithombe, lingazigcineli lona, ngoba lizabe selizibambisile emjibileni ngalo, ngoba liyisinengiso kuThixo uNkulunkulu wenu. **26** Lingalethi okunengisayo ezindlini zenu, ngoba lani njengakho lokho lizakhethelwa ukubhujiswe. Kwenyanyeni linengeke ngakho, ngoba kumiselwe ukutshabalalisa.”

8 “Nnanzelelani njalo lilande yonke imilayo englinika yona lamuhla, ukuze liphile njalo lande khona lizangena lithumbe ilizwe uThixo alinika okhokho benu ethembisa ngesifungo. **2** Likhumbule ukuthi uThixo uNkulunkulu wenu walikhokhela njani lidabula inkangala okweminyaka engamatshumi amane, elichumisa lokulilinga ukuthi abone okwakusezinhliziyweni zenu, ukuthi kambe lizayigcina imiyalo yakhe na loba hayi. **3** UThixo walichumisa, walenza lalamba kanti njalo walipha ukudla okuyimana, ukudla lokho laboyihlo abangazange bakwazi, kuyikulifundisa ukuthi umuntu kaphili ngesinkwa kuphela zwi kodwa ngalo lonke ilizwi eliphuma emlonyeni kaThixo. **4** Izigqoko zenu aziguganga njalo lezinyawo zenu azivuvukanga kuleyo minyaka engamatshumi amane. **5** Gcinani

lokhu ezinhliziyweni zenu lazi ukuthi njengendoda ikuza indodana yayo, ngokufananayo uThixo uNkulunkulu wenu uyalikuza. **6** Gcinani imilayo kaThixo uNkulunkulu wenu lihambe endleleni yakhe njalo limkhonze. **7** Ngakho uThixo uNkulunkulu wenu ulisa elizweni elihle, ilizwe elilezifula leziziba zamanzi, intombo zamanzi ezimpompoza ezigodini lasemaqaqeni; **8** elizweni lengqoloyi lebhali, amavini lemikhiwa, amaphomegranathi, amafutha ama-oliva lenyosi; **9** elizweni lapha okungasayi kusweleka khona isinkwa njalo aliyikuswela lutho; elizweni lapho amatshe akhona ayinsimbi kanti njalo lingembia ikhophia emaqaqeni. **10** Lizakuthi selidlile lasutha, lidumise uThixo uNkulunkulu wenu ngelizwe elihle alinike lona. **11** Linanzelele ukuthi alilibali uThixo uNkulunkulu wenu, lingehluleki ukugcina imilayo yakhe, imithetho kanye lezimiso engilinika zona lamuhla. **12** Kungenzeka ukuthi lithi selidlile lasutha, selakhe izindlu ezinhle lahlala lazinja, **13** njalo imihlambi yezifuyo zenu leyezimvu zenu isiqhelile yanda kuze kuthi lesiliva legolide lenu selilinengi kanye lakho konke okwenu sekukunengi kuphindwe kanenginengi, **14** liziqhenye ezinhliziyweni zenu, libe selikhohlwa uThixo uNkulunkulu wenu, yena ovalikhupha eGibhithe, walikhupha elizweni lobuggili. **15** UThixo walikhokhela enkangala enkulu eyesabekayo, eyomileyo engelamanzi, elobuthi benyoka lenkume. Walinika amanzi aphuma edwaleni. **16** Walinika imana ukuba lidle enkangala, into abangazange bayazi oyihlo, ukulichumisa njalo lokulilinga ukuze kuthi ekucineni kulihambele kuhle. **17** Mhlawumbe lingathi, ‘Ngokuzimisela kwami langamandla ezandla zami sengizidalele inotho.’ **18** Kodwa khumbulani uThixo uNkulunkulu wenu ngoba kunguye olipha amandla okunotha, lokho kuyikho ukugcwaliseka kwsivumelwano sakhe, sona afunga kubokhokho benu, okulokhu kunjalo lalamuhla. **19** Nxa lizake likhohlwe uThixo uNkulunkulu wenu beselilandela abanye onkulunkulu libakhonze libakhothamele, ngiyalifungela lamuhla ukuthi lizabhujiwa ngempela. **20** Njengezizwe uThixo azibhubhisa phambi kwenu lani lizabhujiwa nguThixo uNkulunkulu wenu.”

9 “Zwana, We Israyeli. Khathesi ususiyachapha ijodani ukuze ungene uyethathela izizwe ezinkulu ezilamandla kulawe, ezilamadolobho amakhulu alemiduli etshaya emkhathini. **2** Abantu bakhona

balamandla njalo bade, ngama-Anakhi. Liyakwazi konke ngabo njalo selike layizwa indumela yabo yokuthi: ‘Ngubani ongamelana lama-Anakhi?’ **3** Kodwa qinisekani lamuhla ngoba uThixo uNkulunkulu wenu nguye ozachapha phambi kwenu njengomlilo otshisa ubhuqe. UThixo uzababhuhisa; uzabanyathela phambi kwenu. Lizabaxotsha libabhubhise masinyane, njengokuthembisa kukaThixo. **4** Ngemva kokuba uThixo uNkulunkulu wenu esebanqobile phambi kwenu, lingabozikhohlisa lisithi, ‘UThixo ungilethe lapha ukuba ngilithathe libe ngelami lelilizwe ngenxa yokulunga kwami.’ Akunjalo, kungenxa yezono zalezizizwe okuzakwenza ukuthi uThixo azisuse phambi kwakho. **5** Akusikho ukuthi kungenxa yokulunga kwakho loba ukuziphatha ngobuntu bakho okuzakwenza ungene kulelolizwe ulithathe; kodwa kungenxa yezono zalezozizwe, uThixo uNkulunkulu wakho uzaxizotsha phambi kwakho lezizizwe ukuze kugcwaliseke isifungo uThixo wakho asenza kuboyihlo, u-Abhraham, u-Isaka kanye loJakhobe. **6** Zwisisa manje, ukuthi akungenxa yokulunga kwakho ukuthi uThixo uNkulunkulu wakho ukunika lelilizwe ukuba libe ngelakho, ngoba lina simo senu lingontamozilukhuni.” **7** “Khumbulani lokhu njalo lingakhohlwa ukuthi lamthukuthelisa njani uThixo uNkulunkulu wenu enkangala waze wazonda. Kusukela ngosuku elasuka ngalo eGibhithe lize lizofika lapha, belilokhu lihlamukela uThixo. **8** EHorebhi lavusa ulaka lukaThixo ngalokho wazonda okokuthi wayezalibhubhisa. **9** Kwathi ekukhweleni kwami intaba ngisiyakwamukela izibhebhedu zamatshe, izibhebhedu zesivumelwano uThixo asenza lani, ngahlala entaben i okwensuku ezingamatshumi amane lobusuku obungamatshumi amane; angidlanga sinkwa njalo angizange nginathe amanzi. **10** UThixo wanginika izibhebhedu zamatshe ezimbili okwakulotshwe kuzo ngomunwe kaNkulunkulu. Kulezibhebhedu kwakulotshwe yonke imilayo eyayethulwe nguThixo kini phezu kwentaba ephakathi komlilo, ngosuku lombuthano. **11** Ekupheleni kwensuku ezingamatshumi amane njalo lobusuku obungamatshumi amane, uThixo wangipha izibhebhedu zamatshe ezimbili, izibhebhedu zesivumelwano. **12** UThixo wangitshela wathi, ‘Suka lapha wehle ngokuphangisa, ngoba abantu bakho owabakhupha eGibhithe sebexhwalile. Sebephambukile masinyane kulokho engangibalaye

ngakho njalo sebezibumbele isithombe.’ **13** UThixo wathi kimi, ‘Sengibabonile lababantu, njalo bangontamozilukhuni ngeqiniso! **14** Ngiyekela ukuze ngibabhuhise njalo ngesule amabizo abo ngaphansi kwamazulu. Njalo ngizakwenza ube yisizwe esilamandla futhi esikhulu kulesabo.’ **15** Ngasengiphenduka ngehla entabeni yona ivutha ilangabi lomlilo. Kanti njalo izibhebhedu zombili zesivumelwano zazisezandleni zami. **16** Ngathi ngiyakhangelu ngabona ukuthi lonile phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu; laselizibumbele isithombe esibunjwe ngesimo sethole. Laseliphambukile masinyane lasuka endleleni uThixo ayelilaye ngayo. **17** Ngalokho ngathatha izibhebhedu zombili ezazisezandleni zami ngazisakazela phansi, zaphahlazeka zaba yizicucu phambi kwenu. **18** Kanti-ke njalo ngazilahla ngawa phambi kukaThixo okwensuku ezingamatshumi amane njalo lobusuku obungamatshumi amane; angidlanga sinkwa njalo angizange nginathe amanzi, ngenxa yezonu zonke elaselizidalile, lisenza okubi emehlwani kaThixo njalo lamthukuthelisa waze wazonda. **19** Ngesaba intukuthelo lolaka lukaThixo, ngoba wayezonde kangangokuba wayengalibhubhisa. Kodwa-ke futhi uThixo wangilalela. **20** UThixo wamthukuthelela u-Aroni kangangokuba wayengamtshabalalisa, kodwa-ke ngalesosikhathi laye u-Aroni ngamkhulekela. **21** Ngabuye ngathatha into yokona kwenu, ithole leli elalilibumble, ngalitshisa emlilweni. Ngasengilichoboza njalo ngalichola laba yimpuphu ecoleke njengothuli ngaluhaa esifuleni esigeleza entabeni. **22** Laphinda njalo lamthukuthelisa uThixo eThabhera, laseMasa kanye laseKhibrothi Hathava. **23** Kanti uThixo wathi elisusa eKhadeshi Bhaneya, wathi, ‘Qhubekani njalo liyethatha ilizwe engilinike lona.’ Kodwa lahlamukela umlayo kaThixo uNkulunkulu wenu. Alizange limhembe loba ukumlalela. **24** Belivele limhlamukela uThixo kusukela ngiqalisa ukulazi. **25** Ngazilahla ngawa phambi kukaThixo okwensuku ezingamatshumi amane kanye lobusuku obungamatshumi amane ngoba uThixo wayethe uzalibhubhisa. **26** Ngakhuleka njalo kuThixo ngathi, ‘Oh! Thixo Wobukhos, ungabhubhisi abantu bakho, ilifa lakho owalihlenga ngamandla akho amakhulu wabakhipha eGibhithe ngesandla sakho esilamandla. **27** Khumbula izinceku zakho u-Abrahama, u-Isaka kanye loJakhobe. Xola ebujholweni balababantu,

ebubini lasezonweni zabo. **28** Nxa kungenjalo ilizwe owasisusa kilo lizakuthi, “Ngoba uThixo wehluleka ukubangenisa elizweni ayebathembise lona, njalo langenxa yokuthi wayebazonda, wabakhupha ukuze bayefela enkangala.” **29** Kodwa ngabantu bakho, abayilifa lakho owalikhupha ngamandla akho amakhulu langengalo yakho eyeluliweyo.”

10 “Ngalesosikhathi uThixo wathi kimi, ‘Baza ezinye izibhebhedu zamatshe ezimbili zifanane lezakuqala uze lazo kimi entabeni. Uphinde njalo wenze ibhokisi ngezigodo. **2** Ngizabhalu kulezozibhebhedu amazwi ayesezibhebhedwini zakuqala owazipphahlazayo. Ube usuzifaka kulelobhokisi.’ **3** Ngakho ngenza ibhokisi lesivumelwano ngezigodo zesihihla som’akhakiya ngasengibaza izibhebhedu ezimbili zamatshe ezifanana lezakuqala, ngasengikhwela entabeni ngiphethe lezo zibhebhedu ezimbili. **4** UThixo wabhalu kulezozibhebhedu lokho ayekubhale kwezakuqala, imiThetho eliTshumi ayeyimemezele kini ephakathi komlilo, entabeni, ngosuku lokuhlangana. UThixo wasenginiika zona izibhebhedu. **5** Ngakho ngasengibuya ngisehla entabeni ngafika ngafaka izibhebhedu ebbokisini engangilenzile njengokulaywa kwami nguThixo, yikho zilokhu zikhona lakkhesi.” **6** (Abako-Israyeli bahamba besuka emithonjeni yaseBherothi-Bheni-Jakhani kusiya eMosera. Kulapho u-Aroni afela khona njalo wangcwatshwa khona, kwathi indodana yakhe u-Eliyazari yathatha isikhundla sakhe sobuphristi. **7** Besuka lapho bahamba baya eGudigoda bedlulela ejothibhatha, ezweni elilezifula ezilamanzi. **8** Ngalesosikhathi uThixo wehlukanisa abaLevi ukuze bathwale umtshokotsho wesivumelwano sikaThixo, ukuma phambi kukaThixo besenza umsebenzi wokukhonza kanye lokwethula izibusiso ngebizo lakhe, njengoba bekwenza lanamuhla. **9** Yikho abaLevi bengelasabelo loba ilifa phakathi kwabafowabo; elabo ilifa nguThixo, njengoba uThixo uNkulunkulu wenu wabatshela.) **10** “Ngasengihlale phezu kwentaba insuku ezingamatshumi amane lobusuku obungamatshumi amane, njengalokhu engangikwenze kuqala, lakanye uThixo wangilalela futhi okwalesosikhathi. Kwakungasikufisa kwakhe ukulibhubhisa. **11** UThixo wathi kimi, ‘Hamba uyekokhela abantu endleleni yabo, ukwenzela ukuthi bangene bathathe ilizwe engafunga kuboyise

ukuthi ngizabapha lona.” **12** “Khathesi-ke, Oh Israyeli, kuyini uThixo uNkulunkulu wakho angakucela kuwe ngaphandle kokuba umesabe uThixo wakho, ukuhamba ezindleleni zakhe, ukumthanda, ukumsebenzela uThixo uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke langomoya wakho wonke, **13** lokugcina imilayo kaThixo kanye lezimiso lezi engilinika zona lamhlanje ukuze kulilungele? **14** Amazulu ngakaThixo uNkulunkulu wenu, lamazulu aphakameyo, umhlaba kanye lakho konke okukiwo. **15** Kanti-ke uThixo watshengisela isihawu sakhe kubokhokho benu njalo wabathanda, ngalokho wakhetha lina, eliyizizukulwane zabo, phezu kwazo zonke ezinye izizwe, njengoba kunjalo lalamuhla. **16** Ngakho-ke, sokani inhliziyo zenu, njalo lingabe lisaba ngontamozilukhuni futhi. **17** Ngoba uThixo uNkulunkulu wenu nguNkulunkulu wabonkulunkulu njalo unguMbusi wababusi, uNkulunkulu omkhulu, olamandla njalo owesabekayo, ongelabandlululo futhi ongemukeli isivalamlomo. **18** Uyawavikela amalungelo ezintandane kanye labafelokazi, njalo uyabathanda abangabezizweni phakathi kwenu, ubanika ukudla lezemba. **19** Ngakho kuzamele lithande abezizweni, njengoba lina lalingabezizweni eGibhithe. **20** Mesabeni uThixo uNkulunkulu wenu njalo limkhonze. Bambelelani kuye njalo lenze izifungo zenu ngebibzo lakhe. **21** Uyindumiso yenu, unguNkulunkulu wenu, owalenzela lezozimanga ezinkulu lezesabekayo elazibona ngamehlo enu. **22** Okhokho benu abaya eGibhithe babengamatshumi ayisikhombisa kuphela, kanti khathesi uThixo uNkulunkulu wenu uselenze laba banengi njengezinkanyezi esibhakabhakeni.”

11 “Thandani uThixo uNkulunkulu wenu lilondoloze okwakhe, izimiso, imithetho lemilayo yakhe ngazozonke izikhathi. **2** Khumbulani lamuhla ukuthi abantwabenu akusibo ababubonayo njalo babazi ubukhulu bukaThixo uNkulunkulu wenu; ubukhosibakhe, isandla sakhe esilamandla, lengalo yakhe eyelulekileyo; **3** izibonakaliso azenzayo kanye lakho konke akwenzayo phakathi kwelizwe leGibhithe, ezenza kuFaro iNkosi yeGibhithe laselizweni lakhe lonke; **4** lalokho akwenza kubutho leGibhithe, lasemabhizeni lezingqola zawo, ukuthi wakunqobanjani konke lokhu ngamanzi oLwandle oluBomvu mhla bexotshana lani, kanye lokuthi uThixo wabachitha baphela du. **5** Akusibantwabenu ababona alenzela khona enkangala laze lazafika lapha, **6**

kanye lalokho akwenza kuDathani lo-Abhiramu, amadodana ka-Eliyabi wako-Rubheni. Lapho umhlaba owavuleka khona phambi kwabako-Israyeli wabaginya bonke kanye lezimuli zabo, lamathente abo lakho konke okuphilayo okwakungokwabo. **7** Kodwakewa kwakungawenu amehlo abona zonke lezizinto ezazenziwe nguThixo. **8** Yikho-ke gcinani lilalele yonke imilayo engilinika yona lamuhla, ukuze lizuze amandla okuchapha ijodani liyelithumba lelolizwe, **9** njalo lihlale kulo isikhathi eside ilizwe uThixo alinika okhokho benu lezizukulwane zenu, ilizwe eligeleza uchago loluju. **10** Lelolizwe elizangena kulo lilithumbe alifanani lelizwe laseGibhithe, lapho elivela khona, lapho elalihanyela inhlanyelo yenu lithwala amanzi nzima lithelela njengesivandeni semibhida. **11** Kodwa ilizwe elilichaphela uJodani ukuze lilithumbe libe ngelenu yilizwe lezintaba lezihotsha ezinatha zigcwale ngamanzi ezulu. **12** Yilizwe uThixo uNkulunkulu wenu alikhathalelayo, amehlo kaThixo wenu aphezu kwalo kusukela ekuqaleni komnyaka kuze kube sekupheleni kwavo. **13** Ngakho lingalalela ngokwethembeka imilayo yami engilinika yona lamuhla, ukuthanda uThixo uNkulunkulu wenu njalo limkhonze ngenhliziyo zenu zonke, langemiphefumulo yenu yonke, **14** ngalokho ngizanisa izulu emhlabeni wenu ngesikhathi salo, ekwindla kanye lasentwasa, ukuze libe lenala yamabele njalo livune, iwayini elitsha kanye lamafutha. **15** Ngizamilisa utshani egangeni obuzadliwa zinkomo zenu, lina lizakudla lisuthe. **16** Qaphelani linanzelele ukuthi aliyikuhugeka lihlamuke likhonze abanye onkulunkulu libakhothamele. **17** Kungaba njalo ulaka lukaThixo luzavutha kini, njalo uzavala amazulu akhe ukuze kungabi lezulu elizakuna kuthi umhlaba wenu ungatheli izithelo, kuthi lina libhubhe masinyane elizweni elihle uThixo alinika lona. **18** Gcinani amazwi ami la ezinhлизيويونكى lasengqondweni zenu, abopheleni njengezimpawu ezandleni zenu, liwabophele lemabunzini enu. **19** Afundiseni abantwabenu, lixoxe ngawo nxa lihlezemakhaya enu kanye lapho lihamba endleleni, lapho lilala lanxa livuka. **20** Abhaleni emigubazini yezindlu zenu kanye lasemasangweni enu, **21** ukuze kuthi insuku zenu kanye lezabantwabenu zande elizweni uThixo afunga ukulinika okhokho benu, kuze kube laphakade. **22** Nxa lingamhloniphala lilandele imilayo yami le engilinika yona ukuba liyilandele, ukuthanda

uThixo uNkulunkulu wenu, ukuhamba ngezindlela zakhe libambele kuye ngokuqinileyo, **23** ngalokho uThixo uzazixotsha zonke izizwe phambi kwenu njalo lani lizazemuka izizwe ezinkulu kulani, njalo ezilamandla kulani. **24** Yonke indawo elizanyathela kuyo izakuba ngeyenu: umhlaba wenu uzaqhela ukusuka enkangala usiya eLebanoni, kusuka emfuleni iYufrathe kusiya olwandle olusentshonalanga. **25** Kakho ozamelana lani. UThixo uNkulunkulu wenu, njengokulithembisa kwakhe, uzaletsha ukuthuthumela ngani lokulesaba elizweni lonke, ngaphi langaphi elihamba khona. **26** Khangelani, lamuhla ngifaka phambi kwenu isibusiso lesithuko, **27** isibusiso nxa lilalela imilayo kaThixo uNkulunkulu wenu engilinika yona lamuhla; **28** isithuko nxa lingalaleli imilayo kaThixo uNkulunkulu wenu njalo libe selitshiya indlela engilikhomba yona ngokulandela abanye onkulunkulu elingabaziyo. **29** Nxa uThixo uNkulunkulu wenu eselifikisilelizweni eselingena kulo ukuba lilithumbe, kalibomemezelza liseNtabeni iGerizimu lezozibusiso, kuthi liseNtabeni ye-Ebhali limemezele izithuko. **30** Njengoba lisazi, izintaba zingaphetsheya kweJodani, entshonalanga yomgwaqo okhangele entshonalanga, eduzane lezihlahla ezinkulu zaseMore, elizweni lalawo maKhenani ahlala e-Arabha eduzane kweGiligali. **31** Seliseduze ukuchapha ijodani ukuba lingene lithumbe lelolizwe uThixo uNkulunkulu wenu alinika lona. Kuzakuthi nxa selilithethe selihlala khona, **32** libe leqiniso lokuthi liyalalela zonke izimiso lemithetho engilibekela yona lamuhla.”

12 “Lezi yizo izimiso lemilayo okumele likugcine ngnanzelelo elizweni uThixo uNkulunkulu wabokhokho benu alinika lona ukuba libe ngelenu nxa lilokhu lisahlala kulelolizwe. **2** Dilizani ngokupheleleyo zonke izindawo izizwe elizingqobayo ezazikhonzela onkulunkulu bazo khona, ezintabeni eziphakemeyo lasemaqaqeni kanye langaphansi kwezihlahla ezinabileyo. **3** Dilizani ama-alithare ezizwe, libhidlize amatshe abawakhonzayo litshise izinsika zika-Ashera emlilweni, dilizelani phansi izithombe zabo lihle lichithe licitshe amabizo abo kulezondawo. **4** Lingalandeli izindlela zabo zokukhonza uThixo uNkulunkulu wenu. **5** Kodwa lizadinga indawo uThixo uNkulunkulu wenu azayikhetha phakathi kwazo zonke izizwana zenu, ukuze abeke iBizo lakhe lapho, ahiale khona. Kumele liye kuleyondawo; **6** khonapho lilethe iminikelo

yenu yokutshisa lemihlatshelo, lokwetshumi kwenu leziphlo zenu eziqakathekileyo, lokho elifunge ukukunikela kanye leminikelo yenu yokuzithandela, amazibulo emihlambi yenu yenkomo leyezimvu. **7** Khonapho, phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu, lina kanye labantwabenu lizakudla njalo lijabule ngakho konke elike labeka izandla zenu kukho, ngoba uThixo uNkulunkulu wenu ulibusisile. **8** Lingabokwenza njengalokhu esikwenza lamuhla, ngamunye esenza njengokuthanda kwakhe, **9** ngoba alikangeni endaweni yokuphumula kanye lelifeni uThixo uNkulunkulu wenu alinika lona. **10** Kodwa lizachapha uJodani liyekwakha lihlale elizweni uThixo uNkulunkulu wenu alinika lona ukuba libe yilifa lenu, njalo uzaliphumuza ezitheni zenu elakhelene lazo ukuze lihlale livikelekile. **11** Okumayelana lendawo uThixo uNkulunkulu wenu azayikhetha ibe likhaya leBizo lakhe, kulapho elizaletha konke engililaya ngakho: iminikelo yenu yokutshisa lemihlatshelo, okwetshumi kwenu leziphlo zenu eziqakathekileyo, kanye lazozonke impahla elikhetha ukufunga ngazo kuThixo. **12** Khona lapho lijabule phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu, lina, amadodana lamadodakazi enu, izinceku lezincekukazi zenu, kanye labaLevi abavela emadolobheni enu, abangelasabelo loba ilifa abaliphiwayo libe ngelabo. **13** Limukani linganikeleli iminikelo yenu yokutshisa ingqe kungaphi elithanda khona. **14** Nikelelani kuphela endaweni uThixo azayikhetha phakathi kwezizwana zenu kuthi selilapho linanzelele konke engililaya ngakho. **15** Ngalokhoke, selilakho ukuhlaba izifuyo zenu lizibulale njengalokhu okwenziyawo emadolobheni enu njalo lidle yonke leyonyama elitifa ukuyidla, kungani lithaka loba imbabala, kusiya ngesibusiso leso lowo lalowo ayabe ebusiswe ngaso nguThixo uNkulunkulu wenu. Bonke labangahlanzekanga labahlanzekileyo ngokomkhuba bavunyelwe ukuyidla. **16** Kodwa lingadli igazi lazo; lilahleni kungathi lichitha amanzi phansi. **17** Lingakudli emadolobheni enu okwetshumi kwamabele enu kanye lokwewayini elitsha lamafutha, loba amazibulo emihlambi yezfuyo zenu, lakho konke eselifunge lathembisa ukuba lizanikela ngakho, leminikelo yenu yokuzithandela loba iziphlo eziqakathekileyo. **18** Kodwa kumele likudle phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu endaweni ezakhethwa nguThixo uNkulunkulu wenu, lina, amadodana lamadodakazi enu, izinceku lezincekukazi

zenu, kanye labaLevi abavela emadolobheni enu, lina labo lizajabula phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu ngakho konke elikuphatha ngezandla zenu. **19** Linanzelele lingalibali beselikhohlwa abaLevi nxa lilokhu lisahlala elizweni lenu. **20** Nxa uThixo uNkulunkulu wenu eseqhelisile ilizwe lenu njengokulethembisa kwakhe, libe seliroyisa ukudla inyama lithi, ‘Ngifisa ukudla inyama,’ kulapho elizakudla khona lize lifike lapho elithanda khona. **21** Nxa indawo leyo lapho uThixo uNkulunkulu wenu akhetha ukubeka iBizo lakhe ihatshana kakhulu lani, lingahlaba emihlambini yezifuyo leyezimvu njengokuyiphiwa kwenu nguThixo, njengoba ngililayile, kuthi emadolobheni enu lizidle lezozifuyo njengokuthanda kwenu. **22** Lidle kungathi lidla ithaka lembabalala. Bonke abangahlanzekanga ngokomkhuba labahlanzekileyo bangadla. **23** Kodwa linanzelele lingadli igazi, ngoba igazi yiyo impilo ngakho akufanelanga ukuthi lidle impilo lenyama. **24** Lingabokudla igazi; lichitheleni emhlabathini kungathi lilahla amanzi. **25** Lingadli, ukuze kulihambele kuhle lina kanye labantwabenu abezayo, ngoba lizabe lenze okuhle emehlweni kaThixo. **26** Kodwa thathani lokho okugcotshiweyo lalokho elifunge ukukunikela lisuke liye endaweni ezakhethwa nguThixo. **27** Lethani iminikelo yenu yokutshiswa e-alithareni likaThixo uNkulunkulu wenu, konke inyama kanye legazi. Igazi leminikelo yenu lilichithele phansi kwe-alithari likaThixo uNkulunkulu wenu, kodwa lingadla inyama yakhona. **28** Linanzelele lilandele iziqondiso zonke engilinika zona, ukuze kulihambele kuhle lina kanye labantwabenu abezayo ngemva kwenu, ngoba lizabe lenze okuhle njalo kulungile emehlweni kaThixo uNkulunkulu wenu. **29** UThixo uNkulunkulu wenu uzazichitha phambi kwenu zonke izizwe okufanele lizihlasele libe selizemuka okungokwazo. Kodwa nxa selizingqobile lazichitha selihlezi elizweni lazo, **30** njalo nxa sezichithiwe phambi kwenu, liqaphele lingahugeki ngokubuza ngabonkulunkulu bazo lisithi, ‘Kanti zona lezizizwe zibakhonza njani onkulunkulu bazo? Lathi sizakwenza okufananayo.’ **31** Lingabokhonza uThixo uNkulunkulu wenu ngendlela abakhonza ngayo, ngoba ekukhonzeni kwabo onkulunkulu babo, benza konke okunengisayo okungasoze kwamukeleke kuThixo. Baya baze batshise amadodana lamadodakazi abo emlilwени bethi bayanikela kubonkulunkulu babo. **32** Nanzelelani

ukuthi lenza lokho engililaya ngakho, lingengezeleli loba liphungule kulokho.”

13 “Nxa umphrofethi, loba umuntu oboniswa ngamaphupho, angavela phakathi kwenu abesebika imilingo loba isimanga, **2** kuthi leyomilingo loba lesosimanga ayabe ekhulume ngaso, kubonakale kusenzakala, abesesithi, ‘Asilandeleni abanye onkulunkulu’ (onkulunkulu elingabaziyo) ‘njalo asibakhonzeni,’ **3** lingalaleli amazwi alowo mphrofethi loba umuntu wamaphupho. UThixo uNkulunkulu wenu uzabe elilinga efuna ukubona kumbe liyamthanda yini ngezinhliziyo zenu kanye langemiphefumulo yenu yonke. **4** NguThixo uNkulunkulu wenu okumele limlandele, kanti nguye uqobo okumele limesabe. Gcinani imilayo yakhe njalo limlalele; mkhonzeni libambeleli liqine kuye. **5** Lowo mphrofethi loba lowomuntu wamaphupho akhe kumele abulawe, ngoba utshumayele wakhuthaza ukuhlamlukela uThixo uNkulunkulu wenu, owalikhupha eGibhithe njalo walihlenga elizweni lobugqili; njalo ngumuntu obezama ukuliphambula endleleni uThixo uNkulunkulu wenu alilaya ngayo ukuba liyalandele. Kumele lihlambulule ububi phakathi kwenu. **6** Nxa umfowenu uqobo, loba indodana loba indodakazi yakho, loba umfazi wakho omthandayo, loba umngane wakho osekhwapheni, angavele akuhuge ensitha, esithi, ‘Asihambe siyekhonza abanye onkulunkulu’ (onkulunkulu lina laboyihlo elingazange libazi, **7** onkulunkulu babantu elakhelene labo, eduzane loba khatshana, kusukela emaphethelweni esigaba kusiyaphutsha ngale kwaso), **8** lingamvumeli futhi lingamlaleli. Lingamtshengiseli uzwelo. Lingamphephisi njalo lingamvikeli. **9** Kumele ngeqiniso abulawe. Isandla senu kumele sibe yiso esikhokhela ukubulawa kwakhe, kulandele zonke ezabanye abantu. **10** Mkhandeni ngamatthe limbulale, ngoba uzame ukuliphambula elisusa kuThixo uNkulunkulu wenu, owalikhupha eGibhithe, walikhupha elizweni lobugqili. **11** Ngalokho wonke u-Israyeli uzakuzwa esabe, kakho loyedwa phakathi kwenu ozake aphinde enze into enjalo futhi. **12** Lingezwa kuthiwa kuledolobho elikwenzayo lokhu phakathi kwamadolobho eliaphiwe nguThixo uNkulunkulu wenu ukuba lihlale kuwo **13** kulamadoda aphakathi kwenu asedukise abantu balawo madolobho, esithi, ‘Asihambeni siyekhonza abanye onkulunkulu’ (onkulunkulu

elingakaze libazi), **14** kufanele libuzisise, lichwayisise lihlole ngokupheleleyo. Kuthi nxo kuliqiniso njalo kugcwalseke ukuthi lesisinengiso sikhona phakathi kwenu, **15** kumele lifake inkemba ngeqiniso kulabo bonke abahlala kulelodolobho. Lilichithe litshabalale ngeqiniso, abantu bakhona kanye lezifuyo zakhona. **16** Buthelelani konke okuthunjiwego kulelodolobho phakathi enzikini yalo enkundleni yokuhlanganelu kwabantu lilithungele litshe llobe lelodolobho kanye lempahla zalo zonke njengomnikelo wokutshiswa kuThixo uNkulunkulu wenu. Kumele lisale lilunxiwa lelodolobho kokuphela, lingakhiwa kutsha futhi. **17** Akungabi lokukodwa kwalokho okusoliwego okuzafunyanwa ezandleni zenu, ukuze uThixo adedise ulaka lwakhe oluvuthayo; alitshengisele umusa wakhe, abe lozwelo kini, andise amanani enu, njengoba wathembisa ngesifungo kubokhokho benu, **18** ngoba lilalela uThixo uNkulunkulu wenu, ligcina imilayo yakhe le engilinika yona lamuhla njalo lisenza okulungileyo emehlwani akhe.”

14 “Lingabantwana bakaThixo uNkulunkulu wenu.

Lingabozisika loba liphue amakhanda enu lizilela abafileyo, **2** ngoba lingabantu abangcwele kuThixo uNkulunkulu wenu. Ebantwini bonke abasemhlabeni, uThixo ulikhethile lina ukuthi libe ngabantu bakhe abaligugu. **3** Lingadli loba kuyini okunengisayo. **4** Nanzi izinyamazana elingazidla: inkomo, imvu, imbizi, **5** umziki, impala, umziki obomvu, imbizi yeganga, imbizi mawa, umtshwayeli lemvu yentaba. **6** Lingadla zonke izinyamazana ezilenklagu ezipulekileyo lezentshisayo. **7** Kodwike kulezo ezilenklagu ezipulekileyo loba lezo ezentshisayo zilani lingadli ikamela, umvundla loba imfila. Zingcolile kini ngokomkhuba. **8** Ingulube layo ayihlanzekanga; lanxa ilenklagu ezipulekileyo kayentshisi. Lingabokudla inyama yazo, lingathinti lezidumbu zazo. **9** Kuzozonke izidalwa ezihlala emanzini, lingadla zonke lezo ezilempiko lamaxolo. **10** Kodwa konke lokho okungelampiko lamaxolo akumelanga likudle; kungcolile kini. **11** Lingadla loba yiphi inyoni ehlanzekileyo. **12** Kodwa lezi lingazidli: ukhozi, ilinqe elimnyama, **13** uhelwane olubomvu, uhelwane olumnyama, loba yiwuphi umhlobo womzwazwa **14** loba yiphi imihlobo yamawabayi, **15** isikhova esilesicholo, ingabuzane, idada lolwandle, loba wuphi umhlobo wokhozi, **16** umandukulo, isikhova esikhulu, isikhova esimhlophe, **17** isikhova

senkangala, ukhozi lwenhlanzi, itshayamanzi, **18** ingabuzane, lawuphi umhlobo welanda, imvenduna lomalulwane. **19** Zonke izibungu eziphaphayo zingcolile kini; lingabozidla. **20** Kodwa konke okulempiko okuhlanzekileyo kudleni. **21** Lingabokudla ingcuba. Lingakunika loba ngubani owezizweni ohlezi loba kukuliphi phakathi kwamadolobho enu, yena angakudla, ulakho njalo ukuthi angathengisela omunye laye owezizweni. Kodwa lina lingabantu abangcwele kuThixo uNkulunkulu wenu. Lingapheki izinyane lembuzi ngochago lukanina.” **22** “Wobani leqiniso ukuthi libeka eceleni lokhu okuyingxene eyodwa yetshumi yesivuno somnyaka. **23** Dlanini okwetshumi kwamabele enu, iwayini elitsha lamafutha, kanye lamazibulo emihlambi yenkomu zenu lawezimvu emehlwani kaThixo uNkulunkulu wenu endaweni azalikhethela yona ukuba ibe leBizo lakhe, ukuze lifunde ukumphakamisa uThixo uNkulunkulu wenu ngezikathu zonke. **24** Kodwa nxo leyondawo ikhatshana kakhulu lina libusisiwe nguThixo uNkulunkulu wenu njalo lingenelisi ukuthwala okwetshumi kwenu (ngenxa yokuthi lapho uThixo akhethe ukubeka khona iBizo lakhe kukhatshana kakhulu), **25** thengisani okwetshumi kwenu ngesiliva, libe selithatha lihambe lesiliva liye endaweni leyo ezabe ikhethwe nguThixo uNkulunkulu wenu. **26** Sebenzisani isiliva lithenge ngaso loba yini elifuna ukuyithenga: inkomo, izimvu, iwayini loba kuyini elikufunayo. Ngakho lina kanye labendlu yenu lizakudla khonapho phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu njalo libe lokujabula. **27** Njalo lingakholwa abaLevi abahlala emadolobheni enu, ngoba abalaso isabelo esingesabo njalo abaphiwanga ilifa. **28** Ekupheleni kweminyaka emithathu, lethani okwetshumi kwsivuno salowomnyaka likugcine emadolobheni enu, **29** yikho kuzakuthi abaLevi (bona abangelasabelo loba ilifa elingelabo) kanye labezizweni, izintandane ezingelaboyise labafelokazi abahlala emadolobheni enu beze labo bazokudla basuthe, njalo kuze kuthi uThixo uNkulunkulu wenu alibusise kuyo yonke imisebenzi yezandla zenu.”

15 “Ekupheleni kweminyaka eyisikhombisa kumele lesule izikwelede. **2** Nanso indlela elizakuphatha ngayo: Wonke umuntu owake waboleka omunye wakibo wako-Israyeli impahla yakhe kumele esule lessosikwelede. Akusafanelanga ukuthi adinge ukuhlalawulwa ngomunye wakhe wako-Israyeli loba

umfowabو, ngoba isikhathi sikaThixo sokwesula izikwelede sesimenyezelwe. 3 Lilakho ukuthi lihlawulwe ngabezizweni, kodwa kumele lesule isikwelede umfowenu ayabe elaso kini. 4 Kodwa akungabi lomuntu oswelayo phakathi kwenu, ngoba elizweni lelo uThixo uNkulunkulu wenu alinika lona ukuze libe yilifa lenu, uzalibusisa kakhulu, 5 nxa lizalalela uThixo uNkulunkulu wenu linanzelele njalo ukuthi liyayilandela yonke imilayo yakhe engilethulela yona lamuhla. 6 Kungenxa yalokho uThixo uNkulunkulu wenu azalibusisa njengokulithembisa kwakhe, njalo lizakweboleka izizwe ezinengi kodwa lina aliyikweboleka lutho kuzo. Lizabusa phezu kwezizwe ezinengi kodwa lina akulasizwe esizalibus. 7 Nxa ekhona ongumyanga phakathi kwabafowenu emadolobheni la uThixo uNkulunkulu wenu alinika wona lasemazweni eliwaphiweyo, lingabi lezinhliziyo ezilukhuni loba ukuba ngabancitshanayo kumfowenu ongumyanga. 8 Kuhle ukuthi libe ngabaphanayo limeboleke ngokukhululeka loba yini ayiswelayo. 9 Limukani lingagcimi umnakano omubi othi: ‘Umnyaka wesikhombisa, umnyaka wokwesulwa kwezikwelede, ususondele,’ ukuze lingabi lomoya omubi ngomfowenu oswelayo lingabe lisamnika lutho. Kungenzeka acele kuThixo ukuba alihlanekele, libe selifunyanwa lilesono. 10 Mupheni okunengi njalo lokhu likwenze ngezinhliziyo ezingelamona; kanti-ke ngenxa yalokho uThixo uNkulunkulu wenu uzalibusisa kuyo yonke imisebenzi yenu lakukho konke elibeka izandla zenu kukho. 11 Kuzahlala kulokhu kulabantu abangabayanga elizweni. Ngakho ngiyalilaya ukuba phanini ngezandla ezipulekileyo kubafowenu kanye lakubo bonke abangabayanga labaswelayo elizweni lenu.” 12 “Nxa omunye wenu ongumHebheru, owesilisa loba owesifazane, ezithengisile kini, angasebenza iminyaka eyisithupha, ngomnyaka wesikhombisa kumele limkhulule azihambele. 13 Mhla limkhulula lingamyekeli ehamba eze engaphethe lutho. 14 Mnikeni emhlambini yenu ngomoya wokuphana, lasemabeleni asebhuliwe kanye lewayini eselihluziwe. Mnikeni njengokubusisa kwenu nguThixo uNkulunkulu wenu. 15 Khumbulani ukuthi laliyizigqili eGibhithe uThixo uNkulunkulu wenu walikhulula. Yikho ngilinika umlayo lo lamuhla. 16 Kodwa nxa isisebenzi senu singathini kini, ‘Angifuni ukusuka lapha,’ ngenxa yokuthi siyalithanda lina labendlu yenu njalo sihlezi

kuhle lani, 17 thathani usungulo libhobozele indlebe yaso emnyango, sihle sibe yisisebenzi senu kokuphela. Lokhu likwenze lasesigqilini sesifazane. 18 Lingakuthathi njengomthwalo onzima ukukhulula izisebenzi zenu, ngoba umsebenzi esiyabe sikwenzele wona eminyakeni eyisithupha uyalingana lomsebenzi ophindwe kabili owenziwa ngoqhatshiwego. Ngakho uThixo uNkulunkulu wenu uzalibusisa kukho konke elikwenzayo.” 19 “Yehlukaniselani uThixo uNkulunkulu wenu amazibulo wonke amaduna emhlambini yenu kanye leyezimvu. Lingasebenzisi loba yiliphi izibulo emhlambini loba owezimvu njalo lingagundi uboya bamazibulo ezimvu zenu. 20 Ngayo yonke iminyaka lina kanye labendlu yenu lizawadla phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu endaweni azayikhetha yena. 21 Nxa inyamazana ilesici, iqhula loba iyisiphofu, loba ilokunye okusolekayo, linganikeli ngayo kuThixo uNkulunkulu wenu. 22 Leyo lizayidlela emadolobheni enu. Bonke abahlanzekileyo labangahlanzekanga ngokomkhuba balakho ukuyidla, kungani badla ithaka lembabala. 23 Kodwa lingadli igazi lazo, lichitheleni emhlabathini kungathi lichitha amanzi.”

16 “Gcinani inyanga ka-Abhibhi njalo lihloniphe iPhasika likaThixo uNkulunkulu wenu, ngoba ngenyanga ka-Abhibhi walikhupha eGibhithe ngobusuku. 2 Nikelani okwePhasika kuThixo uNkulunkulu wenu ngesifuyo esivela emhlambini wenu loba emhlambini wezimvu endaweni ezakhethwa nguThixo uNkulunkulu wenu ukuba ibe yindawo yebizo lakhe. 3 Lingasidli ndawonye lesinkwa esilemvubelo, kodwa okwensuku eziyisikhombisa kumele lidle isinkwa esingelamvubelo, isinkwa sokuhlupheka, ngoba lasuka eGibhithe ngokujaha ukuze insuku zonke zokuphila kwenu likhumbule isikhathi elasuka ngaso eGibhithe. 4 Akungafunyanwa mvubelo kini lakulo lonke ilizwe lenu okwensuku eziyisikhombisa. Njalo lingatshiyi inyama yomhlatshelo wantambama ivuke ilokhu ikhona ngosuku olulandelayo. 5 Linganikeli okwePhasika loba kukuliphi idolobho uThixo uNkulunkulu wenu azalinika lona 6 ngaphandle kwalapho azakhetha khona ukuba kube yindawo yeBizo lakhe. Kulapho elizakwenzela khona umhlatshelo wePhasika ntambama, ekutshoneni kwelanga, kuyisikhumbuzo selanga elasuka ngalo eGibhithe. 7 Yoseni libe seliyidlela endaweni uThixo

uNkulunkulu wenu azalikhethela yona. Kuzakuthi ekuseni libuyele emathenteni enu. **8** Okwensuku eziyisithupha lizakudla isinkwa esingelamvubelo kuthi ngosuku lwasikhombisa libuthane kuThixo uNkulunkulu wenu lingenzi msebenzi.” **9** “Balani amaviki ayisikhombisa kusukela mhla liqalisa ukuvuna amabele. **10** Beselithakazelela uMkhosi wamaViki kuThixo uNkulunkulu wenu ngokupha umnikelo wokuzithandela kusiya ngezibusiso uThixo uNkulunkulu wenu aliphe zona. **11** Ngakho thokozani phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu endaweni azayikhethela ukuba ngeyeBizo lakhe, lina lamadodana lamadodakazi enu, izinceku lezincekukazi zenu zesifazane, abaLevi abasemadolbheni enu, kanye labezizweni, izintandane labafelokazi abahlezi phakathi kwenu. **12** Khumbulani ukuthi laliyizigqili eGibhithe, ngakho landelani leziziqondiso ngonanzelelo.” **13** “Gcinani uMkhosi weziHonqo okwensuku eziyisikhombisa ngemva kokubutha amabele enu ezindaweni zokubhulela lezokuhluzelu iwayini. **14** Thokozani emkhosini wenu, lina, amadodana enu kanye lamadodakazi enu, izinceku lezincekukazi zenu, kanye labaLevi, abezizweni, izintandane kanye labafelokazi abahlezi emadolbheni enu. **15** Okwensuku eziyisikhombisa thakazelelani umkhosi kuThixo uNkulunkulu wenu ezindaweni ezakhethwa nguThixo. Ngoba uThixo uNkulunkulu wenu uzalibusisa esivunweni senu sonke kanye lemisebenzini yezandla zenu, ukuze kupheleliswe intokozo yenu. **16** Kathathu ngomnyaka, wonke amadoda kumele aziveze phambi kukaThixo uNkulunkulu wenu endaweni azayikhetha, eMkhosini weSinkwa esingelaMvubelo, eMkhosini wamaViki kanye leMkhosini weziHonqo. Akungabi lamuntu ozabuya phambi kukaThixo engaphathanga lutho: **17** Ngamunye phakathi kwenu kumele lize liphethe isipho kusiya ngokuthi liphewe labusiswa ngokunganani nguThixo uNkulunkulu wenu.” **18** “Khethani abehluleli lezikhulu ezizwaneneni zenu sonke kuwo wonke amadolobho enu elizawaphiwa nguThixo uNkulunkulu wenu, njalo bahlulele abantu ngemfanelo. **19** Lingonakalisi ukulunga loba libandlulule. Lingavumi ukufunjathiswa ngoba ukufunjathiswa kufiphaza amehlo abahlakaniphileyo kulahlekise amazwi omuntu ongelacala. **20** Landelani ukulunga lilandele khona kuphela, khona lizaphila lilithumbe ilizwe uThixo uNkulunkulu wenu alinika

lona.” **21** “Lingazimiseli o-Ashera bezigodo phansi kwe-alithari elizalakhela uThixo uNkulunkulu wenu, **22** njalo lingamisi ilitshe elizakuthi lina lingcwele, ngoba uThixo uNkulunkulu wenu uyakuzonda lokho.”

17 “Lingenzi umhlatshelo kuThixo uNkulunkulu wenu ngenkabi loba imvu elesici lesolekayo, ngoba lokho kuyisinengiso kuye. **2** Nxa kulendoda loba owesifazane ohlala phakathi kwenu kwelinje lamadolobho eliwaphiwa nguThixo uNkulunkulu wenu limfumana esona emehlweni kaThixo uNkulunkulu wenu esephula isivumelwano, **3** njalo ngokwephula imilayo yami esezikhonzela abanye onkulunkulu, ebakhothamela loba ekhonza ilanga loba inyanga loba izinkanyezi zezulu, **4** kube kanti lokhu sekubikiwe kini, kutsho ukuthi kuzamele likuchwayisise ngokupheleleyo. Nxa kuliqiniso njalo sekubonakele ukuthi kuliqiniso lokhu okuyisinengiso okwenzakele ko-Israyeli, **5** thathani leyondoda loba owesifazane lowo owenze lesi senzo esibi limuse esangweni ledolobho lenu limkhande ngamatshe aze afe. **6** Ngobufakazi bababili loba abathathu indoda izabulawa, kodwa kakho ozabulawa ngobufakazi bomuntu oyedwa kuphela. **7** Akuthi ofakazi labo kube yibo abaqlisayo ukumkhanda, besekulandela bonke abanye abantu. Kumele lisuse ububi phakathi kwenu.” **8** “Nxa amacula eza phambi kwemithethwanda yenu enzima ukuwahlulela, loba awokuchitha igazi, ukwephula imithetho loba awokuhlaselwa, athatheni liye lawo endaweni uThixo uNkulunkulu wenu azayikhetha. **9** Hambani kubaphristi, abangabaLevi, kanye lakumahluleli osesikhundleni okalesosikhathi. Buzani kibo bona bazalinika isigwebo esifaneleyo. **10** Lina-ke kumele lenze njengokucebisa kwabo endaweni uThixo azayikhetha. Linanzelele ukuthi lenza lokho kanye abalqondisa ukuba likwenze. **11** Yenzani ngokomthetho njengalokho abalifundisa ngakho lezinqumo abalipha zona. Lingaphambuki kulokho abalitshela khona, liye kwersokudla loba kwesenxele. **12** Indoda etshengisela ukudelela iseyisa umahluleli loba umphristi owenza umsebenzi wokukhonza khonapho uThixo uNkulunkulu wenu kumele ibulawe. Kumele lisuse bonke ububi phakathi kuka-Israyeli. **13** Bonke abantu bazakuzwa besabe, bangabe besadelela futhi.” **14** “Ekungeneni kwenu elizweni uThixo uNkulunkulu wenu alinika lona selilithethe laba ngelenu njalo selihlezi kulo, njalo selisithi, ‘Asibekeni inkosi isibuse ukuze sifanane

4 Zwanini, madodana ami, izeluleko zikayihlo; lalelani lizuze ukqedisisa. 2 Ngilipha izifundo ezipheleleyo; ngakho lingalahli imfundiso yami. 3 Ngathi ngisengumfana emzini kababa, ngisebutthakathaka, ngiyimi ngedwa ingane kamama, 4 wangifundisa ubaba wathi, "Abambe amazwi ami ngenhlizyo yakho yonke; gcina imilayo yami ukuze uphile. 5 Zuza ukuhlakanipha, zuza ukqedisisa; ungawakhohlwa amazwi ami, kumbe ugudluke kuwo. 6 Ungafulatheli ukuhlakanipha, kuzakuvikela; kuthande, kuzakulinda. 7 Ukuhlakanipha kuyinqaba; ngakho zuza ukuhlakanipha. Zuza ukqedisisa loba kungathatha konke olakho. 8 Kugogose, kuzakuphakamisa; kugone, kuzakunika udumo. 9 Kuzakwethesa umqhele wamaluba omusa ekhanda lakho kukwethese umqhele wenkazimulo." 10 Zwana mntanami, yamukela lokho engikutshoyo, ukuze insuku zokuphila kwakho zibe zinengi. 11 Ngiyakukhokhela endleleni yokuhlakanipha, ngikuqondise ezindleleni eziqondileyo. 12 Nxa uhamba kawuyikuthika; nxa ugijima kawuyikhubeka. 13 Bambelela iziqondiso, ungayekethisi; zigcine kuhle ngoba ziyikuphila kwakho. 14 Ungayingeni indlela yababi njalo ungahambi endleleni yezigangi. 15 Ixwaye, unghambi ngayo; itshiye uqhubeke neyakho indlela. 16 Phela kabalali bengenzanga ukuganga; badela ubuthongo ukuze baqale balimaze omunye umuntu. 17 Badla isinkwa sobubi banathe iwayini lobudlwangudlwangu. 18 Indlela yabalungileyo injengovivi lokusa, kuhkule ukukhanya kwalo kuze kuphelele emini. 19 Kodwa indlela yababi ifana lomnyama omkhulu; kabazi ukuthi kuyini okubakhube. 20 Ndodana yami, zwana lokhu engikutshoyo; lalelisisa amazwi ami. 21 Ungawasusi emehlweni akho, agcine enhliziyweni yakho; 22 ngoba ayikuphila kulabo abawafumanayo; lokuqina komzimba wonke womuntu. 23 Phezu kwakho konke,

gcina inhliziyo yakho, ngoba ingumthombo wokuphila kwakho. **24** Lahla izibobi zamazwi emlonyeni wakho; ungakhuphi inkulumo yokuxhwala ezindebeni zakho.

25 Khangelisa amehlo akho nta phambili, uwathi nhlo amehlo akho kulokho okuphambi kwakho. **26** Lungisa izindlela ukuze inyawo zakho zinyathele kuhle, uhambe ngezindlela eziqinileyo kuphela. **27** Ungaphambukeli kwesokunene loba kwesokohoho; ugcine unyawo lwakho lunganyatheli okubi.

5 Ndodana yami, nanzelela ukuhlakanipha kwami, ulalele kuhle amazwi ami alombono, **2** ukuze uhlale ukwazi ukukhetha okuqondileyo lokuze izindebe zakho zigcine ulwazi. **3** Phela izindebe zesifebekazi zithonta uluju, lenkulomo yaso iyatshelela kulamafutha; **4** kodwa ekucineni iyababa ingathi yinyongo, ibukhali njengenkemba esika nxa zombili.

5 Inyawo zaso zehlela ekufeni; izinyathelo zaso ziqonda nta eliben. (**Sheol h7585**) **6** Kasikhathali ukuthi kuphilwa njani; izindlela zaso ziyazombeleza, kodwa kasikuboni lokho. **7** Ngalokho-ke, madodana ami, ngilalelani; lingaphambuki kulokho engikukhulumayo. **8** Hambani ngindlela ekhathshana kwaso, lingasondeli emnyango wendlu yaso, **9** funa unikele kwabanye amandla akho wonke lobudala bakho kulowo olesihluku, **10** funa abemzini bazitike ngenotho yakho lokusebenza kwakho kunothise umuzi wenye indoda. **11** Ekupheleni kokuphila kwakho uzabubula, lapho inyama yakho lomzimba wakho sekugugile.

12 Uzakuthi, "Uthi ngangikuzonda yini ukulaway! Inhlizyo yami yayikuzonda njani ukuqondiswal **13** Ngangingafuni ukulalela abafundisi bami kumbe ukulalela abeluleki bami. **14** Ngacina sengisenkingeni enkuu ngiphakathi kwabantu bakaNkulunkulu." **15** Natha amanzi kowakho umgqomo, amanzi agelezayo kowakho umthombo. **16** Kambe imifudlana yakho ingayekelwa igelezelza emigwaqweni, lezifula zakho zamanzi zigelezelza ezinkundleni zabantu na? **17** Kazibe ngezakho wena wedwa, ungazabelani labafokazana nje. **18** Sengathi ungabusiswa umthombo wakho njalo sengathi ungathokoza ngomfazi wobutsha bakho. **19** Oyimpalakazi ethandekayo, imbabala ebutshelezi amabele akhe sengathi angakusuthisa lanini, nini lanini ukhangwe luthando lwakhe. **20** Kungani ndodana yami, uthunjwa yisifebekazi? Kungani ugona iqolo lomfazi wenye indoda? **21** Phela izindlela zomuntu zisobala kuThixo, uyahilola zonke izindlela zakhe. **22** Izenzo ezimbi zomuntu omubi ziyamthiya;

izibopho zesono sakhe zimuthe nko. **23** Uzabhubha ngoba engalayeki, elahlekiswa yibuphukuphuku bakhe.

6 Ndodana yami, nxa wenzele umakhelwane wakho isibambiso, nxa libambene izandla ukuba uzamhlawulela imilandu yakhe, **2** aluba usuzihilele ngalokho okutshiloy, wazibambisa ngamazwi omlomo wakho, **3** lapho-ke yenza lokhu, ndodana yami, ukuzikhulula, njengoba usuwele ezandleni zakhe umakhelwane wakho: Hamba ufiye uehlise; mncengancenge umakhelwane wakho! **4** Ungabuvumeli ubuthongo emehlweni akho, ungavumeli ukuwozela enkopheni zakho. **5** Zikhulule njengempala ezandleni zomzingeli, njengenyoni esifini somthiyi. **6** Khangela ubunyonyo, wena vila; hlolisisa ukwenza kwabo uhlakaniphe! **7** Kabulamphathi, kabula mkgangeli loba umbusi, **8** kodwa buyaqoqa umphako wabo ehlobo bubuthe ukudla kwabo nxa kuvunwa. **9** Uzalala khonapho kuze kuge nini, vila ndini? Uzavuka nini ebuthongweni bakho? **10** Ukulala okuncane, ukuwozela okuncane, ukugoqa izandla karicane uphumula, **11** ubuyanga buzafika kuwe njengesela lokuswela njengesigebenga. **12** Isigangi lesixhwali esihamba sikhuluma amanyala, **13** esiqhweba ngelihlo sitshengise ngezinyawo zaso njalo sitshengise ngeminwe yaso, **14** esiceba ububi ngenkohlisu enhliziyewi yaso sithanda ukuvusa inkani kokuphela. **15** Ngakho lowo uzawelwa yingozи ngokuphazima; uzabhidizwa ngokuphangisa kungasekho okungenziwa. **16** Ziyisithupha izinto uThixo azizontayo, eziyisikhombisa eziyisinengiso kuye: **17** amehlo atshengisa ukudeleta, ulimi oluqamba amanga, izandla ezichitha igazi elingelacala, **18** inhlizyo egaya izibobi, inyawo eziphangisa ukuya ebubini, **19** umfakazi wamanga, okhuluma inkohliso lomuntu oletha ukuxabana kubazalwane. **20** Ndodana yami, gcina imilayo kayihlo ungadeli imfundiso kanyoko. **21** Kubophele enhliziyewi yakho nini lanini; kugqize entanyeni yakho. **22** Nxa uhamba, lezizinto zizakukhokhela; lanxa ulele zizakulinda; uthi uvuka zikukhulumise. **23** Ngoba imilayo le iyisibane, imfundiso le iyikukhanya, leziqondiso zokuzithiba ziyindlela yokuphila, **24** zikuvikela kowesifazane ongaziphathanga, laselimini olumnandi lomfazi ongelambeko. **25** Ungasuki umfise ngenhlizyo yakho ngenxa yobuhle bakhe kumbe akuhuge ngamehlo akhe. **26** Ngoba isifebe

siyakululazisa ufane lesinkwa, kodwa umfazi womuntu uayayibhidliza impilo yakho uqobo. **27** Kambe umuntu angokhela umlilo emathangazini akhe na zingaze zatsha iziqqoko zakhe? **28** Kambe umuntu angahamba phezu kwamalahle inyawo zakhe zingaze zatsha na? **29** Kunjalo kulowo olala lomfazi wenyen indoda; kakho omthintayo ongayikujeziswa. **30** Abantu kabalithuki isela nxa lintshontsha ngoba lifuqwa liphango. **31** Kodwa lingabanjwa lihlawuliswa kasikhombisa, lanxa inhlawulo ilithathela yonke impahlia yendlu yalo. **32** Kodwa indoda efebayo kayilangqondo; lowo okwenzayo lokho uyazibulala yena ngokwakhe. **33** Izidutshulo lehlazo kuyisabelo sakhe, ukuyangeka kwakhe kakusoze kwafa kwaphela. **34** Ngoba ubukhwele bendoda yalowomfazi buyiqubula ulaka, ingabe isaba lozwelo lapho isiphindisel. **35** Kayizukuvuma inhlawulo; kayiyikwamukela isivalamlomo loba singakanani.

7 Ndodana yami, agcine amazwi ami ulondoloze imilayo yami ngaphakathi kwakho. **2** Gcina imilayo yami uku uphile; ulinde imfundiso yami njengegugu lakho elikhulu. **3** Ibophele eminweni yakho; uyilobe enhliziyweni yakho. **4** Tshela ukuhlakanipha uthi, “Ungudadewethu wena,” uthi ukuqedisisa kuyisihlolo sakho; **5** lezizinto zizakuvikela emfazini oyisifebe, lakumkakho ongelambeko ngamazwi akhe adukisayo. **6** Ngema ewindini lendlu yami ngalunguza ngesikhala. **7** Ngabona phakathi kwabayizithutha, nganenzelela phakathi kwamajaha ngabona ijaha elingelangqondo. **8** Lalisehla ngomgaqo liseduze lejiko, liqonda endlini yowesifazane **9** ntambama sekunqunda amehlo, umnyama wobusuku usujiya. **10** Khonokho nje kwaqhamuka owesifazane elihlangabeza egqoke okwesifebe ngoba eqophile. **11** (Umfazi lowo, ngumuntu womsindo uysisqholo, inyawo zakhe kazihlali phansi; **12** khathesi nangu emgwaqweni, njalo nangu enkundleni, utshobatshoba izindawana zonke.) **13** Wafika waligona lelijaha walanga wakhuluma engelanhloni wathi: **14** “Ngenzile umnikelo wobudlelwano ngekhaya; lamuhla ngizigcwalisile izifungo zami. **15** Yikho ngilapha ukukuhlangabeza; sengikudinge ngaze ngakuthola! **16** Sengiwendlele umbheda wami ngamalineni eGibhithe awemibalabala. **17** Sengiuqholile umbheda wami ngemure, ngenhlaba langesinamoni. **18** Woza sizitike ngothando kuze kuse; kasizijabulise ngothando! **19** Indoda yami kayikho ekhaya; ihambile iye khatshana. **20** Ithwele

isikhwama sayo sigcwele imali, ngakho kayibuyi kuze kube phakathi kwenyanga.” **21** Ngamazwi akhe amnandi waledukisa ijaha lelo; walihuga ijaha lelo ngolimi olummandi. **22** Khonokho nje lahle lamlandela njengenkabi idonselwa ukuyabulawa, njengomziki uzingenisa emjibileni, **23** umtshoko uze uyehlabi isibindi, njengenyonon ithothela ngaphansi kwesifu, ingaboni ukuthi isizingenise ekufeni. **24** Ngakho-ke madodana ami, ngilalelani; zwanini lokhu engikutshoyo. **25** Lingayivumeli inhliziyi ikhangwe yizindlela zakhe, langabe iphumputhekele emikhubeni yakhe. **26** Banengi labo asebadilizile; izinkubela zakhe zilucaca olwesabekayo. **27** Indlu yakhe ingumgudu oya engcabeni, iholela phansi ezindongeni zokufa. (Sheol h7585)

8 Ukuhlakanipha kakumemezi yini? Ukuqedisisa kakuphakamisi ilizwi lakho na? **2** Emiqolweni yezindlela, emahlanganweni ezindlela kulapho okujame khona; **3** emasangweni angena phakathi kwedolohbo, ezintubeni kuyamermeza kakhulu kusithi: **4** “Ngimemeza lina, madoda; ilizwi lami libiza bonke abantu. **5** Lina eliyizithutha, zuzani ukuqonda; lina ziphukuphuku, zuzani ukuqedisisa. **6** Lalelani ngoba ngilitshela izinto eziqakathekileyo; ngivula izindebe zami ngikhuluma okuqondileyo. **7** Umlomo wami ukhuluma okuliqiniso, ngoba izindebe zami ziyabenanya ububi. **8** Wonke amazwi omlomo wami aqondile; kalikho lelilodwa elitshekileyo loba elingcolileyo. **9** Kulovo ozwisisayo wonke alungile; akulankohliso kulabo abalowazi. **10** Khetha iseluleko sami kulesiliva, ulwazi kulegolide elikhethiweyo, **11** ngoba ukuhlakanipha kuligugu okudlula amarubhi, njalo akulanto ongayifisa ezifisweni zakho okulingana lakho. **12** Mina, kuhlakanipha, ngiqlala ndawonye lokuqondisisa; ngiqlolwazi lokukhetha kuhle. **13** Ukwesaba uThixo yikuzonda ububi; ngiyakuzonda ukuzazisa lobuqholo, ukuziphatha kubi lenkulumo ebolileyo. **14** Ukweluleka lokwahlulela okuhle kungokwami; ngiqlokuzwisia lamandla. **15** Amakhosi abusa ngenxa yami lababusi balakho ukutshaya imithetho elungileyo; **16** amakhosana abusa ngami, lazozonke izikhulu ezibusa emhlabeni. **17** Ngiyabathanda labo abangithandayo, labo abangidingayo bayangithola. **18** Kimi kukhona inotho lodumo, inotho engapheliyo lokuphumelela. **19** Izithelo zami zingcono kulegolide elicengiweyo; okuphuma kimi kwedlula isiliva sekhethelo.

20 Ngihamba ngendlela yokulunga, ngilandela umkhondo wokuqonda, 21 ngyabelo inotho kulabo abangithandayo ngigcwalise iziphala zabo. 22 UThixo wangenza ngaba khona ngaqalela konke okukhona, kuqala kokwenza ezinye izinto; 23 ngaba khona ekudabukeni kwezinto, kwasekuqaleni, umhlaba ungakabi khona. 24 Kungakabi lezilwandle, ngasengizelwe, kungakabi khona izihotsha ezigcwele amanzi; 25 izintaba zingakamiswa ensikeni zazo, engakabi khona amaqaqa, ngasengizelwe, 26 uThixo engakawenzi umhlaba lamaganga, loba lonke uthuli lomhlaba. 27 Ngangikhona uThixo ehlela kuhle izulu, ephawula kuhle imingcele yomkhathi lolwandle, 28 esenza amayezi emkhathini wazinzisa inziki zolwandle, 29 ebeka imingcele yolwandle ukuze amanzi angedluli izimiso zakhe, ngesikhathi lapho emisa izisekelo zomhlaba. 30 Ngalesosikhathi ngangingumbumbi eceleni kwakhe. Ngangilenjabulo enkulu insuku ngensuku, ngithokoza ukuba laye kokuphela, 31 ngithokoza ngomhlaba wakhe wonke njibuliswa yibukhona babantu. 32 Ngakho-ke, madodana ami, ngilalelani; babusisekile labo abalondoloza izindlela zami. 33 Lalelani imfundiso yami ukuze lihlakaniphe; lingaqali ukuyidela. 34 Ubusisiwe lowomuntu ongilalelayo, olinda imihla yonke eminyango yami, elindile entubeni yami. 35 Ngoba lowo ongufumanayo uzuza ukuphila emukeliswe ukuthandwa nguThixo. 36 Kodwa lowo owhelulekayo ukungifumana uyazilimaza; bonke abangizondayo bathanda ukufa."

9 Ukuhlakanipha sekuzakhele indlu yakho, imisiwe ngezinsika eziyisikhombisa. 2 Isiphekiwe inyama yakho kwalungiswa lewayini; konke sekudekiwe etafuleni. 3 Usewathumile amantombazana, uyanxusa emi ezindaweni eziphakemeyo zedolobho. 4 "Akuthi bonke abayizithutha beze lapha!" Esitsho kulabo abangaqedisisiyo. 5 "Wozani lidle ukudla kwami linathe iwayini esengilungisile. 6 Lahlani izindlela zenu zobuthutha lizaphila; hambani ngendlela yokuzwisisa." 7 Lowo owheluleka oklolodayo ubiza inhlamba; okhuza umuntu oxhwalileyo ucina ethethiswa. 8 Ungakhuzi isiqholo ngoba sizakuzonda; khuza ohlakanipheleyo uzakuthanda. 9 Yeluleka umuntu ohlakanipheleyo uzakwandisa ukuhlakanipha kwakhe; fundisa umuntu olungileyo, uzakwengeza ulwazi lwakhe. 10 Ukumesaba uThixo kuyikuqala kwenhlakanipho, njalo ulwazi ngaLowo oNgcwele

luyikuqedisisa. 11 Ngoba ngami zizakuba zinengi insuku zakho, kwandiswe iminyaka yokuphila kwakho. 12 Nxa uhlakaniphile, ukuhlakanipha kwakho kuzakusiza; aluba uyisiqholo, uzhlupheka wedwa. 13 Umfazi othiya nguBuwula ulomsindo; kagobeki njalo kazi lutho. 14 Uthanda ukuhlala emnyango wendlu yakhe, esihlalweni endaweni esesiqongweni sedolobho, 15 abe ehuga labo abedlulayo, abahamba begonde lapho abaya khona. 16 "Abeze lapha bonke abayizithutha!" Esitsho kulabo abangacabangiyo. 17 "Ulutho lokuntshontshwa lumnandi; ukudla okudlelwu ensitha kuyahlabusa!" 18 Kodwa kabazi ukuthi kuyafiwa, kuleyondawo, ukuthi izethekeli zalowomfazi sezaphelela ekujuleni kwengcwaba. (**Sheol h7585**)

10 Izaga zikaSolomoni: Indodana ehlakaniphileyo iletha ukuthokoza kuyise, kodwa indoda eyisiwula iletha ukudabuka kunina. 2 Inotho ezuzwe ngobuqili kayisisi lutho, kodwa ukulunga kukhulula ekufeni. 3 UThixo kayekeli abalungileyo belambile kodwa uyavimbela izinkanuko zezixhwali. 4 Izandla ezivilaphayo ziletha ubuyanga, kodwa izandla ezikhutheleyo ziletha inotho. 5 Lowo obutha amabele ngesikhathi sawo yindodana ehlakaniphileyo, kodwa olalayo ngesikhathi sokuvuna yindodana ehlazisayo. 6 Izibusiso zingumqhele womuntu olungileyo. Kodwa ubudlwangudlwangu bugcwele emlonyeni womubi. 7 Umkhumbulo ngomuntu olungileyo ubusisekile kodwa ibizo lesigangi lizabola. 8 Abahlakaniphileyo enhliziyeweni bayalalela izeluleko, kodwa isiphukuphuku esivala ngomsindo siyadilika. 9 Umuntu oqotho uhamba engelakwesaba, kodwa ohamba ngezindlela ezigobileyo uzadaluleka. 10 Lowo oqwayiza ngomona uletha usizi, lesiphukuphuku esivala ngomsindo siyadilika. 11 Umlomo womuntu olungileyo unggumthombo wokuphila, kodwa ubudlwangudlwangu bugcwele emlonyeni womubi. 12 Inzondo idunga ingxabano, kodwa uthando lusibekela bonke ububi. 13 Ukuhlakanipha kufunyanwa ezindebeni zalovo oqedisisayo; kodwa uswazi lwehla emhlane walowo ongezwayo. 14 Abantu abahlakaniphileyo bayaluqoqa ulwazi, kodwa umlomo wesiwula ugwegwa ukubhidlika. 15 Inotho yezikhulu ingumuzi wazo ovikelweyo; kodwa ubuyanga buyikudilika kwabampofu. 16 Inzuzzo yabalungileyo iyabaphilisa, kodwa umholo wababi ubaletethela ukujeziswa. 17 Lowo olalela ukuqondiswa utshengisa

indlela yokuphila, kodwa lowo oyala ukwelulekwa wedukisa abanye. **18** Lowo ofihla inzondo yakhe ulendebe ezilamanga, kuthi lowo onyeyayo yisiwula. **19** Lapho okwande khona amazwi, isono kasisweleki, kodwa lowo ogcina ulimi lwakhe uhlakaniphile. **20** Ulimi lomuntu olungileyo luyisiliva esikhethiwego, kodwa inhliziyo yesigangi kayisilutho. **21** Izindebe zolungileyo ziphilisa abanengi; kodwa iziwula ziyafa ngokuswela ingqondo. **22** Isibusiso sikaThixo siletha inotho, leyonotho ingabi lahlupho. **23** Isiwula siyajabula ezenzweni zobubi, kodwa umuntu ozwisisayo uthokoza ngokuhlakanipha. **24** Lokho akwesabayo omubi kuzamfumana; kodwa lokho akuloyisayo olungileyo uzakuphiwa. **25** Nxa isiphepho sesikhukhule sedlula, ababi sebedlule, kodwa abalungileyo bagxilile lanini. **26** Njengeviniga emlonyeni, lentuthu emehlwani, unjalo olesidensi kulabo abamthumayo. **27** Ukumesaba uThixo kuyengeza ubude bempilo, kodwa iminyaka yababi iyafinyezwa. **28** Ikusasa yabalungileyo iyikuthokoza, kodwa amathemba ababi aphelela ezeni. **29** Indlela kaThixo yisiphephelo sabalungileyo, kodwa iyikubhidlika kwalabo abenza okubi. **30** Abalungileyo kabasiphuleki, kodwa ababi kabayikusala elizweni. **31** Umlomo womuntu olungileyo ukhupha inhlakanipho, kodwa ulimi oluxhwalileyo luzaqunywa. **32** Izindebe zabalungileyo ziyawkazi okufaneleyo, kodwa umlomo wezigangi ukhupha iziboz.

11 UThixo uyazenyanya izilinganiso zokudlelezela, kodwa uthokoza ngezilinganiso eziqondileyo. **2** Nxa kungena ukuziggaja kungena lokweyisa, kodwa ukuzithoba kuhamba lenhlakanipho. **3** Ubuqotho kwabaqondileyo buyabakhokhela, kodwa abangathembekanga babulawa yibumenemene babo. **4** Inotho kayisizi lutho ngosuku lweziphiphithiphite kodwa ukulunga kuyaphephisa ekufeni. **5** Ukulunga kwabangelacala kuqondisa indlela yabo, kodwa ababi bawiswa yibubi babo. **6** Ukulunga kwabaqondileyo kuyabakhulula, kodwa abangathembekanga bagwenxwa yizinkanuko zabo ezimbi. **7** Umuntu omubi angafa ithemba lakhe liyaphela; konke abesithi uzakuzuza ngamandla akhe kuphelela ezeni. **8** Umuntu olungileyo uyakhululwa enkathazweni, kusuke kuyewela komubi. **9** Ngomlomo wakhe umuntu ongakholwayo uymachitha umakhelwane, kodwa ngolwazi abalungileyo bayaphepha. **10** Nxa kuphumelela abalungileyo umuzi

uyathokoza; nxa kusifa omubi kuba lokujabula. **11** Ngokubusisa ngabalungileyo omubi ubalodumo, kodwa ngomlomo wezigangi uychitheka. **12** Umuntu ongelangqondo weyisa umakhelwane wakhe, kodwa umuntu ozwisisayo uthiba ulimi lwakhe. **13** Onyeyayo wehluleka ukuvala isifuba sakhe, kodwa othembekileyo uyayigcina imfihlo. **14** Isizwe esingelabukhkheli obuqondileyo siyachitheka, kodwa ngobunengi babeluleki siyanqoba. **15** Lowo okhuphela omunye umuntu isibambiso uzahlupheka, kodwa ovalayo ukupha isibambiso uvikelekile. **16** Umfazi olomusa uyahlonitshwa, kodwa amadoda alesihluku azuza inotho kuphela. **17** Umuntu olomusa uyazisiza, kodwa umuntu ololunya uyazilimaza. **18** Umuntu omubi uhola umvuzo wobuqili, kodwa lowo ohlanyela ukulunga uvuna umvuzo omuhle. **19** Lowo omiyo ekulungeni uzuza ukuphila, kodwa oxotshana lobubi uya ekufeni. **20** UThixo uyabazonda abantu abalenhliziyo embi, kodwa uyathokoza ngalabo abandlela zabo zilungle. **21** Kodwa yazi lokhu, ababi bazajejiswa kodwa abalungileyo bazahlala behkululekile. **22** Njengesongo legolide lifakwe emakhaleni engulube, unjalo umfazi omuhle kodwa ongelambeko. **23** Izifiso zabalungileyo zizuza okuhle kodwa ithemba lababi liphelela osizini. **24** Ophayo ngesihle uyazuza okunengi kulakuqala, lowo ogodlayo ungenelwa yibuyanga. **25** Lowo ophayo uzaphumelela; owonga abanye laye uzakongiwa. **26** Abantu bayaqalekisa lowo ogodla amabele, kodwa izibusiso zingumqhele walowo ovuma ukuwathengisa. **27** Lowo odinga ukulunga uzuza umusa, kodwa okubi kwehlela lowo okudingayo. **28** Othembele enothweni yakhe uzakuwa; kodwa olungileyo uzaphila njengehla mvu eliluhlaza. **29** O lethela abendlu yakhe uhlupho ilifa lakhe yize, lesihawu sizakuba yinceku yohlakaniphileyo. **30** Izithelo zolungileyo ziyisihlahla sokuphila, njalo lowo ozuza imiphefumulo uhlakaniphile. **31** Nxa abalungileyo bezuza ukujejiswa emhlabeni pho kuzakuba njani kwabangakholwayo labayizoni!

12 Othanda ukuqondiswa uthanda ulwazi, kodwa ozonda ukukhuzwa uysithutha. **2** Umuntu olungileyo uthola umusa kuThixo, kodwa uThixo uyamlahla owakha amacebo amabi. **3** Umuntu angazake amiswe yibubi, kodwa olungileyo angeke aquphuke. **4** Umfazi olesimilo ungumqhele womkakhe, kodwa umfazi oyangisayo unjengokubola

kwamathambo akhe. 5 Izimiso zabalungileyo ziqondile, kodwa izeluleko zababi ziyinkohliso. 6 Amazwi ababi alinlede ukuchitha igazi, kodwa inkulomo yabalungileyo iyabakhulula. 7 Abantu ababi bayachithwa bangabe besaba khona, kodwa indlu yolungileyo imi izinzile. 8 Umuntu udunyisa ngokuhlakanipha kwakhe, kodwa abantu abalengqondo ezimbi bayeyisa. 9 Kungcono ukungabi ngubani kodwa ulesisebenzi, kulokuzitshaya ulutho kodwa uswela lokudla. 10 Umuntu olungileyo uyayinanzelela imfuyo yakhe kodwa okuhle komuntu omubi yilunya. 11 Lowo osebenza nzima emasimini akhe uzathola ukudla okunengi, kodwa lowo ophika ngezifiso eziyize akalangqondo. 12 Ababi bahawukela impango yezigangi, kodwa impande yabalungileyo imi iqinile. 13 Umuntu omubi uthiyeka ngenkulomo yakhe yesono, kodwa umuntu olungileyo uyaphepa enkathazweni. 14 Umuntu uzuza okuhle ngamazwi omlomo wakhe, umsebenzi wezandla zakhe umnika inzuzo. 15 Indlela yesiwula ikhanya iqondile kuso, kodwa umuntu ohlakaniphileyo uyalalela izeluleko. 16 Isiwula siyaphangisa ukuthukuthela, kodwa umuntu olengqondo kananzi loba ethukwa. 17 Umfakazi oleqiniso upha ubufakazi obuqondileyo, kodwa umfakazi ongathembekanga ukhuluma amanga. 18 Amazwi okubhuda agwaza njengerikemba, kodwa ulimi lohlakaniphileyo luyelapha. 19 Izindebe zeqiniso zimi lanini, kodwa ulimi olulamanga luma umzuzwana nje. 20 Inhlizyo zabacea ububi zigcwele inkohliso, kodwa kulokuthokoza kwabaletha ukuthula. 21 Akukho ngozi ewela abalungileyo, kodwa izigangi zikhulelwu zinhlupho. 22 UThixo uyazenyanya izindlela ezilamanga, kodwa uyathokoza ngabantu abaleqiniso. 23 Umuntu olengqondo kazitshengiseli ulwazi lwakhe, kodwa izwila ziyabutshengisela ubuthutha bazo. 24 Izandla ezikhutheleyo zizaletha inhlalakahle, kodwa ubuvila budonsela ekugqilazweni. 25 Inhlizyo ekhathazekileyo iyamcakisa umuntu, kodwa ilizwi elilomusa liyamthokozisa. 26 Umuntu olungileyo ukhetha abangane ngonanzelelo, kodwa indlela yababi iyabaphumputhekisa. 27 Umzingeli olivila kazuzi nyama yokosa, kodwa umuntu okhutheleyo uyazibula ngenotho yakhe. 28 Endleleni yokulunga kulokuphila, kuleyondlela kulokuphila okungapheliyo.

13 Indodana ehlakaniphileyo iyemukela izelulekozikayise, kodwa ihlongandlebe kalilaleli nxa

likhuzwa. 2 Umuntu uzuza okuhle ngamazwi omlomo wakhe, kodwa ababi batshisekela udlakela. 3 Lowo olinda izindebe zakhe ulinda impilo yakhe, kodwa lowo osuka abhede nje uyazibulala. 4 Ivila liyafisa kodwa lingazuzi lutho, kodwa izifiso zokhutheleyo ziyagcwaliiseka. 5 Abalungileyo bayakuzonda okungamanga, kodwa izigangi ziletha ihlazo lesigcono. 6 UKulunga kuyamlinda umuntu oqotho, kodwa ububi buyamchitha oyisoni. 7 Umuntu angazenza onothileyo, yena engelalutho, omunye azitshaye umyanga, kanti elenothro enengi. 8 Inotho yomuntu ingahlenga impilo yakhe, kodwa umyanga uvele kasongelwa muntu. 9 Isibane sabalungileyo sikhanya sithi kla! Kodwa isibane sezigangi siyafiphala ngentuthu. 10 Ukuziqakisa kukhokhelela engxabanweni, kodwa ukuhlakanipha kufunyanwa kwabemukela ukwelulekwa. 11 Imali ezuzwe ngobuqili iyanyamalala, kodwa lowo oyizuza ngokuqogeleta uyayandisa. 12 Ithemba eliphuzayo ligulisa inhliziyi, kodwa isifiso esigcwaliiseyo siyisihlahla sokuphila. 13 Lowo oweysa izeluleko uzibizela ingozi, kodwa othobela umlayo uzaphiwa umvuzo. 14 Imfundiso yabahlakaniphileyo ingumthombo wokuphila, iphephisa umuntu emijibileni yokufa. 15 Ukuzwisa okuhle kuletha ukuthandeka, kodwa indlela yabakhohlisayo inzima. 16 Wonke umuntu ohlakaniphileyo wenza konke ngolwazi, kodwa isiwula sitshengisa ubuthutha baso. 17 Isithunywa esibi siwela phakathi kohlupho, kodwa isithunywa esithembekileyo siletha ukusila. 18 Ongananzi ukuqondiswa wehlelwa yibuyanga lehlazo, kodwa onanza ukukhuzwa uydunyisa. 19 Simnandi emphefumulweni isifiso singagcwaliiseka, kodwa izwila kazifuni ukutshiya ububi. 20 Ohamba lezihlakaniphi uyahlakanipha, kodwa othandana leziwula uwela engozini. 21 Umnyama ulandelana loyisoni, kodwa impumelelo ingumvuzo wabalungileyo. 22 Umuntu olungileyo utshiyela izizukulwane sakhe ilifa, kodwa inotho yesoni ibekelwa abalungileyo. 23 Insimu yomyanga ingathela ukudla okunengi, kodwa umona wabalamandla uyayikhukhula. 24 Lowo ongasebenzisi uswazi uyayizonda indodana yakhe, kodwa lowo oyithandayo unqinekela ukuyiqondisa. 25 Olungileyo uydala asuthe ntintinini, kodwa isisu somubi sihlala silambile.

14 Umfazi ohlakaniphileyo uyakha indlu yakhe, kodwa lowo oyisiwula uyayibhidliza nevezandla

zakhe. 2 Lowo ohamba ngobuqotho uyamesaba uThixo, kodwa lowo ondlela zakhe zigobile uyameyisa. 3 Inkulumo yesiwula isikhothisa ngoswazi emhlane, kodwa indebe zalowo ohlakaniphileyo ziyamvikela. 4 Lapho okungelankabi khona isibaya siyize, kodwa amandla enkabi aletha isivuno esinengi. 5 Umfakazi oleqiniso kakhhohlisi, kodwa umfakazi ongelaqiniso uhutsha amanga. 6 Oweyisayo uyakudinga ukuhlakanipha kodwa kakutholi, kodwa ulwazi luyazizela koqondisisayo. 7 Suka emuntwini oyisiwula, ngoba awuyikuthola ulwazi ezindebeni zakhe. 8 Ukuhlakanipha kwabaqondayo yikuthi bayacabanga ngalokho abakwenzayo, kodwa ubuthutha beziwula buyinkohliso. 9 Iziwula zikwenza ubuthutha ukuphenduka ezonweni, kodwa abaqotho bafisa ukwenza uxolo. 10 Inhlizyo leyo laleyo iyakwazi ukudabuka kwayo, njalo kakho ongakwazi ukuthokoza kwayo. 11 Indlu yomubi izadilizwa, kodwa ithente loqotho lizaphumelela. 12 Kukhona indlela ebonakala ilungile emuntwini, kodwa isiphetho sayo siyikufa. 13 Ukuhleba kungabe kufihle ubuhlungu benhliziyo, lokuthokoza kucine sekulusizi. 14 Abangelakho bazavuzwa ngokubafaneleyo, lomuntu olungileyo laye avuzwe ngokwakhe. 15 Umuntu oyisithutha ukholwa loba yini, kodwa olengqondo uyakucabangisia konke akwenzayo. 16 Umuntu ohlakaniphileyo uyamesaba uThixo, axwaye okubi, kodwa isiwula siliphikankani kodwa sizizwa sivikelekile. 17 Umuntu olicaphucaphu wenza izinto zobuthutha, lomuntu oliqili uyzondwa. 18 Abangazi lutho ilifa labo yibuwula, kodwa abalengqondo betheswa umqhele wolwazi. 19 Abantu ababi bazilahla phansi phambi kwabalungileyo, lezixhwali ziguqa emasangweni abalungileyo. 20 Abayanga bahlanyukelwa langabomakhelwane babo, kodwa izinothi zilabangane abanengi. 21 Lowo oweysa umakhelwane wenza isono, kodwa ubusisiwe olomusa kwabaswelayo. 22 Kabalahleki yini abaceba ububi? Kodwa abamisa ukwenza okuhle bafumana uthando lokuthembeka. 23 Ukusebenza nzima konke kuletha inzuko, kodwa ukuqina ngomlomo kuthelela ubuyanga. 24 Inotho yabahlakaniphileyo ingumqhele wabo, kodwa ubuphukuphuku beziwula buzala ubuthutha. 25 Umfakazi oleqiniso uyabakhulula abantu, kodwa umfakazi wamanga uyakhohlisa. 26 Lowo owesaba uThixo ulenqaba eqinileyo, uzakuba yisiphephelo senzalo yakhe. 27 Ukumesaba uThixo kungumthombo wokuphila, kuvikela umuntu

emijibileni yokufa. 28 Ubuengi babantu elizweni kuludumo enkosini, kodwa nxa kungelabantu umbusi kasilutho. 29 Umuntu obekezelayo uyazwisia kakhulu, kodwa ophanga ukuthukuthela uveza ubuthutha. 30 Ingqondo elokuthula iletha ukuphila emzimbeni, kodwa umhawu ubolisa amathambo. 31 Lowo oncidezela abayanga weyisa uMenzi wabo, kodwa olomusa kwabaswelayo udumisa uNkulunkulu. 32 Nxa kufika ubunzima ababi bayadilika, kodwa abalungileyo balesiphephelo lasekufeni. 33 Ukuhlakanipha kuzinzile enhliziyweni yabaqedisisayo, kuyazineva kanye lakwabayiziwula. 34 Ukulunga kuyasiphakamisa isizwe, kodwa isono silihlazo lakubaphi abantu. 35 Inkosi iyathokoza ngenceku ehlakaniphileyo, kodwa inceku ehlazisayo iyayithukuthelisa.

15 Impendulo ethobekileyo iyaludedisa ulaka, kodwa ilizwi elilukhuni livusa ulaka. 2 Ulimi lomuntu ohlakaniphileyo lukhulisa ulwazi, kodwa umlomo wesiwula uphihliku ubuphukuphuku. 3 Amehlo kaThixo asezindaweni zonke, alinde ababi labalungileyo. 4 Ulimi oluletha ukuphola luyisihlahla sokuphila, kodwa ulimi olukhohlisayo luyawephula umoya. 5 Isiwula siyakulahla ukulaya kukayise, kodwa owemukela ukuqondiswa uveza ukuhlakanipha. 6 Indlu yolungileyo igcwele inotho, kodwa inzuko yababi ibehlisela uhlupho. 7 Izindlela zabahlakaniphileyo ziyalwandisa ulwazi, kodwa kazenzi njalo inhlizyo zeziwula. 8 UThixo uyawenyanya umhlatshelo wababi, kodwa umkhuleko wabaqotho uyamthokozisa. 9 UThixo uyawenyanya indlela yababi, kodwa uyabathanda labo abalandela ukulunga. 10 Ukujeziswa okubuhlungu kumlindele ophambuka endleleni; ozonda ukuqondiswa uzakufa. 11 UKufa lokuBhujiswa kusobala phambi kukaThixo kangakanani ke inhlizyo zabantu! (Sheol h7585) 12 Isideleli siyakuzonda ukuqondiswa; kasibuzi kwabahlakaniphileyo. 13 Inhlizyo ethokozayo yenza ubuso buchelese, kodwa inhlizyo ebuhlungu yephula umoya. 14 Inhlizyo eqedisisayo idinga ulwazi, kodwa umlomo wesiwula wongiya ngobuthutha. 15 Zonke insuku zabancidezelweyo zilukhuni, kodwa inhlizyo ethokozileyo ihlezi iminza. 16 Kungcono ukuba lokulutshwana umesaba uThixo kulokuba lenotho enengi ulenhlupho. 17 Kungcono ukutsheba ngemibhida lapho okulothando khona, kulokudla inyama enonileyo okugcwele khona inzondo. 18 Ololaka oluvuthayo ubanga ukuxabana, kodwa umuntu

obekezelayo uqeda inkani. **19** Indlela yevila igcwele ameva, kodwa indlela yomuntu olungileyo ikhamisile. **20** Indodana ehlakaniphileyo iletha intokozo kuyise, kodwa indoda eyisiwula yeyisa unina. **21** Ubuthutha bujabulisa umuntu ongelangqondo, kodwa umuntu olokuzwisia uhamba ngendlela eqondileyo. **22** Amaqhinga ayehluleka nxa kungelazeluleko, kodwa ayaphumelela ngabeluleki abanengi. **23** Umuntu uyathokoza ngokupha impendulo eqondileyo yeka kuhle kangakanani ukuzwa ilizwi elifaneleyo! **24** Indlela yempilo iyimpumelelo kohlakaniphileyo ukuze angalengeli engcwaben. (**Sheol h7585**) **25** UThixo uyayibhidiza indlu yomuntu oziphakamisayo, kodwa indawo yomfelokazi kayiyikuncitshiswa. **26** UThixo uyayizonda imicabango yababi, kodwa leyo eyabalungileyo iyamthabisa. **27** Indoda eyisihwaba iluhlupho kwabendlu yayo, kodwa lowo ozonda ukufunjathiswa uzaphila. **28** Olungileyo uyayihlolisia impendulo engakaphenduli, kodwa umlomo womubi ukhihliza okubi. **29** UThixo ukhatshana kwababi, kodwa uyezwa umkhuleko wabalungileyo. **30** Ubuso obubobothekayo buletha intokozo enhliziyweni,лезindaba ezinhle ziqinisa umzimba. **31** Lowo olalela ukukhuzwa okumphilisayo, uzahlala kuhle labahlakaniphileyo. **32** Lowo organaki ukulaywa uyazeyisa yena ngokwakhe, kodwa onanza iziqondisouzuza ukuzwisia. **33** Ukumesaba uThixo kufundisa umuntu ukuhlakanipha, njalo ukuzithoba kwandulela udumo.

16 Umuntu angawabumba amacebo ngenhlizyo yakhe, kodwa uThixo nguye omupha amazwi okuwachaza. **2** Umuntu angabona sengathi zonke izindlela zakhe ziqondile, kodwa uThixo uyazihlolisia zonke injongo zomuntu. **3** Nikela kuThixo konke okwenzayo, kuzaphumeleisa wonke amacebo akho. **4** UThixo uzungisele isiphetho sakho konke kanye lababi usuku lokubhujiswa. **5** UThixo uyabazona bonke abazikhukhumezayo. Ngempela kabayikuphepha ukujeziswa. **6** Isono siyahlawulelwa ngothando langokwethembeka; ngokwesaba uThixo umuntu uyaphepha ebubini. **7** Nxa izindlela zomuntu zimthokozisa uThixo, uyenzo lezitha zakhe zihalisane laye ngokuthula. **8** Kungcono ukuzua okulutshwana ngendlela elungileyo kulokuzuza okunengi ngobuqili. **9** Umuntu angalungisa indlela yakhe engqondweni yakhe, kodwa uThixo nguye olawula izinyathelo zakhe. **10** Izindebe zombusi zikhulumka kungathi

lidlozi ngakho umlomo wakhe kawungaphambuli umthetho. **11** Izilinganiso eziqondileyo zivela kuThixo; zonke izisindo ezisemgodleni zenziwa nguye. **12** Amakhosi ayakuzonda ukwenza okubi, ngoba isihlalo sobukhosia sakhelwe phezu kokulunga. **13** Amakhosi athokoziswa yizindebe ezithembekileyo; ayamazisa umuntu okhuluma iqiniso. **14** Ulaka lwenkosi luyisithunywa sokufa, kodwa umuntu ohlakaniphileyo uyaluxolisa. **15** Nxa ubuso benkosi bulentokozo, kukhomba ukuphila; ukuthandwa yiyo kunjengeyezi lezulu entwasa. **16** Kungcono kangakanani ukuzuza ukuhlakanipha kulegolide, ukukhetha ukuzwisia kulesiliva! **17** Umgwaqo womuntu oqotho uceza ububi; lowo onanjelelayo indlela yakhe unanzelela impilo yakhe. **18** Ukuzigqaja kwandulela ukubhujiswa, umoya omubi ulandelwa yikuwa. **19** Kungcono umoya othobekileyo lokuhlala kwabancindezelweyo kulokwabelana impango labazigqajayo. **20** Lowo olalela izeluleko uyaphumelela, njalo ubusisiwe lowo othemba uThixo. **21** Abahlakaniphileyo enhliziyweni kuthiwa bayaqedisisa, njalo amazwi amnandi aqinisa izeluleko. **22** Ukuzwisia kungumthombo wokuphila kulabo abalakho, kodwa ubuwula buletha isijeziso eziwulen. **23** Inhliziyu yomuntu ohlakaniphileyo ikhokhela umlomo wakhe, kanti lezindebe zakhe zikhuthaza izeluleko. **24** Amazwi amahle alikhhekheba loluju, amnandi emphefumulweni njalo ayelapha emathanjeni. **25** Kukhona indlela ebonakala ilungile emuntwini, kodwa isiphetho sayo siyikufa. **26** Isisebenzi sifuqwa liphangi ukusebenza kakhulu; ukulamba yikho okusikhuthazayo. **27** Isixhwali siceba ububi, lenkulomo yaso injengomlilo ohaqazayo. **28** Umuntu ongelangqondo udaza inkani, njalo lomuntu onyeyayo wehlukanisa abangane. **29** Umuntu wodlakela uhuga umakhelwane wakhe amholele endleleni engalunganga. **30** Lowo ofica ngelihlo lakhe uceba izibozi; lowo oluma indebe zakhe uqonde ububi. **31** Inwele ezimhlophe zingumqhele wobukhulu, zizuzwa ngempilo elungileyo. **32** Ungcono umuntu obekezelayo kuleqhawe, umuntu ozinqandayo ulaka lwakhe kulalowo othumba idolobho. **33** Inkatho iphoselwa enkundleni, kodwa isinqumo sayo sisemandleni kaThixo.

17 Lungcono uqweqwwe lwesinkwa umuntu elokuthula kulendlu egcwele amaqqibaghqibha okudla kodwa kulengxabano. **2** Isisebenzi esihlakaniphileyo sizabusa indodana eyangisayo,

sizakwabelwa ilifa njengomunye wamadodana. 3 Isiliva sincibilikiselwa embizeni, imvutho ngeyegolide kodwa uThixo uhlola inhliziyo. 4 Umuntu oxhwalileyo uyazilalela izindebe ezimbi; lomqambimanga uyalulalela ulimi olulomona. 5 Lowo ohleka umyanga weyisa uMenzi wakhe; oklolodayo nxa konakele kayikuphepha isijeziso. 6 Abazukulu bangumqhele wabalupheleyo, njalo labantwana baziqhenya ngabazali babo. 7 Izindebe zokutshinga azisifanelanga isiwula zimbi kangakanani ke izindebe zamanga kumbusil! 8 Isivalamlomo siyintelezi kulowo osinikayo; uyaphumelela kukho konke. 9 Ofihla ukona komunye uqinisa uthando, kodwa okhuluma ngakho kokuphela wehlukanisa abangane abasekhwapheni. 10 Ukukhuza kuyamqondisa umuntu olengqondo kulokutshaya isiwula imvivinya ezilikhulu. 11 Umuntu omubi udinga ukuhlamuka kuphela; uzathunyelwa inxusa elilesihluku. 12 Kungcono ukuqondana lebhele elithathelwe imidlwane yalo kulokuhlangana lesiwula ebuthutheni baso. 13 Nxa umuntu ephindisela okuhle ngobubi, ububi kabusoze basuka endlini yakhe. 14 UKusungula inkani kunjengokubhidiza umduli wedamu; ngakho yekela indaba ingakadaleki inkani. 15 Ukukhulula olecalo lokugweba omsulwa uThixo uyakuzonda kokubili. 16 Isizani imali esandleni sesiwula, sivele singatshisekeli ukuzuza ukuhlakanipha? 17 Umngane ulothando ngezikathhi zonke, lomzalwane uzalelwa izikhathi zenhlupheko. 18 Umuntu organanjeleliyo uyaziwisela anike isibambiso enceda umakhelwane wakhe. 19 Lowo othanda inkani uthanda isono; lowo owakha isango eliphakemeyo udinga ukubhidilizwa. 20 Umuntu olenhlizyo exhwalileyo kaphumeleli; lowo olimi lwakhe luyakhohlisa uwela ekuhluphekeni. 21 Ukuba lendodana eyisiwula kuthelela usizi; akulakuthokoza kuyise wesiwula. 22 Inhliziyo ethokozayo ingumuthi omuhle, kodwa umoya owephemukileyo womisa amathambo. 23 Umuntu omubi wamukela isivalamlomo ensitha ukuze ahlanekele indlela yokwahlulela. 24 Umuntu ohluzisisayo izinto ukhokhelwa yikuhlakanipha, kodwa amehlo esiwula asabalala afike ekucineni komhlaba. 25 Indodana eyisiwula ithelela uyise usizi lokudabuka kulowo owayizalayo. 26 Kakukuhle ukujezisa umuntu ongelacala, loba ukufaka uswazi izisebenzi ngenxa yobuqotho bazo. 27 Umuntu ololwazi ubeka amazwi akhe ngokunanzelela, njalo umuntu oqedisayso

kathukutheli ngokuphangisa. 28 Lesiwula kuthiwa sihlakaniphile nxa sithule, kuthiwe siyaqedisisa nxa sibamba ulimi lwaso.

18 Umuntu ongelamusia uzifunela okwakhe; uyazilahla zonke iziqondiso ezinhle. 2 Isiwula kasikuthakazeleli ukuzwisisa kodwa sithokoza ngokutsho eyaso imibono. 3 Nxa kufika ububi kufika lokweisa, njalo ihlazo liza lokudumazeka. 4 Amazwi omlomo womuntu ayinziki yamanzi, kodwa umthombo wokuhlakanipha ngumfudlana ontuntuzayo. 5 Kakukuhle ukulungisela ababi loba ukungehluleli kuhle abangelacala. 6 Izindebe zesiwula zisilethela ingxabano, lomlomo waso unxusa ukutshaywa. 7 Umlomo wesiwula yiwo osidilizayo, lezindebe zaso zingumjibila womphefumulo waso. 8 Amazwi omuntu onyeyayo anjengezibiliboco; angena ekujuleni kwenhliziyo yomuntu. 9 Lowo ovilaphayo emsebenzini wakhe ungumfowabwo walowo odilizayo. 10 Ibizo likaThixo liyinqaba eqinileyo; abalungileyo babalekela kulo baphephe. 11 Inotho yezikhulu ingumuzi wazo ovikelweyo; zicabanga ukuthi imiduli yawo ayikhweleki. 12 Umuntu uyzikhukhumeza ngenhliziyo yakhe, mandulo kokuba awe, ikanti ukuzithoba kwandulela udumo. 13 Lowo ophendulayo engaqali alalele lobo yibuwula bakhe lehlazo lakhe. 14 Umphefumulo womuntu uyamqinisa nxa egula, kodwa ngubani ongaphila elomoya owephemukileyo na? 15 Inhliziyo yabaqedisayso izuza ulwazi; indlebe zabahlakaniphileyo ziyakudinga. 16 Isipho siyamvulela indlela ophayo azuze ithuba lokubonana labakhulu. 17 Ecaleni okhuluma kuqala ubonakala enguye olungileyo, kuze kuqhamuke omunye ambuzisise. 18 Ukwenza inkatho kuyakuqeda ukulwisanana, kubehlukanise abaxabanayo. 19 Umzalwane owonelweyo uba lukhuni kulomuzi ohonqolozelweyo, lezingxabano zinjengamasango enqaba avaliweyo. 20 Isisu somuntu sigcwaliswa yizithelo zomlomo wakhe; usuthiswa yisivuno sezindebe zakhe. 21 Ulimi lulamandla okuphila lokufa, njalo labo abaluthandayo bazakudla izithelo zalo. 22 Lowo ozuza umfazi ufumana okuhle, athole umusa kuThixo. 23 Umyanga uyancenga ukuthi axolelw, kodwa isinothi siphendula ngolaka. 24 Umuntu olabangane abanengi ucina kubi, kodwa kuba khona umngane othembeka okudlula umfowenu.

19 Ungcono umyanga ohamba ngobuqotho kulesiwula esilezindebe ezingcolileyo. **2** Kakulunganga ukutshiseka kodwa ungelalwazi, loba ukuwalazela uze ulahlekelwe yindlela. **3** Ubuwula bomuntu budiliza impilo yakhe, ikanti inhliziyo yakhe ithukuthelela uThixo. **4** Inotho iletha abangane abanengi, kodwa umyanga ufulathelwa ngumngane wakhe weduze. **5** Umfakazi wamanga uthola isijeziso, lalovo ohutshuza amanga kayikuphunyuka. **6** Banengi abazincengela ukuthandwa ngumbusi, njalo wonke umuntu ngumngane walowo ophanayo. **7** Umyanga uhlanyukelwa yizihlobo zakhe zonke, pho abangane bakhe bona bamnina kangakanani! Lanxa ebancenga kangakanani, ngeke esabathola. **8** Lowo ozuze ukuhlakanipha uthanda umphefumulo wakhe; lowo ogogosa ukuzwisia uyaphumelela. **9** Umfakazi wamanga uthola isijeziso, njalo lowo ohutshuza amanga uzabhubha. **10** Kakusifanelanga isiwula ukuthi sihlale enothweni kubi kangakanani ukuthi isigqili sibuse amakhosana. **11** Ukuhlakanipha komuntu kumupha isineke; kumupha udumo ukunganaki ukuqlawa. **12** Ukuhlakuthela kwenkosi kunjengokubhonga kwesilwane, kodwa ukuthandwa yiyo kunjengamazolo etshanini. **13** Indodana eyisiwula iyamchitha uyise, lomfazi olenkani unjengamanzi athonta ephahlensi njalonje. **14** Izindlu lenotho yilifa elizuzwa ebazalini, kodwa umfazi ozwisisayo uvela kuThixo. **15** Ubuwila buletha ubuthongo obukhulu, njalo umuntu owehluleka ukuzenwaya uyalamba. **16** Lowo olalela izeluleko uvikela impilo yakhe, kodwa lowo ozedelelayo uzakufa. **17** Olomusa kubayanga upha uThixo, uzamupha umvuo ngalokho akwenzayo. **18** Qondisa indodana yakho, ngoba lokho kuzayisiza; ungabi lengxenyе yokuyibulala. **19** Umuntu ololaka oluphuphumayo luyamtshayisa, ungamlamulela, usuzahlala umlamulela njalo. **20** Lalela ukucetshiswa, wamukele ukuqondiswa, ngoba ekucineni uzahlakanipha. **21** Inhliziyo yomuntu igcwele amacebo amanengi, kodwa yisimiso sikaThixo esimayo. **22** Umuntu uloyisa uthando olungaquamukiyo; kungcono ukuba ngumyanga kulokuba lamanga. **23** Ukumesaba uThixo kuholela ekuphileni: olakho uhlala esuthisekile, engathintwa yizinhlupheko. **24** Ivilavoxo litshonisa isandla salo emganwini, liyehluleke ukubuyisa isandla emlonyeni lidle. **25** Thela uswazi isideleli, abathobekileyo bazafunda ukuhlakanipha; khuza umuntu oqedisisayo, uzazuwa

ulwazi. **26** Lowo ontshontshela uyise, axotshe unina yindodana ethelala inhloni lehlazo. **27** Nxa uyekela ukulandela izeluleko, ndodana yami, uzalahleka utshiye amazwi okwazi. **28** Umfakazi oxhwalileyo uyawudelela umthetho, lomlomo womubi uminza ububi. **29** Izijeziso zilungiselwe izideleli, loswazi ngolwemihlane yeziwula.

20 Iwayini lenza ukudelela lotshwala buyaxabanisa, okhohliswa yilezi izinto kahlakaniphanga. **2** Ulaka lwenkosi lunjengokubhonga kwesilwane; lowo oyizondisayo udela impilo yakhe. **3** Kumupha udumo umuntu ukubalekela ukuxabana, kodwa iziphukuphuku zonke ziphangisa ukuthenga inkani. **4** Iivila kalilimi ngesikhathi esifaneleyo; kuthi ngesikhathi sokuvuna liswele amabele. **5** Izifiso zenhliziyo yomuntu zingamanzi azikileyo, kodwa umuntu ozwisisayo uyazifinyelela. **6** Banengi abathi balothando olungapheliyo, kodwa ngubani ongamthola umuntu othembekileyo na? **7** Umuntu olungileyo uphila impilo encomekayo; babusisiwe abantwabakhe abamfuzayo. **8** Inkosi nxa ihlezi esihlalweni sayo isahlulela, iyakuhlungula konke okubi ngamehlo ayo. **9** Ngubani ongathi, "Ngiyigcinile inhliziyo yami imhlophe; nighlanzekile kangilasono?" **10** IZisindo ezitshiyano lezilinganiso ezitshiyano uThixo uyakuzonda kokubili. **11** Lomntwana waziwa ngezenzo zakhe, ngokuthi isimilo sakhe sihle, siqotho. **12** Indlebe ezizwayo lamehlo abonayo kokubili kwensiwa nguThixo. **13** Ungathandani lobuthongo uzakuba ngumyanga, hlala uvukile uzakuba lokudla okunengi. **14** "Kubi, kubil!" kutsho umthengi; esuka lapho usezincoma ngakuthengileyo. **15** Likhona igolide lamatshe aligugu amanengi, kodwa izindebe ezikhulumu ulwazi zilivelakancane. **16** Thatha isembatho salowo owenzela ovezizweni isibambiso; sigcine nxa ebambisela owesifazane ongaziphathanga. **17** Ukuqla okuzuzwe ngenkohliso kumnandi emuntwini, kodwa kucina sekungathi udlala itshebetshabe. **18** Nxa usenza amacebo dinga izeluleko; nxa usiyahlasela zuza ukuqondiswa. **19** Onyeyayo ueyhluleka ukugcina imfhlo, ngakho yehlukana lomuntu okhulumu angathuli. **20** Nxa umuntu ethuka uyise loba uniina, isibane sakhe sizacinywa abesemnyameni omubi. **21** Ilifa elizuzwa lula ekuqaleni alilakubusiswa ekucineni. **22** Ungabokuthi, "Lami ngizakulungisa ngalokhu ongenze khona!" Yekela, uThixo nguye ozakusiza. **23** UThixo

uyazizonda izilinganiso eziguquguqulwayo, njalo kathokoziswa yizikali zokudlelezelza. **24** Izinyathelo zomuntu zikhokhelwa nguThixo. Pho umuntu angayazi kanjani na indlela yakhe? **25** Yikuzithiya ukuthembisa ngokuphangisa ukupha ulutho, phambili umuntu aphinde azisole ngalesosifungo. **26** Inkosi ehlakaniphileyo iyabahlungula ababi; iyabahadla njengelitshe lokuchola. **27** Isibane sikaThixo siyawuhlolisia umphefumulo womuntu; sihlolisisa ekujuleni kwernibilini yakhe. **28** Uthando lokwethembeka kuyayivikela inkosi; ngothando isihlalo sayo sobukhosи sivikelekile. **29** Udumo lwamajaha lusemandleni awo, izimvu zekhanda ziyingazimulo yabadala. **30** Izidutshulo lamanxeba kugezisa okubi, lezibhaxulo zihlambulula ingaphakathi.

21 Inhliziyo yenkosи iseandleni zikaThixo, uyiholela lapho athanda khona njengomsele wamanzi.

2 Umuntu ubona kungathi zonke izindlela zakhe zilungle, kodwa uThixo uhlola inhliziyo. **3** Ukwenza okulungileyo lokufaneleyo kuyathandeka kuThixo kulomhlatshelo. **4** Amehlo okuzikhukhumeza lenhliziyo ezigqajayo, okuyikho okukhokhela ababi, konke yizono! **5** Amalungiselelo abakhuthelyo anika umvuzo njengoba nje amawala eletha ubuyanga. **6** Inotho ezuzwe ngendlela yamanga iyinkungu ememethekayo lomjibila wokufa. **7** Ukuhlukuluza kwababi kuzabakhukhula, ngoba bayala ukwenza okulungileyo. **8** Indlela yomuntu olecalia iyathubezela, kodwa ukwenza kongelalo kuqondile. **9** Kungcono ukuhlala ekhulusini lophahla lwendlu kulokuhlala ndlu yinye lomfazi olomlomo. **10** Umuntu omubi utshisekela ububi; kalasihawu ngomakhelwane wakhe. **11** Nxa kujeziswa isideleli isithutha szuzu ukuhlakanipha; nxa ohlakaniphileyo eqondiswa uzuza ulwazi. **12** Olungileyo uyayinanzelela indlu yesigangi kuthi lesosigangi asibhubhise. **13** Nxa umuntu egcika indlebe zakhe ukuze angezwa ukukhala kwabayanga, laye uzakuthi esekhala angalalelwu muntu. **14** Isipho esiphiwa ensitha siyaludedisa ulaka, lesivalamlomo esifihlwe emajazini siyakudedisa ukuthukuthela. **15** Ukwahlulela kuhle kuthokozisa olungileyo kodwa izigangi kuzitshayisa uvalo. **16** Umuntu ophambuka endleleni yokuzwisa ucina esendawonye labafileyo. **17** Lowo othanda ukuzithokozisa uzakuba ngumyangaa; laloba ngubani othanda iwayini lezibondlo ngeke anothe. **18** Ababi baba ngumhlawulelo wabalungileyo,

labangathembekanga bangumhlawulelo wabaqotho. **19** Kungcono ukuhlala enkangala kulokuhlala lomfazi olenkani lothethayo. **20** Indlu yohlakaniphileyo igcwele amaquaqua ebiliboco lamafutha, kodwa umuntu oyisithutha udla aqede du konke alakho. **21** Lowo odinga ukulunga lothando uzuza ukuphila, ukuphumelela lodumo. **22** Umuntu ohlakaniphileyo uhlaselа umuzi wabalamandla adilizele phansi inqaba abayithembileyo. **23** Lowo oqaphela umlomo wakhe lolimi lwakhe uyaziphephisa ezingozini. **24** Umuntu ozigqajayo loyisiqholo ibizo lakhe ngu "Sideleli," wenza izinto ngokuziqakisa okukhulu. **25** Izinkanuko zevila yizo ezililimazayo, ngoba izandla zalo ziyala ukusebenza. **26** Ilanga lonke litshona lifisa okungapheliyo, kodwa abalungileyo bayapha bengagodli. **27** Umhlatshelo wababi uyisinengiso kambe mubi kangakanani nxa ulethwa ngenhliziyo embi. **28** Umfakazi wamanga uzabhubha, kuthi lowo omlalelayo uzabhujswa lanini. **29** Umuntu omubi utshengisa isibindi samanga, kodwa umuntu oqotho uyananzelela izenzo zakhe. **30** Akulakuhlakanipha, akulambono, akulacebo okunganqoba uThixo. **31** Ibhiba liyalungiselelwu usuku lwempi, kodwa ukunqoba kulawulwa nguThixo.

22 Ibizo elihle liyathandeka kulenotho enengi; ukuhlonitshwa kungcono kulesiliva kumbe igolide. **2** Abanothileyo labayanga bayafanana ngalokhu: UThixo unguMenzi wabo bonke. **3** Umuntu olengqondo uthi ebona ingozi acatshe, kodwa isithutha siyaphikelela singena enkathazweni. **4** Ukuzithoba lokwesaba uThixo kuletha inotho lodumo lokuphila. **5** Endleleni yababi kugcwele ameva lemjbila, kodwa onanzelela umphefumulo wakhe unqenqela khatshana. **6** Fundisa umntwana indlela amele ahambé ngayo, kuzakuthi esemdale kayikuphambuka kuyo. **7** Abanothileyo babusa abayanga, lalowo owebolekayo uyisichaka salowo omebolekayo. **8** Lowo ohlanyele ububi uvuna ukuhlupheka, njalo uswazi lolaka lwakhe luzakwephulwa. **9** Umuntu ophanayo uzabusisa, ngoba wabela abayanga ukudla kwakhe. **10** Xotsha isideleli, lenkani ihle iphume; ukuxabana lokuthukana kuyaphela. **11** Othanda inhliziyo ehlanzekileyo, onkulomo yakhe ipholile uzakuba ngumngane wombisi. **12** Amehlo kaThixo ayaluvikela ulwazi kodwa uyawadiliza amazwi abangathembekanga. **13** Ivilavoxo lithi, "Kulesilwane phandle! Ngizabulawa ezindleleni!" **14** Umlomo wesifebekazi unjengomgodi

otshonayo; lowo othukwe nguThixo uzawobokela kuwo. **15** Ubuwula bugxilile enhliziyweni yomntwana, kodwa uswazi lokuqondisa luzabuxotshela khatshana. **16** Lowo oncindezela abayanga ukuze anothe ngabo, lalowo oncenga abanothileyo ngezipho, bonke bacina sebengabayanga. **17** Lalela uzwe amazwi ezhhlakaniphi; nikela inhliziyu yakho ezifundweni zami, **18** ngoba kuyathokozisa nxa uzigcina enhliziyweni yakho, uztisho kalula ngezindebe zakho. **19** Ukuze ithemba lakho lihlale kuThixo, yikho ngikufundisa lamuhla wena ngokwakho. **20** Kangikulobelanga yini izitsho ezingamatshumi amathathu, izitsho zokweluleka lolwazi, **21** ezikufundisa amazwi eqiniso athembekileyo, ukuze ukwazi ukupha impendulo ezilesisindo kulowo okuthumileyo na? **22** Ungagegeleli abayanga ngoba bengabayanga njalo ungaphoseli abaswelayo entolongweni, **23** ngoba uThixo uzakuba ngumeli wabo abahlkuluze labo ababahlkuluzayao. **24** Ungabi ngumngane womuntu ololaka, ungahambi lomuntu ozonda masinyane, **25** funa ufunde izindlela zakhe uzingenise emjibileni. **26** Ungabi ngumuntu ophanga ukwenza izithembiso kumbe onika isibambiso ngezikwelede; **27** ungayiswela inhlawulo uzakwemukwa noma ngumbheda wakho olala kuwo. **28** Ungasusi ilitshe lakudala elomngcele elabekwa ngokhokho bakho. **29** Uyambona umuntu oyincitshi emsebenzini wakhe na? Uzasebenzela amakhosi; akayikusebenzela abantukazana.

23 Nxa uhlala phansi usidla lombusi, nanzelela ukuthi kuyini okuphambi kwakho, **2** ungazifaki ingqamu entanyeni nxa uhugwa yibuhwaba. **3** Ungahawukeli izibiliboco zakhe ngoba lokho kudla kuyakhohlisa. **4** Ungazihlukuluzi uzigugise ngomsebenzi uzama inotho; hlakanipha wazi ukuzikhaza. **5** Ungayibona manje inotho, masinyane isinyamalele, ngoba ngempela izamila impiko iphaphele emkhathini njengengqungqulu. **6** Ungakudli ukudla komuntu oncitsanayo, ungazihawukeli izibiliboco zakhe; **7** ngoba yena uhlezi ebalisa ngendleko. Angathi kuwe, “Dlana unathe,” kodwa kungasuki enhliziyweni yakhe. **8** Uzakuhlanza okuncane lokho okudlileyo ube udlalise amazwi akho okubonga. **9** Ungakhulumi lesithutha ngoba sizakweyisa inhlakanipho yamazwi akho. **10** Ungasusi ilitshe lakudala elomngcele loba uzithatthele amasimu ezintandane, **11** ngoba uMhengi wazo ulamandla; uzakuba ngumeli wazo aphikisane lawe. **12**

Nikela inhliziyu yakho ekufundisweni lezindlebe zakho emazwini olwazi. **13** Ungayekeli ukumlaya umntwana; ukumtshaya ngoswazi akuyikumbulala. **14** Mjezise ngoswazi ukuze uphephise umphefumulo wakhe ekufeni. (*Sheol h7585*) **15** Ndodana yami, aluba inhliziyu yakho ihlakaniphile, inhliziyu yami layo izathokoza; **16** ingaphakathi yami izajabula lapho izindebe zakho zikhulumu okulungileyo. **17** Inhliziyu yakho mayingahawukeli izoni, kodwa hlala utshisekela ukwesaba uThixo. **18** Ngeqiniso lihle ikusasa lakho, lethembra lakho kaliyikucitshwa. **19** Lalela, ndodana yami, uhlakaniphe, ubeke inhliziyu yakho endleleni elunglelo. **20** Ungahlangani leziminzi zewayini labazitika ngenyama, **21** ngoba izidakwa lezihwaba ziba ngabayanga, ukuwozela kwazo kuzembese amadabudabu. **22** Lalela uyihihlo owakuletha emhlabeni, njalo ungeyisi unyoko nxa eseluphele. **23** Thenga iqiniso ungalithengisi; zuza ukuhlakanipha lokuzikhaza lokuzwisia. **24** Uyise womuntu olunglelo uyathokoza kakhulu; lowo olendodana ehlakaniphileyo uyathokoza ngayo. **25** Sengathi uyihihlo lonyoko bangathokoza; sengathi lowo owakuzalayo angajabula! **26** Ndodana yami, ngipha inhliziyu yakho, amehlo akho ahlale ezindleleni zami, **27** ngoba isifebe singumgodi otshonayo lomfazi olibele lendlela ungumthombo oyingozi. **28** Uyacathamelia njengesigebenga, andise amadoda angathembekanga. **29** Ngubani ohlaba umkholosi? Ngubani olosizi na? Ngubani otshingayo? Ngubani olen solo na? Ngubani omahluzuhluu ngeze? Ngubani omehlo abomvu gebhu na? **30** Yilabo abalibala ngewayini, abahamba bedinga inzwisa yewayini elidibanisiweyo. **31** Ungahugwa liwayini ulibona libomvu, nxa likhazimula enkomitshini, lapho lisehla kamnandi! **32** Ekucineni liluma njengenyoka libe lobuhlungu obubulalayo njengenhlhangwana. **33** Amehlo akho azabona izinto ezingaqedakaliyo lengqondo yakho icabange izinto ezididayo. **34** Uzakuba njengomuntu ondendayo phakathi kolwandle, olele esiqongweni sensika yomkhumbi. **35** Uzakuthi, “Bangitshayile kodwa kangilimalanga! Bangibethile kodwa kakubuhlungu! Ngizavuka nini bo ngiyodinga obunye utshwala?”

24 Ungabahawukeli abantu abaxhwalileyo, ungfasi ubungane labo; **2** ngoba ezingqondweni zabo bahlose udlakela, lezindebe zabo zikhulumu ngokuvusa umsindo. **3** Indlu yakhiwa ngokuhlanipha, imiswe ngokuzwisia; **4** amakamelo ayo agcwaliswe ngolwazi,

agcwaliswe ngemicciso yakude eligugu. **5** Umuntu ohlakaniphileyo ulamandla amakhulu, njalo umuntu ololwazi uyandisa amandla; **6** ukuthi unqobe empini kufunakala izeluleko, lokunqoba kudinga abeluleki abanengi. **7** Ukuhlakanipha kuphakeme kakhulu koyisiwula; enkundleni kalalutho angalukhuluma. **8** Lowo oceba ububi uzakwaziwa njengomacebomabi. **9** Amacebo obuwula ayisono, njalo abantu bayasizonda isideleli. **10** Nxa uthikaza ngezikathathi zenhlupheko, mancinyane kanganani amandla akho! **11** Bahlangule labo abaholelw a ekufeni; banqande labo abadayizela besiya ekubulaweni. **12** Nxa usithi, “Angithi besingazi lutho ngalokhu,” kambe lowo ohlola inhliziyo kakuboni lokho na? Kakwazi lokho yini onguye olinda ukuphila kwakho na? Akayikuvuza ubani lobani ngakwenzileyo na? **13** Dlana uluju ndodana yami, ngoba lulungile; uluju olujuluka ekhekhebeni lumnandi luyanambitheka. **14** Yazi njalo ukuthi ukuhlakanipha kumnandi emphefumulweni wakho, aluba ukuzuza ikusasa lakho lilethemba elihle, njalo ithemba lakho aliyikudaniswa. **15** Ungacathamel indlu yomuntu olungileyo njengesigebenga, ungawuhlaseli umuzi wakhe; **16** ngoba loba angaze awe kasikhombisa umuntu olungileyo uyavuka futhi, kodwa ababi babbazalalisa yizinhlupheko. **17** Ungathatshisa yikuwa kwestitha sakho; nxa sikhubeka ungavumeli inhliziyo yakho ithokoze, **18** ngoba uThixo uzakubona lokho asole abesepholisa ulaka lwakhe kuso isitha. **19** Ungazikhathazi ngenxa yabantu ababi loba ubahawukele abaxhwalileyo, **20** ngoba umuntu omubi akalalo ithemba lakusasa, njalo isibane sezixhwali sizacinywa. **21** Yesaba uThixo lombusi, ndodana yami, unganganelani labahlamuki, **22** ngoba laba bobabili bazakwehlisa ulaka lubabhubhise, ngoba phela ngubani kambe okwaziyo ukubhubhisa abangakwehlisa? **23** La ngamanye amazwi ezihlakaniphi: Ukwahlulela ngobandlululo kakulunganga; **24** Loba ngubani othi kolecalo, “Umsulwa,” abantu bonke bazamqalekisa lezizwe zonke zizamhlamukela. **25** Kodwa kuzabalungela labo abamlahlayo olecalo, lezibusiso ezinengi zizabehlela. **26** Impendulo eqotho injengokwangiwa ezindebeni. **27** Qeda umsebenzi wakho waphandle ulungise lamasimu akho; kuthi-ke usuqedile wakhe indlu yakho. **28** Ungafakazi ngokubethela umakhelwane kungelamlandu, kumbe usebenzise izindebe zakho ukohohlisa. **29** Ungabokuthi, “Ngizakwenza kuye

njengoba enze kimi; ngizahlawulisa ngalokho angenze khona.” **30** Ngedlula ensimini yevilavoxo, ngedlula esivinini somuntu ongelangqondo; **31** ameva ayesekhula indawo yonke, indawo yonke isithe phethu ukhula, lomduli wamatshe usudilikile. **32** Ngakunanzelela konke engangikubona ngafunda isifundo kulokho engakubonayo: **33** Ukulala okuncane, ukuwozel a okuncane, ukugoqa izandla kancane uphumula, **34** ubuyanga buzafika kuwe njengesela lokuswela njengesigebenga.

25 Lezi ngezinye njalo izaga zikaSolomon, ezabhalwa yizinceku zikaHezekhiya inkosi yakoJuda: **2** Kuyinkazimulo kaNkulunkulu ukufihla indaba; ukuchwayisa indaba ludumo Iwababusi. **3** Njengalokhu izulu liphakeme lomhlaba ujulile, kanjalo imicabango yamakhosi kayifinyelelwa. **4** Susa amakhafutha ahlangene lesiliva umkhandi athole ukulungisa isitsa sihle; **5** susa abantu ababi phambi kwenkosi, isihlalo sayo sizaqinisa ngokulunga. **6** Ungaziphakamisi phambi kwenkosi, ungaziphendleli indawo phakathi kwezikhulu; **7** kuba ngcono ukuthi yona ithi, “Woza uhlale ngapha,” kulokuthi yona ikwehlise phambi kwezikhulu. Lokho okubonileyo ngawakho amehlo **8** ungaphangisi ukukubika emthethwandaba, ngoba uzathini nxa umakhelwane wakho esekuyangisa? **9** Nxa ungaya edale lomakhelwane wakho ungahambi usuhlabela imfihlo yenu, **10** funa lowo okuzwayo akuyangise uhlale usungumuntu olebizo elibi. **11** Ilizwi elikhulunywe ngesikhathi esifaneleyo linjengama-aphula egolide ananyekwe emcepheni wesiliva. **12** Njengecici legolide kumbe umceciso wegolide elicengiweyo kunjalo ukukhuza komuntu ohlakaniphileyo, kolalelayo. **13** Njengokuqanda kongqwaqwane ngesikhathi sokuvuna sinjalo isithunywa esithembekileyo kwabasithumileyo; sivuselela imiphefumulo yabaphathi baso. **14** Njengamayezi lomoya okungalethi izuluunjalo umuntu ozikhukhumeza ngamandla angelawo. **15** Ngokubekelza inkosi ingancengwa ize ivume, lolimi oluthambileyo lungalephula ithambo. **16** Nxa uthole inyosi, dlana okwaneleyo ungedlulisi amalawulo, uzazihlanza. **17** Ungabi ngunsukuzonke endlini kamakhelwane wakho uzacina usumdaka abesekuzonda. **18** Unjengesagila loba inkemba kumbe umtshoko obukhali umuntu ofakaza amanga ngomakhelwane wakhe. **19** Njengezinyo elibuhlungu loba unyawo olwenyeleyo kunjalo

ukweyama emuntwini ongathembekanga ngesikhathi sokuhlupheka. **20** Njengomuntu okhumula ibhatshi mhla kumakhaza, loba njengokuthela iviniga phakathi kwesodaunjalo ohlabelela izingoma emuntwini odabukileyo. **21** Nxa isitha sakho silambile siphe ukudla sidle; nxa somile siphe amanzi sinathe. **22** Ngokwenza lokho, umokhela amalahle avuthayo ekhanda, njalo uThixo uzakubusa. **23** Njengomoya wasenyakatho uletha izulu, lunjalo ulimi olulobuqili luvusa ulaka. **24** Kungcono ukuhlala ekhulusini lophahla lwendlu kulokuhlala ndlu yinye lomfazi olomlomo. **25** Njengamanzi aqandayo emuntwini okhatheleyo, zinjalo izindaba ezimnandi ezivela elizweni elikude. **26** Njengesiziba esidungekileyo loba umthombo ongcolileyo unjalo umuntu olungileyo odedela umuntu omubi. **27** Kakukuhle ukudla inyosi wedlulise, njalo kakulasithunzi ukuzidingela ukudunyiswa. **28** Njengedolobho eselidilikelwe ngumthangala walo unjalo umuntu ongazithintiyo.

26 Njengongqaqwane ehlobo loba izulu ebusika kanjalo udumo alusifanelanga isiwula. **2** Njengentaka ephaphazelayo loba inkonjane entwezayo, sinjalo isiqalekiso esingelasizatho kasinamatheli. **3** Isiswebhu ngesebhiza, amatому ngakababhermi, loswazi ngolwemihlane yeziwula! **4** Ungabophendula isiwula ngendlela yobuwula baso, funa ubenjengaso wena ngokwakho. **5** Phendula isiwula ngendlela yobuwula baso, sizabona kungathi sihlakaniphile. **6** Njengokuziquma inyawo zakho loba ukunatha itshefu, kunjalo ukuthumela umlayezo ngesiwula. **7** Njengemilenze eqhugzelayo eyomuntu oqhulayo sinjalo isaga emlonyeni wesiwula. **8** Njengokubophela ilitshe esavutheni kunjalo ukupha udumo koyisiwula. **9** Njengogatsha lwameva luhethwe yisidakwa sinjalo isaga emlonyeni wesiwula. **10** Njengomtshoko ociba loba ngubani odlulayo unjalo oqhatsha isiwula loba umuntu ozedluleyo. **11** Njengenja ebuyela emahlanzweni ayo kanjalo isiwula siyabuphinda ubuthutha baso. **12** Uyambona yini umuntu ozibona engohlakaniphileyo? Kulethemba elingcono ngesiwula kulaye. **13** Ivilavoxo lithi, “Kulesilwane endleleni, kulesilwane emigwaqweni!” **14** Njengesivalo esitshibilika ngamabhanti aso kanjalo ivila liphenduka embhedeni walo. **15** Ivilavoxo litshonisa isandla salo emganwini; livilaphe ukusa isandla emlonyeni lidle. **16** Ivila lizibona lihlakaniphile kakhulu okwedlula abantu

abayisikhombisa abangaphendula ngokuhlakanipha. **17** Njengomuntu odonsa injalengendebe unjalo umuntu othi edlula angenele ingxabano ingesiyakhe. **18** Njengohlanya luhphosa izikhuni zomlilo kumbe imitshoko ebualalayo, **19** injalo indoda ephoxa umakhelwane wayo ibisisithi, “Bengizidlalela nje!” **20** Nxa kungaselankuni umlilo uyacima; nxa kungaselakunyeya ukuxabana kuyaphela. **21** Njengamalahle avuthayo loba njengenkuni emlilweni, unjalo umuntu othanda ingxabano ekuvuseni inkani. **22** Amazwi omuntu onyeyayo anjengeziliboco; angena ekujulen ikenhliziyo yomuntu. **23** Njengesiliva egcotshwe esitsheni sebumba sikhazimule kunjalo ukuthakazelela kwezindebe zenhliziyo elobubi. **24** Umuntu olenhliziyo embi uvala ngezindebe ezimnandi, kodwa enhliziywani yakhe ufhile inkohliso. **25** Loba ukukhuluma kwakhe kumnandi, kodwa ungaze wamkholwa, ngoba inhliziyo yakhe igcwele izithuko eziyisikhombisa. **26** Inzondo yakhe angayivala ngobuqili, kodwa ububi bakhe buzavezwa obala ebantwini. **27** Umuntu angagebha umgodi, uzawela kuwo; umuntu angagiqa ilitshe, lizaphenduka ligiqikele phezu kwakhe. **28** Ulimi oluqamba amanga luyabazonda labo olubalimazayo, lomlomo okhohlisayo uletha incithakalo.

27 Ungazincomi ngelakusasa, ngoba kawukwazi ukuthi liza lithweleni. **2** Yekela omunye akudumise, hatshi owakho umlomo; akube ngomunye, kungabi ngezakho izindebe. **3** Ilitshe liyasinda, itshebetshebe ngumthwalo onzima, kodwa ukucatshulwa yisiwula kunzima okudlula kokubili. **4** Ulaka lulolunya lentukuthelo iyagabha, kambe ngubani ongema phambi komhawu na? **5** Kungcono ukuthukwa obala kulokuthandwa ngokufihlakeleyo. **6** Ukulinyazwa ngumngane kakwesabeki, kodwa isitha sikhanga sedlulise amalawulo. **7** Osuthiyo kathakazeleli uluju oluvela ekhekhebeni, kodwa kolambileyo lokubabayon kunambitheka mnandi. **8** Njengenyoni elahlek a esidlekeni sayo, unjalo umuntu otshiya umuzi wakhe. **9** Amakha lempepha kuletha intokozo enhliziywani, lobumnandi bomngane busuka ezelulekweni zakhe eziqinileyo. **10** Ungadeli umngane wakho lomngane kayihlo, futhi ungayi endlini yomfowenu nxa wehlelwew yizinhlupheko ungcono umakhelwane eduze kolomfowenu okhatshana. **11** Hlakaniphile, ndodana, ulethe intokozo enhliziywani yami; lapho ngizakwazi ukumphendula ongeyisayo.

12 Umuntu olengqondo uthi ebona ingozi acatshe, kodwa isithutha siyaphikelela singena enkathazweni. **13** Thatha isigqoko salowo owenzela owemzini isibambiso; sigcine njengesithembiso aluba esenzela umfazi ongelasimilo. **14** Uba umuntu evukisa umakhelwane wakhe ngokumnqolonga ekuseni kakhulu, kuzathiwa uyamqalekisa. **15** Umfazi olenkani unjengamathonsi angapheliyo mhlana kusina; **16** ukumkuza kufana lokukhuza umoya loba lokubamba okulamagcobo ngesandla. **17** Njengensimbi ilola insimbi, kanjalo indoda ikhaliphisa enye. **18** Lowo onakekela isihlahla somkhiwa uzakudla izithelo zawo, kuthi lowo olondoloza umqhatshi wakhe abelodumo. **19** Njengamanzi etshengisa ubuso bomuntu, kanjalo inhliziyo yomuntu itschengisa ayikho khona. **20** UKufa leNcithakalo kakusuthi, anjalo lamehlo omuntu. (*Sheol h7585*) **21** Isiliva sincibilikiselwa embizeni imvutho ngeyegolide, kodwa abantu bahlolwa ngodumo lwabo. **22** Ungaze uchole isiwula elitsheni, usichole njengamabele ngembokodo kawusoze ubususe ubuwula baso. **23** Woba leqiniso ukuthi uhlala usazi kuhle isimo sezifuyo zakho, nanzelela imihlambi yakho; **24** ngoba inotho kayiyikuhlala kokuphela, lomqhele wobukhos i kawuyikuba ngowezizukulwane zonke. **25** Utshani bungaqunywa kuqalise ukuhluma obunye kuthi bonke obusikiwego ezintabeni sebubuthiwe, **26** amawundlu azakupha uboya beziqqoko, lembuzi zikuphe imali elingana intengo yesiqinti. **27** Uzakuba lochago lwembuzi olunengi olwakho lolwendlu yakho lusuthise lezincke zakho.

28 Umuntu omubi uybaleka loba engaxotshaniswa muntu, kodwa abalungileyo balesibindi njengesilwane. **2** Nxa ilizwe lihlamuka liba lababusi abanengi, kodwa umuntu ozwisisayo lololwazi ugcina ukuthula. **3** Umbusi oncindezela abayanga unjengezulu elinengi elikhukhula amabele. **4** Labo abaphikisa umthetho bakhuthaza izigangi, kodwa labo abawugcinayo bayazenqabela. **5** Abantu ababi kabakuzwisi ukwahlulela kuhle, kodwa labo abamdingayo uThixo bayakuzwisa kakhulu. **6** Ungcono umyanga ohamba ngokulunga kulesinotti esilezindlela zokungcola. **7** Lowo ogcina umthetho yindodana eqedisisayo, kodwa umngane wezixhwali uyangisa uyise. **8** Lowo owandisa inotho yakhe ngenzaliso uyibuthela omunye ozaba lomusa kubayanga. **9** Loba ngubani ongawulaleliyo umthetho,

lemikhuleko yakhe izakuba yisinengiso. **10** Lowo oholela olungileyo endleleni embi uzawela emjibileni wakhe, kodwa ongelacala uzakwamukela ilifa elihle. **11** Umuntu onothileyo angazibona ingathi uhlakaniphile, kodwa umyanga oqedisisayo uhle abone ukuthi kasumuntu. **12** Nxa olungileyo enqoba kulokujabula okukhulu; kodwa nxa omubi ethatha umbuso abantu bayacatsha. **13** Lowo ofihla iziphambeko zakhe kayikuphumelela, kodwa lowo ozivumayo azitshiye ufumana umusa. **14** Ubusisiwe umuntu ohlala emesaba uThixo, kodwa lowo oyenza lukhuni inhliziyo yakhe uwela enkathazweni. **15** Njengesilwane esibhongayo loba ibhele elihlaseelayo unjalo umuntu omubi nxa ebusa abantu abangelamandla. **16** Umbusi oncindezelayo wehluleka ukwahlulela kuhle, kodwa lowo ozonda inzuko yokuganga uzakuba lempilo ende. **17** Umuntu odliwa ngumzwangedwa wokubulala omunye uzaba ngohlala ebaleka aze ayokufa; akungabi lomuntu omsekelayo. **18** Lowo ompilo yakhe ingelacala uvikelekile, kodwa ondlela zakhe zixhwalile uzakuba masinyane. **19** Lowo osebenza nzima emasimini akhe uzathola ukudla okunengi, kodwa lowo ophika ngezifiso ezyize uzakuba ngumyanga onukayo. **20** Umuntu othembekileyo uzabusiswa ngokuphumelela, kodwa ogijimela ukunotha kayikuphepha ekujezisweni. **21** Ukubandlulula abantu kakulunganga ikanti umuntu uyona ukuze azuze ucezu lwesinkwa. **22** Umuntu oncitshanayo utshisekela ukunotha kodwa kaboni ukuthi unyenelwa yibuyanga. **23** Lowo okhuza umuntu uzacina esethandeka kulaalovo ololimi olukhohlisayo. **24** Lowo ontshontshela uyise loba unina athi, "Akusinto embi" ungumngane lomuntu obhidilizayo. **25** Umuntu olomhawu ubanga ingxabano, kodwa lowo omethembayo uThixo uzaphumelela. **26** Lowo ozithembayo yena uyiwiwula, kodwa lowo ohamba ngenhlakaniphile uvikelekile. **27** Lowo opha abayanga kayikuswela lutho, kodwa ovala amehlo ingathi kababoniuzuza iziqalekiso ezinengi. **28** Lapho izigangi zisiba yiziphathamandla abantu bayacatsha; kodwa nxa kusifa izixhwali abalungileyo bayaphumelela.

29 Umuntu oqinisa intamo phezu kokukhuzwa kanengi uzabhujiwa ngesikhhatshana kungabi lokuphepha. **2** Lapho kuphumelela abalungileyo abantu bayajabula; nxa kubusa izixhwali abantu bayabubula. **3** Umuntu othanda ukuhlakaniphile uletha

intokozo kuyise, kodwa ohamba lezifebe utshaphaza inotho yakhe. 4 Ngokubusa kuhle inkosi iyaliqinisa ilizwe layo, kodwa leyo elihaga lezivalamlomo iyalibhidliza. 5 Loba ngubani okhohlsa umakhelwane wakhe uzendlalela umambule wokuzithiya. 6 Umuntu omubi uthiywa yisono sakhe, kodwa umuntu olungileyo angahlabela athokoze. 7 Olungileyo uyawananza amalungelo abayanga, kodwa ababi kabazidubi ngalokho. 8 Izideleli zingalidunga idolobho, kodwa abantu abahlakaniphileyo bayaludedisa ulaka. 9 Nxa umuntu ohlakaniphileyo esiya emthethwandaba lesiwula, isiwula siyatshinga sibhede kube lomsindo. 10 Abadinga ukuchitha igazi bayamzonda umuntu oqotho njalo badinga ukubulala abalungileyo. 11 Isiwula siyalukhihliza lonke ulaka Iwaso, kodwa umuntu ohlakaniphileyo uyazithiba. 12 Nxa umbusi elalela amanga, zonke izikhulu zakhe ziba zimbi. 13 Umyanga lomncindezel bakanye kulokhu: uThixo uvula amehlo abo bobabili. 14 Nxa inkosi isahlulela abayanga kungelabandlululo, isihlalo sayo sobukhosи sizaqina. 15 Uswazi lokuqondisa lunika ukuhlakanipha, kodwa umntwana oyekelwayo uhlazisa unina. 16 Nxa ababi bephumelela, lesono laso siyaphumelela, kodwa abalungileyo bazabawisa. 17 Qondisa indodana yakho, izakupha ukuthula; izaletsha injabulo emphefumulweni wakho. 18 Lapho okungekho khona isambulelo, abantu badela ukuzithiba; kodwa ubusisiwe lowo ogcina umlayo. 19 Inceku kayiqondiswa ngamazwi nje wodwa, loba izwisisa kayiyikukwenza ekutshelwayo. 20 Uyambona umuntu ovalazela ukukhuluma? Kulethemba elingcono esiwuleni kulaye. 21 Umuntu ototoza inceku yakhe isakhula, leyonceku izamthwalisa nzima ekucineni. 22 Umuntu othukuthelayo udala ingxabano, kodwa lowo olicaphucaphu wenza izono ezinengi. 23 Ukuziggaja komuntu kuyamehlisa, kodwa umuntu ozehlisayouzuza udumo. 24 Osizana lesela uyazizonda yena; usezifungise kulo ngakho ngeke afakaze iqiniso. 25 Ukwesaba abantu kuba yizithiyo, kodwa lowo othembauThixo uzaphepha. 26 Abanengi bazama ukuzisondeza kumbusi, kodwa ukwahlulela okuhle kuvela kuThixo. 27 Abalungileyo bayabenanya abangathembekanga; abaxhwalileyo bayabenanya abalungileyo.

30 Amazwi ka-Aguri indodana kaJakte, amazwi ahlahkaniphileyo: Umuntu lo wathi kuIthiyeli: "Ngikhatheli, Oh Nkulunkulu, kodwa ngizophumelela. 2 Angilwazi okudlula bonke abantu;

angilakho ukuzwisia komuntu. 3 Angikufundanga ukuhlakanipha njalo kangilalwazi ngaye oNgcwele. 4 Ngubani oseke waya ezulwini waphinda wehla na? Ngubani oseke wafumbatha umoya ngesandla sakhe na? Ngubani oseke wagoqela amanzi ngesigqoko sakhe na? Ngubani omise yonke imikhawulo yomhlabna? Lingubani ibizo lakhe, lebizo lendodana yakhe? Ngitshela nxa usazi! 5 Wonke amazwi kaNkulunkulu akalamposiso; uyisihlangu kulabo abacatsha kuye. 6 Ungengezeleli emazwini akhe, funa akukhuze akwenze umqambimanga. 7 Zimbili izinto engizicela kuwe, Oh Thixo; ungangincitshi zona ningakafi: 8 Susa kimi inkohliso lamanga; ungangiphi ubuyanga loba inotho, kodwa ungiphe kuphela ukudla kwami kwansukuzonke. 9 Phela ngingaba lokunengi kakhulu ngikuphike wena ngithi, "Ungubani uThixo?" loba ngibengumyanga ngintshontshe; ngalokho ngiliyangise ibizo likaNkulunkulu wami. 10 Ungahlebi inceku enkosini yayo, ngoba izakuqalekisa ungene enkathazweni. 11 Bakhona abathuka oyise, abangababusisiyo onina; 12 labo abazibona belungile ikanti kabahlambululwanga emanyaleni abo; 13 labo abamehlo abo ahlezi egcwele ulaka, abakhangelia ngokudelela; 14 labo omazinyo abo zinkemba, omihlathi yabo inanyathiselwe izingqamu ukuze baginye abayanga baphele emhlaben, labaswelayo abaphakathi kwabantu. 15 Umkhaza ulamadodakazi amabili; ayamemeza athi, 'Siphe! Siphe!' Zintathu izinto ezingasuthiyo, zine ezingakaze zithi, 'Sekwanele!': 16 lingcwaba yisisu senyumba, lomhlabathi ongasuthiyo amanzi, lomlilo ongezukufa wathi, 'Sekwanele!' (Sheol h7585) 17 Ilihlo elihleka uyise, elidelela ukulalela unina, lizakotsholwa ngamawabayi asesigodini, lizadliwa ngamanqe. 18 Kukhona izinto ezintathu ezingimangalisayo kakhulu, ezine engingaziwisisiyo: 19 indlela yengqungqulu emkhathini, umzila wenyoka edwaleni, indlela yomkhumbi olwandle, lendlela yejaha lentombi. 20 Le yindlela yesiphingikazi: siyadla sesule umlomo waso besesisithi, 'Angenzanga lutho olubi.' 21 Zintathu izinto ezizamazamisa umhlab, zine ongeke uzithwale: 22 yinceku ebayinkosi, yisiwula esisuthiyo, 23 ngumfazi owendileyo ongathandwayo, lencekukazi ethathela inkosikazi indoda. 24 Kukhona emhlabeni izinto ezine ezincinyane, ikanti-ke zihlakaniphile kakhulu: 25 Ubunyonyo kabulamandla anganani, kodwa buyabuthelela ukudla kwabo ehlobo; 26

lezimbila ziyizidalwa ezilamandla angatsho lutho, kodwa zenza izikhundla zazo ezingoxweni zamadwala; **27** izintethe kazilankosi, kodwa zihamba ziludibi olwesabekayo; **28** umbankwa ungabanja ngesandla, kodwa ungena lasezigodlweni zamakhosi. **29** Kulezinto ezintathu ezihamba zinqekuza kamnandi, zine ezihamba zibeka kamnandi: **30** yisilwane, esilamandla esabekayo phakathi kwezilo, esingabalekeli lutho; **31** liqhude eliditshazelayo, yimpongo, njalo lenkosi nxa ihanqwe libuthe layo. **32** Nxa ube yisithutha waziphakamisa, kumbe nxa wakhe amacebo okwenza okubi, vala umlomo wakho ngesandla sakho. **33** Ngoba njengokuphehla uchago kudala iphehla, lanjengoba ukugubha amakhala kubanga umungula, kunjalo ukuvusa ulaka kudala ingxabano.”

31 Amazwi enkosi uLemuweli, amazwi enhlakaniphо awafundiswa ngunina: **2** Oh, ndodana yami! Oh ndodana yethumbu lami! Oh, ndodana yezfungo zami, **3** ungadlalisi amandla akho ebafazini, izifutho zakho kulabo abadiliza amakhosi. **4** Kakusikho kwamakhosi, bakithi Lemuweli kakusikho kwamakhosi ukunatha iwayini, kakusikho kwababusi ukunxwanela utshwala, **5** funa badakwe bakhohlwe izimiso zomthetho, behluleke ukumisela kuhle abahluphekayo amalungelo abo. **6** Phana utshwala kulabo abavele sebezifele, iwayini kulabo abalosizi olukhulu; **7** kabanathe bakhohlwe ubuyanga babo bakhohlwe nya usizi lwabo. **8** Bamele labo abehlulekayo ukuzikhulumela, uwamele amalungelo alabo abangelalutho. **9** Khuluma njalo wahlulele ngokulunga; alwele amalungelo abayanga labaswelayo. **10** Ngubani na ongathola umfazi olesimilo? Uligugu elidlula kakhulu amatshe amahle. **11** Indoda yakhe iyamthemba ngokupheleleyo njalo kayisweli lutho oluqakathekileyo. **12** Uyenzela okuhle, hatshi okubi, empilweni yakhe yonke. **13** Uyakhetha kuhle iwulu lesikusha akweluke kuhle ngezandla ezikhutheleyo. **14** Unjengemikhumbi yabathengisi, eletha ukudla okuvela kude. **15** Uvuka ekuseni kusesemnyama; alungisele abomuzi wakhe ukudla abele lezincekukazi zakhe. **16** Uyayihlolisia insimu mandulo kokuyithenga; ngalokho akuzuzayo uyahlanyela isivini sakhe. **17** Uwubamba ngokukhuthala umsebenzi wakhe; aqinise izingalo zakhe emsebenzini. **18** Uyananzela ukuthi ukuthengisa kwakhe kulenzuzo, lokuthi isibane sakhe kasicimi ebusuku. **19** Uphatha uluthi lokuphotha ngesandla sakhe abesebamba ngeminwe yakhe

isigudugudu sokweluka. **20** Welulela izandla zakhe kubayanga njalo ulezandla ezilula kwabaswelayo. **21** Lapho kukhithika ungqwaqwane, kalakwesaba ngabendlu yakhe; ngoba bonke bagqoke ezibomvu. **22** Wendlala amalembu ombheda wakhe; agqoke ilineni elihle leziqqoko eziyibubende. **23** Indoda yakhe iyahlonitshwa enkundleni lapho efika ihlale khona ndawonye labadala belizwe. **24** Uthunga iziqqoko zelineni azithengise, abathengi bemigaxo bayizuza kuye. **25** Wembethe amandla lesithunzi; uyahleka loba kusiza insuku ezimbi. **26** Ukhuluma ngenhlakaniphо, lezeluleko eziqondileyo zisolimini lwakhe. **27** Unqinekela ezomuzi wakhe njalo kadli isinkwa sobuyla. **28** Abantwabakhe bayambonga bathi ubusisiwe; lendoda yakhe layo iyamdumisithi, **29** “Banengi abafazi abenza izimangaliso zobuhle, kodwa wena uyabedlula bonke.” **30** Ukubukeka kuyakhohlisa, lobuhle buyaphela; kodwa umfazi owesaba uThixo kadunyiwe. **31** Kaphiwe umvuzo wobuhle abenzayo, imisebenzi yakhe imlethele udumo enkundleni.

UmTshumayeli

1 Amazwi oMtshumayeli, indodana kaDavida inkosi yaseJerusalema: **2** “Ize! Ize!” kutsho uMtshumayeli. “Ize elipheleleyo! Konke kuyize.” **3** Umuntu uzuZani ngawo wonke umsebenzi wakhe awusebenza nzima ngaphansi kwelanga? **4** Izizukulwane ziyafika, izizukulwane ziyedlula, kodwa umhlaba umi lanini. **5** Ilanga liyaphuma njalo ilanga liyatshona, liphinde liphange libuye le lapho eliphuma khona. **6** Umoya uphephethela eningizimu ujike uye enyakatho; uyabhoda, ubhode njalo ujinge ubuyela endleleni yawo. **7** Zonke izifula zigelezela olwandle, kodwa ulwandle kalugcwali. Endaweni lapho izifula ezidabuka khona zicina zibuyela khona njalo. **8** Zonke izinto ziyadina, lokho okungelandiswe muntu. Ilihlo kalidinwa yikubona, lendlebe layo kayigcuali ngokuzwa. **9** Lokho okwake kwaba khona kuzakuba khona njalo; okwake kwensiwa kuzakwenziwa njalo; akulalutho olutsha ngaphansi kwelanga. **10** Kukhona yini umuntu angathi ngakho, “Khangel! Lolulutho lutsha?” Selwake lwaba khona ngaphambili, kudala; lwalukhona singakabi khona. **11** Kayikho imikhumbulo ngabantu bakudala, njalo lalabo abezayo abayikukhunjulwa yilabo abalandelayo. **12** Mina Mtshumayeli, ngangiyinkosi yako-Israyeli ejerusalema. **13** Ngazinikela ekufundeni lokudingisisa ngolwazi konke okwenziwayo ngaphansi kwezulu. Unzima kangakanani umthwalo uNkulunkulu awethese abantu! **14** Sengizibonile zonke izinto ezenziwayo ngaphansi kwelanga; zonke kazitsho lutho, kuyikuxotshana lomoya. **15** Okutshileneyo kungaze kwaqondiswa; okungekho kungaze kwabalwa. **16** Ngacabanga ngedwa ngathi, “Khangel, sengikhulile njalo kwanda ukuhlakanipha kwami okudlula bonke asebake babusa ejerusalema ngaphambi kwami; sengibe lakho ukuhlakanipha okukhulu lolwazi.” **17** Ngasengizimisela ukuzwisia ukuhlakanipha, njalo lokuphambana ingqondo lobuwula, kodwa ngafunda ukuthi lokhu lakho kuyikuxotshana lomoya. **18** Phela ngokwanda kokuhlanipha kuyanda lokukhathazeka; ukwandisa ulwazi yikwandisa usizi.

2 Ngacabanga ngenhlizyo ngathi, “Kulungile, ake ngizame ukuzithokozisa ngibone ingabe kuhle yini.” Kodwa lokho lakho kwakhanya kuyize. **2** Ngathi, “Ukuhleka kuyibuthutha. Ukuzithokozisa khona kusizani?” **3** Ngazama ukuzithabisa ngewayini,

ngisenza ubuwula kodwa ingqondo yami ilokhu ingikhokhela ngokuhlanipha. Ngangifuna ukubona ukuthi kuyini okumlungeleyo umuntu ukuthi akwenze lapha ngaphansi kwezulu ngezinsukwana lezo zokuphila kwakhe. **4** Ngaqlisa imisebenzi emikhulu: ngazakhela izindlu ngahlanyela amavini. **5** Ngasungula izivande lezigcawu zokubukwa ngahlanyela kuzo yonke imihlobo yezihlahla lezithelo. **6** Ngenza iziziba zamanzi okuthelela izihihlaha ezazikhula kuhle. **7** Ngathenga iziqqili zesilisa lezesifazane, ngilezinye futhi iziqqili ezazalelwem emzini wami. Ngaba lemihlambihlambi yenkomo lezimvu okwedlula bonke abake babakhona ejerusalema ngaphambi kwami. **8** Ngabuthelela isiliva legolide, kanye lempahla yamakhosi eligugu ivela ezigodini. Ngazidingela abahlabeleli besilisa labesifazane, lesithembo esikhulu, khona okujabulisa inhliziyoyendoda. **9** Ngaba mkhulu ngokwedluleyo kulaloba ngubani owaba sejerusalema ngaphambi kwami. Phakathi kwayo yonke inyakanya le ukuhlakanipha kwami kwahlala kukhona. **10** Angizincitshanga lutho olwalufiswa ngamehlo ami; inhliziyoyami angiyalelanga layiphi intokozo. Inhliziyoyami yathokoza ngawo wonke umsebenzi wami, lokhu kwaba ngumvuzo wezithukuthuku zami. **11** Kanti lanxa ngahlolisisa konke okwenziwa yizandla zami lalokho engangibhensela ukukuzuza, konke kwakuyize, yikuxotshana lomoya; kwakungela nzuko ngaphansi kwelanga. **12** Ngasengigxilisa imicabango yami ekuhlolisensi ukuhlakanipha, njalo lobuhlanya kanye lobuwula. Kambe angenzani othatha isikhundla senkosi ngaphandle kwalokho obekuvele sekwenziwe? **13** Ngabona ukuhlakanipha kungcono kulobuwula, njengokukhanya kungcono kulumnyama. **14** Umuntu ohlakaniphileyo ulamehlo ekhanda, ikanti isiwula sihamba ebumnyameni; kodwa ngacina sengibona ukuthi isiphetho sabo bonke sinye. **15** Ngasengicabanga enhliziyweni yami ngathi, “Isiphetho sesiwula sizangehlela lami. Pho, ngizuzani ngokuhlanipha?” Ngathi ngenhliziyoyami, “Lokhu lakho kuyize.” **16** Ngoba umuntu ohlakaniphileyo, njengesiwula, akazukukhunjulwa kokuphela; ngezinsuku ezizayo bobabili bazakhohlakala. Njengesiwula, umuntu ohlakaniphileyo laye uzakufa! **17** Yikho-ke ngasengikuzonda ukuphila, ngoba umsebenzi owenziwayo ngaphansi kwelanga wawubuhlungukimi. Wonke uyize, yikuxotshana lomoya. **18**

Ngazizonda zonke izinto engangiziginqele ngaphansi kwelanga, ngoba ngimele ngitshiyele lowo oza ngemva kwami. **19** Njalo ngubani owaziyo ingabe uzakuba ngumuntu ohlakaniphileyo loba isiwula? Kodwa nguye ozalawula wonke umsebenzi wamaginquo ami lobungcitsi bami. Lokhu lakho kuyize. **20** Ngalokho inhliziyi yami yaqalisa ukuphela amandla ngikhumbula konke lokho engakuginqelayo ngaphansi kwelanga. **21** Ngoba umuntu angenza umsebenzi wakhe ngokuhlakanipha, ngolwazi langamasu, kodwa utshiyela konke alakho komunye ongazange akusebenzele. Lokhu lakho kuyize, kungumnyama. **22** Umuntu uzuzani ngakho konke ukusebenza nzima langokutshikatshika kabuhlungu lapha emhlabeni? **23** Ubuahlungu umsebenzi wakhe awenzayo kuzozonke insuku zokuphila kwakhe; kwala kanye lebusuku umkhumbulo wakhe kawuphumuli. Lokhu lakho kuyize. **24** Akukho okungcono emuntwini ngaphandle kokuthi adle, anathe njalo azuze ukusuthiseka ngomsebenzi wakhe. Lokhu lakho ngiyakubona ukuthi kuvela uNkulunkulu, **25** ngoba ngaphandle kwakhe ngubani ongadla kumbe azuze intokozo? **26** Kulowo omthokozisayo uNkulunkulu umupha ukuhlakanipha, ulwazi lokuthaba, kodwa koyisoni umupha umsebenzi wokuqoqa lokulonda inotho ukuze ayiphe lowo othokozisa uNkulunkulu. Lokhu lakho kuyize, yikuxotshana lomoya.

3 Zonke izinto zilesikhathi sazo, konke okwenziwayo ngaphansi kwelanga kulesibanga sakho: **2** isikhathi sokuzalwa lesikhathi sokufa, isikhathi sokuhlanyela lesikhathi sokusiphuna, **3** isikhathi sokubulala lesikhathi sokuphilisa, isikhathi sokubhidliza lesikhathi sokwakha, **4** isikhathi sokukhala lesikhathi sokuhleka, isikhathi sokulila lesikhathi sokugida, **5** isikhathi sokuchithiza amatshe lesikhathi sokuwabutha, isikhathi sokugona lesikhathi sokinina, **6** isikhathi sokudinga lesikhathi sokukhalala, isikhathi sokugcina lesikhathi sokulahla, **7** isikhathi sokudabula lesikhathi sokuthunga, isikhathi sokuthula lesikhathi sokukhuluma, **8** isikhathi sokuthanda lesikhathi sokuzonda, isikhathi sempi lesikhathi sokuthula. **9** Umuntu osebenzayo uzuzani na ngokusadalala kwakhe? **10** Sengiwubonile umthwalo uNkulunkulu awethese abantu. **11** Yonke into uyenze yabanhole ngesikhathi sayo. Wamupha umuntu iphakade enhliziyeni yakhe; kodwa abantu bangeke bafinyelele kulokho uNkulunkulu asakwenzayo kwasekuqaleni

kusiya ekupheleni. **12** Ngiyakwazi ukuthi kakukho okungcono ebantwini kulokuthi bajabule njalo benze okuhle besaphila. **13** Ukuthi wonke umuntu adle, anathe asuthiseke ekusebenzeni kwakhe gadalala, lokhu kuyisipho sikaNkulunkulu. **14** Ngiyazi yonke into eyenziwa nguNkulunkulu izakuba khona kokuphela; akulalutho olungenezwa kukho loba kususwe kukho. UNkulunkulu uyenza lokho ukuze abantu bamkhone. **15** Loba yini ekhona seyake yaba khona, kulalokho okuzakuba khona sekwaba khona ngaphambili; njalo uNkulunkulu uzakubalisa okwedlulayo. **16** Njalo ngabona okunye ngaphansi kwelanga: endaweni yokwahlulela, ububi babukhona, endaweni yokulungisa, ububi babukhona. **17** Ngacabanga ngenhliziyi yami, “UNkulunkulu uzabehlulela bonke abalungileyo lababi, ngoba sizaba khona isikhathi sezenzakalo zonke, isikhathi sawo wonke umsebenzi.” **18** Ngacabanga njalo ngathi, “UNkulunkulu uyabahlola abantu ukuze babone ukuthi banjengezinyamazana. **19** Isiphetho somuntu siyafana lesezinyamazana; isiphetho sinye sibalindele bonke: njengoba lokhu kuyafa, kanjalo lokunye kuyafa. Konke kokubili kulomphefumulo munye; umuntu kangcono kulenyamazana. Konke kuyize. **20** Konke kuya ndawo yinye; konke kuvela othulini, yikho konke kubuyela othulini. **21** Ngubani owaziyo ingabe umphefumulo womuntu uyakhwela uye phezulu kuthi owenyamazana wehlele phansi phakathi emhlabathini?” **22** Yikho ngabona ukuthi kakukho okungcono emuntwini ngaphandle kokuthi akholise umsebenzi wakhe ngoba leso yiso isabelo sakhe. Ngoba kambe ngubani ongamenza ukuthi abone lokho okuzakwenzakala yena esedlule?

4 Ngakhangela njalo ngabona konke ukuncindezelwa okwakukhona ngaphansi kwelanga: Ngabona inyembezi zabancindezelwayo babengelabaduduvi; amandla ayekulaba abancindezelayo abalaye umduduvi. **2** Ngangifakaza ukuthi abafileyo, abavele sebefile, bayathokoza kulabaphilayo, abalokhu besaphila. **3** Kodwa okungcono kulakho kokubili ngulowo ongakabikhona, ongakaboni ububi obenziwayo ngaphansi kwelanga. **4** Ngasengibona ukuthi konke ukusebenza lokuphumelela konke kuvela emhawini womuntu ngomakhelwane wakhe. Lokhu lakho kuyize, kuyikuxotshana lomoya. **5** Isiwula sigoqa izandla zaso sidilize impilo yaso. **6** Kungcono isandla esisodwa esigcweleyo silokuthula kulezandla

ezimbili ezingagcwalanga ezilomtshikatshika lokuxotshana lomoya. **7** Njalo ngabona okunye okuyize ngaphansi kwelanga: **8** Kwakulendoda eyayiyodwa zwi; yayingelandodana loba umfowab. Yayisebenza gadalala ingaphumuli, kodwa amehlo ayo ayengasuthiswa yinotho yayo. Yabuza yathi, "Ngiginqela bani kangaka, njalo kungani ngizincitsha intokozo?" Lokhu lakho kuyize umsebenzi othelela usizi! **9** Ababili bangcono kuloyedwa, ngoba balomvuzo obonakalayo ngomsebenzi wabo. **10** Omunye angawa, umngane wakhe uyamncedisa amvuse. Kodwa maye lowomuntu owayo kungelamuntu ongamsiza amvuse! **11** Njalo nxa ababili belala ndawonye bazakhudumezana. Kanti umuntu angakhudumala kanjani eyedwa na? **12** Loba umuntu engehlulwa nxa eyedwa, ababili bangazivikela. Intambo elemicu emithathu kayiqamuki lula. **13** Lingcono ijaha elingumyanga kodwa lihlakaniphile kulenkos endala eyisiwula eyalayo ukwamukela izixwayiso. **14** Ijaha lelo kungabe ngeliphuma ejele libe yinkosi, loba lingelazalelwa ebuyangeni elizweni lalowombuso. **15** Ngabona ukuthi bonke ababephila behamba ngaphansi kwelanga balilandela lelojaha elathatha isikhundla sobukhos. **16** Amakhosi la (endala lencinyane) kungabe ayelodumo elandelwa ngabantu abanengi abangelakubalwa. Kodwa izizukulwane ezilandelayo azimthandanga lowo owathatha ubukhos. Lokhu lakho kuyize, yikuxotshana lomoya.

5 Qaphela izinyathelo zakho nxa usiya endlini kaNkulunkulu. Sondela ulalele kulokuthi wenze imihlatshelo yeziwula ezingaziyo ukuthi ziyona. **2** Ungawalazeli ngomlomo wakho, ungabi lephaphu uphange uthembise kuNkulunkulu. UNkulunkulu usezulwini ikanti wena usemhlabeni, ngakho kawabe malutshwana amazwi akho. **3** Njengephupho elifika nxa kulezikathazo ezinengi, injalo inkulumo yesiwula nxa ilamazwi amanengi. **4** Nxa usenza isifungo kuNkulunkulu, ungaphuzi ukusigcwalisa. Kathokozi ngeziwula; gcwalisa isifungo sakho. **5** Kungcono ukungafungi kulokwenza isifungo ungabe usasigcwalisa. **6** Ungavumeli umlomo wakho ukungenise esonweni. Njalo ungarshingeli isithunywa sethempelini usithi, "Isifungo sami besiyisiphosiso." UNkulunkulu angakuthukuthelelani lokho okutshoyo abesebhidliza umsebenzi wezandla zakho na? **7** Ukuphupha kanengi lamazwi amanengi kuyize. Ngakho mesabe uNkulunkulu.

8 Nxa ubona abayanga esiqintini bencindezelwa, bencitshwa ukwahluelwa okuhle kanye lamalungelo, ungamangaliswa yilezozinto; ngoba phela induna nganye ikhangelwe ngomunye ongaphezu kwayo, kuthi ngaphezu kwabo bonke kube labanye njalo abangaphezulu. **9** Inala elizweni ngeyomuntu wonke; inkosi ngokwayo ithola inuzu ngalokho okuvela emasimini. **10** Lowo othanda imali akaneliswa yiloba yimalini; lowo othanda inotho akasuthiswa yilokho akuzuzayo. Lokhu lakho kuyize. **11** Nxa inotho isanda, bayanda lalabo abayisebenzisayo. Imsiza ngani umniniyo ngaphandle kokuyithapha ngamehlo nje kuphela? **12** Bumnandi ubuthongo besisebenzi, loba sisidla okuncane loba okunengi, kodwa isinothi asilali ngenxa yenotho yaso. **13** Sengibone ububi obudanisayo ngaphansi kwelanga: ubuhaga ngenotho okulimaza umnikazi, **14** loba inotho esuke yachitheka ngomnyama othile, okuthi nxa umuntu elendodana aysayikuthola lutho. **15** Umuntu uphuma esiswini sikanina engelalutho, njengokufika kwakhe ubuyela enjalo. Kazuzi lutho olusuka emsebenzini wakhe angaluphatha ezandleni zakhe. **16** Lobu labo yibubi obudanisayo: Njengokufika kwakhe, umuntu uzabuyela enjalo, ngakho uzuzani, njengoba esebezenza esadalalela umoya? **17** Zonke insuku zakhe udlela emnyameni, ekhathazekile, ehluphekile, ezondile. **18** Ngasengibona ukuthi kuhle kuqondile ukuthi umuntu adle njalo anathe, njalo azuze ukusuthiseka ekutshikatshikeni kwakhe ngomsebenzi ngaphansi kwelanga ngalezonsuku ezilitshwane ezokuphila uNkulunkulu asamuphe zona ngoba lesi yisabelo sakhe. **19** Kunjalo futhi ukuthi nxa uNkulunkulu esipha umuntu inotho lempahla, amvumele ukuthi akholise ngazo, emukele isabelo sakhe athokoze emsebenzini wakhe, lesi yisipho sikaNkulunkulu. **20** Kahlali ekhumbula ngezinsuku zempilo yakhe ngoba uNkulunkulu umenza ahiale ngenjabulo enhliziyeweni.

6 Sengibone obunye ububi ngaphansi kwelanga engibona ukuthi bunzima kakhulu ebantwini: **2** UNkulunkulu upha umuntu inotho lempahla lodumo ukuze angasileli lutho oluloyiswa yinhliyiso yakhe, kodwa uNkulunkulu kamniki amandla okuthi azikholise lezozinto, zikholiswa ngowemzini. Lokhu kuyize, ububi obudanisayo. **3** Umuntu angaba labantwana abalikhulu aphile okweminyaka eminengi; ikanti loba angaze aphile kanganani kodwa nxa

engeke akholise inotho yakhe njalo angangcwatshwa ngendlela eqondileyo, ngithi umphunzo ungcono kulaye. **4** Ufika ungasilutho, unyamalale emnyameni lebizo lawo liphelele emnyameni. **5** Loba lowomphunzo ungazange ulibone ilanga loba wazi ulutho usekuphumuleni okungcono kulałowomuntu **6** loba angaze aphile okweminyaka eyinkulungwane iphindwe kabili kodwa angaze akholisa inotho yakhe. Kabayi ndawonye bonke na? **7** Yonke imizamo yomuntu iya emlonyeni wakhe, kodwa iphangalakhe kaligcwali. **8** Umuntu ohlakaniphileyo ungcono ngani kulesiwula? Umuntu ongumyanga uzuzani ngokwazi ukuziphatha kuhle phambi kwabanye na? **9** Kungcono okubonwa lilihlo kulokuhwaya liphangalokhu lakho kuyize, yikuxotshana lomoya. **10** Loba yini ekhona seyavele yethiwa ibizo, laloba yini umuntu ayiyo yona kuvele sekusaziwa; akulamuntu ongaphuthumana lomunye olamandla kulaye. **11** Ngokwanda kwamazwi siyancipha lesisindo sawo; pho kumsiza ngani umuntu? **12** Kambe ngubani okwaziyo okulungele umuntu ekuphileni kwakhe ngensukuezimbalwa ezingatsho lutho adlula kuzo njengethunzi? Ngubani ongamtshela okuzakwenzeka ngaphansi kwelanga yena esedlule?

7 Ibizo elihle lingcono kulamakha amnandi, selanga lokufa lingcono kulelanga lokuzalwa. **2** Kungcono ukuya endlini yesililo kulokuya endlini yamadili, ngoba ukufa kuyisiphetho somuntu wonke; abaphilayo kabakunanzelele lokho. **3** Usizi lungcono kulokuhleka, ngoba ubuso obudanileyo buyayisiza inhliziyo. **4** Inhliziyo yabahlakaniphileyo isendlini yokulila, kodwa inhliziyo yeziwula isendlini yokuzithokozisa. **5** Kungcono ukulalela izixwayiso zomuntu ohlakaniphileyo kulokulalela ingoma yeziwula. **6** Njengokuchachamba kwameva ngaphansi kwembiza, lunjalo uhleko lweziwula. Lokhu lakho kuyize. **7** Ukuqilibezela kwenza ohlakaniphileyo abeyisiwula, lesivalamlomo siyayona inhliziyo. **8** Isiphetho sendaba singcono kulokuqala kwayo, lokubekezelakungcono kulokuqinisa intamo. **9** Ungaphangisi ukufuthelana ngaphakathi, ngoba ulaka luhlezi lugonwe yiziwula. **10** Ungaze wathi, “Kungani insuku zayizolo zazingcono kulalezi?” Ngoba kakukuhle ukuba imibuzo enjalo. **11** Ukuhlakanipha, njengelifa, kuyinto enhle njalo kuyabasiza bonke abaphilayo. **12** Ukuhlakanipha kuyisiphephelo njengoba imaliyiisiphephelo, kodwa ubungcono bolwazi yilobu:

ukuthi ukuhlakanipha kuyayilondoloza impilo yalowo olakho. **13** Nakana ngalokho uNkulunkulu akwenzayo: Ngubani ongakuqondisa lokho akwenze kwagobana? **14** Ngezikhathi konke kukuhle, thokoza; kodwangezikhathi zobubi, cabanga ukuthi: uNkulunkulu ukwenzile lokhu kanye lalokhuyana njalo. Ngakho-ke umuntu ngeke akwazi ukuthi ikusasa lakhe lizakuba yini. **15** Kuyonale impilo yami eyize sengizibonile izinto lezi zombili: umuntu olungileyo uyafa elungleenjalo, lomuntu omubi uba lempilo enhle emubi enjalo. **16** Ungalungi wedlulise, futhi ungabi lokuhlakanipha okweqileyo kambe uzibulalelani na? **17** Ungaxhwali okudlulisileyo, njalo ungabi yisiwula kambe ufelani singakafiki isikhathi sakho? **18** Kuhle ukuthi uthi ubambe lokhu ungayekeli uphunyukwe ngokunye. Umuntu owesaba uNkulunkulu kedlulisi amalawulo. **19** Ukuhlakanipha kwenza umuntu ohlakaniphileyo oyedwa abe lamandla kulababusi abalitshumi edolobheni. **20** Akulamuntu loyedwa olungileyo emhlabeni owenza okulungileyo ongazake enze isono. **21** Ungaphiki ngokulalela wonke amazwi akhulunywa ngabantu, funa uzwe inceku yakho ikuthuka **22** ngoba uyakwazi enhliziywani yakho ukuthi wena ngokwakho uyawubathuke abanye. **23** Konke lokhu ngakuhlolisia ngokuhlakanipha ngathi, “Ngizimisele ukuhlakanipha” kodwa lokhu kwakungaphezu kwami. **24** Ukuhlakanipha okungabe kukhona, kukhatshana kakhulu njalo kuzikile kakhulu: ngubani ongakufinylela na? **25** Ngasengibeka ingqondo yami ukuthi ngizwisise, ngidingisise njalo ngichwayisise ukuhlakanipha kanye lesimo sezinto lokuzwisisa ubuphukuphuku bokuxhwala lobuhlanya lobuwula. **26** Ngibona ukuthi uyingozi eyedlula ukufa umfazi ongumjibila, onhliziyo yakhe iyisithiyo njalo ozandla zakhe zingamaketane. Indoda eyesaba uNkulunkulu izaphepha kuye, kodwa isigangi uzasihilela. **27** Uthi uMtshumayeli, “Khangelananku esengikunanzelele: Ngihlanganisa lokhu lalokhu ngizama ukubona isimo sezinto **28** ngilokhungisachwayisisa kodwa ngingatholi ngafumanisa indoda eyodwa elungleyo kwabayinkulungwane, kodwa ngitscho loyedwa umfazi oqondileyo kubo. **29** Yilokhu kuphela esengikufumene: UNkulunkulu wamenza umuntu wabaqotho, kodwa abantu basuka bazenzele okwabo.”

8 Ngubani onjengomuntu ohlakaniphileyo na? Ngubani oyaziyo ingcazeloyezinto na?

Ukuhlakanipha kuyabukhanyisa ubuso bomuntu njalo kuguqula ukunyukubala kwabo. 2 Ngithi hlonipha umlayo wenkosi ngoba wenza isifungo phambi kukaNkulunkulu. 3 Ungawalazeli ukusuka phambi kwenkosi. Ungalumeli ulutho nxa lungaqondanga ngoba yona ingenza loba yini eyithandayo. 4 Njengoba ilizwi lenkosi lingaphikiswa ngubani ongathi kuyo, "Kanti wenzani?" 5 Lowo ohlonipha imilayo yayo akayikwehlewa ngokubi, lenhlizyo ehlakaniphileyo iyasazi isikhathi lendlela yokwenza. 6 Ngoba into yonke ilesikhathi esiqondileyo lendlela yokwenza eqondileyo, lanxa umuntu eyabe esindwa yizinkathazo zakhe. 7 Njengoba kungekho muntu olaziyo ikusasa, ngubani pho ongamtshela okuzayo na? 8 Njengoba kungelamuntu olamandla phezu komoyo ovunguzayo Akulamuntu olamandla phezu kosuku Iwakhe lokufa. Njengoba ibutho lingakhululwa ngesikhathi sempi, kunjalo ukuxhwala akuyikubakhulula labo abaphila ngakho. 9 Konke lokhu ngakubona lapho ngangihlolisia ngengqondo yami konke okwensiwayo ngaphansi kwelanga. Kukhona isikhathi lapho umuntu aphatha khona abanye ngochukhi kanti uyzilimaza yena. 10 Ngabona njalo ababi bengcwatshwa, labo ababehlala befika bahambe endaweni engcwele bazuze udumo kulelodolobho ababeganga khona. Khona lakho kuyize. 11 Nxa isigwebo secala singenziwanga masinyane, abantu basuka bacabange ukuqhubeka ngokuganga kwabo. 12 Loba umuntu ogangileyo engenza amacala alikhulu ajinge aphile okwesikhathi eside, ngyiazi ukuthi kuzakuba ngcono kulabo abamesabayo uNkulunkulu, abazithobayo kuNkulunkulu. 13 Kodwa ngenxa yokuthi izixhwali kazimesabi uNkulunkulu, kakuzukuzilungela, lezinsuku zazo kaziyukweluleka njengesithunzi. 14 Kukhona njalo enye into eyize eyenzakalayo emhlabeni: abantu abalungileyo abazuza okufanele ababi, labantu ababi abazuza okufanele abalungileyo. Ngithi lokhu lakho kudida ingqondo. 15 Ngakho-ke ngikhuthaza ukuzithokozisa empilweni ngoba kakukho okungcono emuntwini ngaphansi kwelanga kulokuzitika, unathe, uthokoze. Lapho-ke injabulo izahlala injalo kuye emsebenzini wakhe zonke insuku zokuphila kwakhe aziphiwe nguNkulunkulu lapha emhlabeni. 16 Ngathi ngibeka ingqondo yami ekwazini ukuhlakanipha lokunanzelela imisebenzi yabantu emhlabeni, umuntu engalali imimi lobusuku, 17 ngasengibona konke uNkulunkulu

akwenzileyo. Kakho ongaqedisisa okwenzakalayo ngaphansi kwelanga. Loba umuntu ohlakaniphileyo angazitshaya owaziyo, kodwa angeke akuqedisise.

9 Yikho ngakucabanga konke lokhu ngabona ukuthi abalungileyo labahlakaniphileyo labakwenzayo kusezandleni zikaNkulunkulu, kodwa kakho owaziyo ingabe ulindelwe luthando langabe yinzondo. 2 Bonke balesiphetho sinye, abaqondileyo labaxhwalileyo, abalungileyo lababi, abahlambulukileyo labangcolileyo, abenza imihlatshelo labangayenziyo. Njengoba kunjalo emuntwini olungleyo, kunjalo lakoyisoni; njengoba kunjalo kwabenza izifungo, kunjalo lakulabo abesaba ukuzenza. 3 Lobu yibo ububi obuvelela zonke izinto ngaphansi kwelanga: Konke kulesiphetho sinye. Njalo inhlizyo zabantu zigewe izibizi futhi kulokubheda phakathi kwazo nxa besaphila, ikanti emva kwakho konke baya kwabafileyo. 4 Loba ngubani olethemba nxa esahezi kwabaphilayo, yebo kambe phela inja ephilayo ingcono kulesilwane esifileyo! 5 Ngoba abaphilayo bayakwazi ukuthi bazakufa, kodwa abafileyo kabazi lutho; kabaselawo omunye umvuzo, ngitsho lokukhumbula ngabo kuyaphela. 6 Uthando Iwabo, inzondo yabo lomona wabo sekwedlula nya; nini lanini kabasayikuba lengxenyne loba kukuphi okwenzakalayo ngaphansi kwelanga. 7 Hamba nje uyezidlela ukudla kwakho uchelesile, unathe iwayini lakho ngenhlizyo emhlophe, ngoba uNkulunkulu usakuvumele okwamanje. 8 Gqoka ezimhlophe negezikthathi zonke, ugcobe ikhanda lakho ngamafutha. 9 Kholisa impilo lomfazi wakho omthandayo kuzozonke insuku zale impilo eyize uNkulunkulu akunike yona ngaphansi kwelanga, zonke insuku zakho eziyize. Phela lesi yiso isabelo sakho empilweni phakathi kokutshikatshika kwakho ngaphansi kwelanga. 10 Lokho isandla sakho esingakwenza kwenze ngamandla akho wonke, ngoba engcwaben'i lapho oya khona akusetshenzwa, akulakulungiselela, kakulalwazi kumbe ukuhlakanipha. (Sheol h7585) 11 Ngikubonile okunye njalo ngaphansi kwelanga: Uktushiya abanye kakuyi ngesiqubu kumbe ukunqoba impi kuye ngamandla; kakutsho ukuthi ukudla kuya kwabahlakaniphileyo kumbe inotho kwabakhaphileyo loba okuhle kwehlele abafundileyo; kodwa kuya ngesikhathi langenhlanhla kubani lobani. 12 Futhi kakho owaziyo ukuthi isikhathi sakhe sizafika nini: Njengezinhanzi ezigolwa

kabuhlungu ngamambule loba izinyoni zibanjwa esifini, kanjalo abantu bafikelwa yizikhathi ezimbi ezibafikela belibebe. **13** Ngaphinda ngabona ngaphansi kwelanga lesisibonelo sokuhlakanipha esagxila engqondweni yami: **14** Kwake kwaba khona idolobho elincinyane elalilabantu abalutshwana kulo. Kwasuka inkosi elamandla yalihlasela, yalihonqolozela yakha amadundulu amakhulu okuvimbezela. **15** Kulelodolobho kwakuhlala indoda ethile engesulutho kodwa ihlakaniphile, ngakho yawusindisa umuzi lowo ngokuhlakanipha kwayo. Kodwa kakho loyedwa owaphinde wayikhumbula leyondoda eyayingebani. **16** Yikho-ke ngasengisithi, “Ukuhlakanipha kungcono kulamandla.” Kodwa ukuhlakanipha komuntukazana kuyeyiswa lamazwi akhe akasanakwa. **17** Amazwi apholileyo abahlakaniphileyo afanele alalelwéngcono kulokumemeza kombusi weziwula. **18** Ukuhlakanipha kungcono kulezikhalí zempi, umoni oyedwa uyabuchitha bonke ubuhle.

10 Njengoba impukane ezifele phakathi kwamakha ziwenza anuke kubi, kunjalo lobuwula obuncinyane bugabhela ukuhlakanipha lodumo. **2** Inhliziyoyolungleo ikuhungathekela ekulungeni, kodwa inhliziyoyesiwula ikuhungathekela ebubini. **3** Loba ehamba nje emgwaqweni oyisiwula kalangqondo, utshengisa loba ngubani ubuphukuphuku bakhe. **4** Aluba umbusiekuthukuthelela, ungasuki esikhundleni sakho; ukuthobeka kungathoba umonakalo obungaba khona. **5** Bukhona ububi esengibubonile ngaphansi kwelanga, kuliphutha elenziwa ngumbusi: **6** Iziwula ziphakanyiselwa ezikhundleni ezinengi eziphezulu, kodwa abanothileyo belezikhundla eziphansi. **7** Sengibone izichaka zigade amabhiza, kuthi amakhosana ahambnegezinyawo njengezichaka. **8** Lowo ogebha umgodi angawela kuwo; odiliza umduli angalunywa yinyoka. **9** Oqhekeza amatshe angalinyazwa yiwo; obanda inkuni angaba sengozini yazo. **10** Lapho ihloka libuthundu ubukhali balo bungololwanga, kudingeka amandla amanengi kodwa ubungcitshi buyaphumelelisa. **11** Nxa inyoka ihle ilume ingakalunjwa, umlumbi kaselanzuzo. **12** Amazwi aphuma emlonyeni wesihlakaniphi amnandi, kodwa isiwula sichithwa yizindebe zaso. **13** Ekuqaleniamazwi aso ayibuwula; ekucineni aseyikuwumana okubi **14** njalo isiwula sanda ngamazwi. Kakho okwaziyo okuzayo ngubani ongamazisa okuzakwenzakala ngemva kwakhe na? **15**

Umtshikatshika wesiwula uyasidinisa; kasiyazi indlela eya edolobheni. **16** Maye kuwe, wena lizwe onkosi yalo yayiyisichaka, amakhosana akho azitika ngamadili ekuseni. **17** Ubusisiwe wena, wena lizwe onkosi yalo izalwa esikhosini amakhosana alo adla ngezikathathi eziqondileyo edlela ukuqina hatshi ukudakwa. **18** Nxa indoda ilivila intungo ziyabhensa; nxa izandla zayo ziyekehisa indlu iyavu. **19** Idili lenzelwa ukujabula, lewayini lenza impilo ibe mnandi, kodwa imali yiyo impendulo yakho konke. **20** Ungayithuki inkosi lasemicabangweni yakho, loba uqalekise abanothileyo loba usendlini yakho yokulala, ngoba mhlawumbe inyoni yasemoyeni ingawathwala amazwi akho, loba inyoni ephaphayo ingayabika okutshoyo.

omunye; ngaphandle kwami akulaNkulunkulu. Ngizakuqinisa, lanxa wena unganginakanga, **6** ukuze kuthi kusukela empumalanga kusiya entshonalanga, abantu bakwazi ukuthi kakho omunye ngaphandle kwami. Mina nginguThixo, njalo kakho omunye. **7** Ngenza ukukhanya njalo ngidale umnyama, ngiletha ukuphumelela njalo ngidale incithakalo; mina Thixo ngiyazenza zonke lezizinto. **8** Lina mazulu angaphezulu, nisani ukulunga; amayezi kawakuthululele phansi. Umhlabu kawuvuleke kabanzi kuhlume ukusindiswa, ukulunga akukhule lakho; mina, uThixo, ngikudalile. **9** Maye kulowo ophikisa uMdali wakhe, kulowo oludengezi nje phakathi kwendengezi emhlabathini. Ibumba liyatsho na kumbumbi lithi, ‘Kuyini okubumbayo?’ Umsebenzi wakho uyatsho na uthi, ‘Kalazandla?’ **10** Maye kulowo othi kuyise, ‘Kuyini owakuzalayo?’ loba athi kunina, ‘Kuyini owakubelethayo?’ **11** Nanku okutshivo nguThixo, oNgcwele ka-Israyeli, loMdali wakhe uthi: Mayelana lezinto ezizayo, uyangibuza ngabatwabami na, loba uyangilawula emsebenzini engiwenzayo na? **12** Yimi engadala umhlabu, ngenza labantu abahlala kuwo. Ezami izandla yizo ezananabula amazulu; ngahlela amaxuku ezinkanyezi zaho. **13** Ngizamvusa uKhurosi ngokulunga kwami, ngenze izindlela zakhe zonke ziqonde. Uzalakha futhi idolobho lami, akhulule abami abaxotshwayo elizweni, kodwa kungekho nhlawulo kumbe umvuzo, kutsho uThixo uSomandla.” **14** Nanku akutshoyo uThixo: “Izithelo zaseGibhithe lempahla ethengiswayo yaseKhushi lamaSebhina lawana amade, bazakuza kuwe babengabakho, bazakhasabula ngemva kwakho, beze kuwe bebotshwe ngamaketane. Bazukhoothamela bakuncenge besithi, ‘Ngempela uNkulunkulu ulawe, kakho omunye, kakho omunye uNkulunkulu.’” **15** Ngeqiniso unguNkulunkulu ozifihlayo, Nkulunkulu loMsindisi ka-Israyeli. **16** Bonke ababaza izithombe bazayangiswa badumazeke; bonke bazahamba beyangekile. **17** Kodwa u-Israyeli uzasindiswa nguThixo ngensindiso engapheliyo; kalyiyukyangiswa kumbe libe lehlazo kuze kube nininini. **18** Ngoba nanku okutshivo nguThixo yena owadala amazulu, unguNkulunkulu, yena owabumba umhlaba wawenza, wawusekela; kawudalanga ukuba ungabi lalutho, kodwa wawenza ukuba kuhlalwe kuwo, uthi: “Mina nginguThixo, kakho omunye. **19** Angikhulumanga ensitha kwenye indawo elizweni lomnyama; angizange ngithi kuzizukulwane

zikajakhobe, 'Ngidingani lingangitholi.' Mina Thixo ngikhuluma iqiniso; ngitscho okuqotho. **20** Qoqanani ndawonye lize kimi; buthanani lina elabaleka ezizwени. Labo abahamba bethwele izithombe zezigodo kabazi lutho; labo abakhuleka kubonkulunkulu abangeke babasize." **21** Memzelani okufanele kube yikho, likubike, kabemukele izeluleko ndawonye. Ngubani owabika lokhu endulo, ngubani owamemezela ngakho kudala le? Kwakungayisimi mina Thixona? Njalo kakho uNkulunkulu ngaphandle kwami, uNkulunkulu olungileyo onguMsindisi; kakho omunye, yimi kuphela. **22** "Phendukelani kimi lisindiswe, lonke lina mikhawulo yomhlaba; ngoba mina nginguNkulunkulu, njalo kakho omunye. **23** Ngifunge ngami, ngobuqotho bonke umlomo wami ukhulume ilizwi elingayikwesulwa. Amadolo wonke azaguqa phambi kwami; izindimi zonke zizafunga ngami. **24** Zizakutsho ngami zithi, 'Ukulunga lamandla kuThixo kuphela.'" Bonke abamthukuthelelayo bazakuza kuye bayangiswe. **25** Kodwa Thixo yonke inzalo ka-Israyeli izafunyanwa ilungile, ithokoze iziqhenya ngaye.

46 UBheli uyakhothama, uNebho uyaguqa; izithombe zabo zithwelwe yizifuyo zokuthwala. Izifanekiso ezithwelweyo ziyyasinda, umthwalo osindayo kodiniweyo. **2** Bayakhothama baguqe ndawonye; benganelisi ukuhlenga umthwalo, labo uqobo baya khona ekuthunjweni. **3** "Ngilalela wena ndlu kajakhobe, lonke lina eliseleyo abendlu ka-Israyeli, lina engalisekelayo selokhu lermulwayo, ngalithwala selokhu lazalwayo. **4** Lasebulaleni benu, inwele zenu sezimhlophe, mina nginguye, nginguye ozaliqinisa. Sengilenzile njalo ngizalithwala; ngizaliqinisa ngilihlenga. **5** Ngubani elingangilinganisa laye kumbe limbale njengolingana lami na? Ngubani elingangifananisa laye ukuba siqathaniswe na? **6** Abanye bathulula igolide emigodleni yabo balinganise isiliva ezikalini; baqhatshe abakhandi begolide ukuba benze unkulunkulu ngalo, bakhothame, bamkhonze. **7** Bayamphakamisela emahlombe abo bamthwale; bayambeka endaweni yakhe, ame khonapho. Angeke asuke kuleyondawo. Lanxa umuntu ememeza, kaphenduli; angeke amsize ekuhluphekeni kwakhe. **8** Khumbulani lokhu, likufake ezingqondweni zenu, kukhumbuleni lina bahlamuki. **9** Khumbulani izinto zakuqala ezendulo. Mina nginguNkulunkulu, kakho omunye; mina nginguNkulunkulu, kakho onjengami. **10** Mina ngenza isiphetho sazakale kusukela ekuqaleni

lokuzakwenzakala, kusukela ezikhathini zasendulo. Ngithi: 'Injongo yami izakuma kokuphela, njalo ngizakwenza konke engikufunayo.' **11** Empumalanga ngibiza inyoni edla ezinye; elizweni elikhhatshana ngibiza umuntu ukuba afeze injongo yami. Lokho engikutshiloye ngizakufeza; lokho engikucebileyo ngizakwenza. **12** Ngilalelani lina elilezinhliziyi ezilukhuni, lina elikhhatshana lokulunga. **13** Ngiletha ukulunga kwami eduzane, akukho khatshana; lokusindisa kwami akuyikuphuziswa. IZiyoni ngizayinika ukusindiswa, u-Israyeli inkazimulo yami."

47 "Yehla uhlale othulini Ndodakazi emsulwa yaseBhabhiloni, hlala emhlabathini ungelasilhlo sobukhos, ndodakazi yamaBhabhiloni. Akusayikuthiwa ubuthakathaka loba kuthiwe uthambile. **2** Thattha amatshe okuchola uchole impuphu; ukhuphe isimbombozo sakho. Phakamisa izidwaba zakho, uveze imilenze yakho, ugxbhaze udabule ezifuleni. **3** Ubunqunu bakho buzavezwa, ihlazo lakho lambuleke. Ngizaphindisela, kakho engizamyekela." **4** Umhlengi wethu uThixo uSomandla libizo lakhe ungoNgcwele ka-Israyeli. **5** "Hlala ngokuthula, yana emnyameni, ndodakazi yamaKhaladiya; awuyikubizwa ngokuthi ndlovukazi yemibuso futhi. **6** Ngabathukuthelela abantu bami, ngangcolisa ilifa lami, ngabanikela ezandleni zakho, kawaze waba lesihawu kubo. Lasebeluphele, wabethesa ijogwe elinzima. **7** Wathi, 'Ngizaqhubeka kokuphela ngiyindlovukazi nini lanini.' Kodwa kawuzinakanga lezizinto, kumbe unakane ngokungenzakala. **8** Khathesi-ke lalela, wena sidalwa esingazibekanga, wena ocambaleleyo uvikelekile usithi ngenhliziyi yakho, 'Mina yimi, njalo kakho omunye ngaphandle kwami, angisoze ngaba ngumfelokazi kumbe ngifelwe ngabantwana.' **9** Kodwa lokhu kokubili kuzakwehlela ngokuphangisa, ngasuku lunye ukufelwa ngabantwana lobufelokazi. Lokhu kuzakwehlela phezu kwakho ngokugcweleyo, bungakhathelkile ubuthakathi bakho layo yonke imilingo yakho elamandla. **10** Wethembele ebubini bakho, njalo watsho wathi, 'Kakho ongibonayo.' Inhlakanipho yakho lolwazi lwakho kuyakukhohlisa lapho usithi kuwe, 'Mina yimi, njalo kakho omunye ngaphandle kwami.' **11** Incithakalo izakwehlela phezu kwakho, njalo awuyikwazi ukuyivikela ngemilingo. Umonakalo uzakwehlela phezu

kwakho, ongeke uwuvimbe ngenhlawulo, lengozi ongeke uyikhumbulele izakujuma. **12** Qhubeka-ke ngemilingo yakho, langobuthakathi bakho obunengi okusebenza kusukela ebantwaneni bakho. Mhlawumbe uzaphumelela, kumbe njalo wenze kube lokwesaba. **13** Zonke izeluleko owazitholayo zikucobile. Izazi zezinkanyezi kazisondele, labahloli bezinkanyezi ababika ngokuzakwenzakala inyanga ngenyanga. Kabakuhlenge kulokhu okuzakwehlela. **14** Impela banjengamahlanga; umliro uzabatshisa futhi bangeke bazihlenge emandleni amalangabi. Lapha akulamalahle okothiwa ngumuntu; lapha akulamliro wokotha. **15** Lokho yikho abangakwenzela khona labo owasebenza labo, uthengiselana labo kusukela ebuntwaneni. Omunye lomunye wabo uyaqhube ka-ngesiphosiso sakhe; kakho ongakusindisa.”

48 “Zwana lokhu, wena ndlu kajakhobe, lina elibizwa ngebizo lika-Israyeli elingabosendo lukajuda, lina elifunga ngoThixo, licele usizo kuNkulunkulu ka-Israyeli, kodwa kungasingeqiniso loba ngokulunga, **2** lina elibizwa ngokuthi lingabasedolobheni elingcwele, lethembе uNkulunkulu ka-Israyeli, uThixo uSomandla yilo ibizo lakhe: **3** Ngamemezelu ngezinto zakuqala endulo, ngazitsho ngomlomo wami, ngazenza zazakala. Ngazenza ngokuphangisa, zahle zenzakala. **4** Ngoba ngangikwazi ukuthi ulenkani, imisipha yentamo yakho zinsimbi, ibunzi lakho lithusi. **5** Ngakho-ke ngakutsho kudala ngalezizinto, ngakwazisa ngazo zingakenzakali ukuze wena ungaze wathi, ‘Izithombe zami yizo ezazenzayo; izithixo zami zezigodo lonkulunkulu wensimbi yibo abakumisayo.’ **6** Usuziwile lezizinto; zikhangele zonke. Awuyikuzivuma na? Kusukela khathesi ngizakutshela ngezinto ezintsha, izinto ezifihlakeleyo wena ongazaziyo. **7** Zidalwe khathesi nje, hatshi endulo; awuzange uzwe ngazo mandulo. Ngakho awungeke uthi, ‘Yebo, kade ngizazi.’ **8** Kawuzange uzwe kumbe uqedisise; kusukela endulo indlebe yakho ibingavulekanga. Ngikwazi kuhle ukuthi wena uyingozi; kwathiwa ungumhlamuki kusukela ekuzalweni kwakho. **9** Ngenxa yebizo lami, ngyialuphuzisa ulaka lwami; ngenxa yodumo lwami ngyialubamba ukuba lungehleli kuwe, ukuze ngingakubhubhisi. **10** Khangela, ngikulungisile lanxa kunganjengesiliva; ngikuhlole emlilweni wokuhlupheka. **11** Ngenxa yami, ngenxa yami, ngenza lokhu. Ngingavuma njani ukuba ibizo

lami ligconwe na? Angiyikunika omunye udumo lwami.” **12** “Ngilalela wena Jakhobe, Israyeli, engikubizileyo: Mina nginguye; ngingowokuqala njalo ngingowokucina. **13** Isandla sami sabeka izisekelo zomhlabu, isandla sami sokudla sendlala amazulu; lapho ngikubiza, kuyasukuma konke kanyekanye. **14** Buthanani ndawonye lonke lilalele: Yisiphi sezithombe esamemezelu ngalezizinto ngaphambilini na? Umsekeli kaThixo okhethiweyo uzafeza inhloso yakhe yokuhlasela amaKhaladiya; ingalo yakhe izamelana lamaKhaladiya. **15** Mina, mina ngokwami, sengikhulumile; yebo ngimbizile. Ngizamletha, njalo uzaphumelela kuyo inhloso yakhe. **16** Sondelani kimi lizwe lokhu: Kusukela esimemezelu nakuqala angikhulumelanga ensitha; lapho kusenzakala, mina ngikhona.” Khathesi uThixo Wobukhosu ungitthumile ngoMoya wakhe. **17** Nanku uThixo akutshoyo, uMhlensi wakho, oNgcwele ka-Israyeli: “Mina nginguThixo uNkulunkulu wakho, okufundisa lokho okuhle kakhulu kuwe, ekutshengisa indlela okumele uhambe ngayo. **18** Aluba wawulalele imilayo yami nje, ukuthula kwakho kwakuzakuba njengomfula, ukulunga kwakho kunjengamagagasi olwandle. **19** Inzalo yakho yayizakuba ngangetshebetshabe, abantwabakho babe ngangezinhlamu zalo ezingeke zibalwe; ibizo labo belingayikwesulwa kumbe lidilizwe phambi kwami.” **20** Sukani eBhabhiloni, libalekele amaBhabhiloni! Bikani lokhu lihlaba umkhosi ngentokozo njalo likumemezele. Kufikiseni emikhawulweni yomhlabu; lithi, “UThixo uyihlengile inceku yakhe uJakhobe.” **21** Kabomanga ekubaholeni kwakhe bedabula ezinkangala; wabenzela amanzi agelezayo ephuma edwaleni, wadabula idwala amanzi ampompoza. **22** UThixo uthi, “Akukho ukuthula kwababi.”

49 Ngilalelani lina zihlenge; zwanini lokhu lina zizwe ezikude: uThixo wangibiza ngingakazalwa; kusukela ekuzalweni kwami ubelitsho ibizo lami. **2** Wenza umlomo wami waba njengerikemba eloliweyo, wangifihla emthunzini wesandla sakhe. Wangenza ngaba ngumtshoko ololiweyo, wangifihla emxhakeni wakhe wemitsshoko. **3** Wathi kimi, “Wena Israyeli uyinceku yami, engizabonakalisa inkazimulo yami ngayo.” **4** Kodwa mina ngathi, “Mina ngisebenzele ize; amandla ami ngiwichithele ize lobala, ikanti okufanele mina kusesandleni sikaThixo, lomvuzo wami ukuNkulunkulu.” **5** Khathesi uThixo uthi,

yena owangibumbayo esiswini ukuba ngibe yinceku yakhe ukuze ngibuyisele uJakhobe kuye lokuqoqela u-Israyeli kuye, ngoba ngiphakanyisiwe emehlwani kaThixo njalo uNkulunkulu wami ubengamandla ami 6 uthi: "Kuyinto encane kakhulu kuwe ukuba yinceku yami ukuze uvuselele izizwe zikajakhobe ubuyise labako-Israyeli engibalondolozileyo. Ngizakwenza ube yikukhanya kwabeZizwe, ukuze ufikise usindiso lwami emikhawulweni yomhlaba." 7 Nanku okutshiwo nguThixo, uMhlengi loNgcwele ka-Israyeli, utsho kuye oweyiswa, wenyanwa yisizwe, kuyo inceku yababusi: "Amakhosi azakubona asukume, amakhosana azakubona akhothame, ngenxa kaThixo othembekileyo, oNgcwele ka-Israyeli okukhethileyo." 8 Nanku okutshiwo nguThixo: "Ngесихathi esifaneleyo kimi ngizakuphendula, langosuku lwensindiso ngizakusiza. Ngizakulondoloza ngikwenze ube yisivumelwano sabantu, ukubuyisela ilizwe lokwaba kutsha amafa abo achithekeyo, 9 uthi kwabathunjiwego, 'Phumanı,' kulabo abasemnyameni uthi, 'Khululekanı' Bazadlela emaceleni emigaqo bathole amadlelo kuwo wonke amaqqa alugwadule. 10 Kabayikulamba kumbe bome, lokutshisa kwasenkangala kumbe okwelanga kabayikukuzwa. Lowo obazwela isihawu uzabakhokhela abase emithonjeni yamanzi. 11 Izintaba zami zonke ngizazenza zibe yizindlela, imigwaqo yami izaphakamela phezulu. 12 Khangelani, bazakuza bevela khatshana, abanye bevela enyakatho, abanye bevela entshonalanga labanye bevela emangweni wase-Asiwani." 13 Hlabeledani ngentokozo lina mazulu; jabula lawe mhlaba; tshayani ingoma lina zintaba. Ngoba uThixo uyabaduduza abantu bakhe njalo uzakuba lesihawu kwabahlphekayo bakhe. 14 Kodwa iZiyoni yathi, "UTHixo ungilahlile, uThixo usengikhohliwe." 15 "Owesifazane angamkholiwa umntanakhe omunyayo na, angabi lesihelo emntwaneni amzeleyo na? Lanxa engamkholiwa, mina angiyikukhohliwa!" 16 Khangel, sengikudwebe ezintendeni vezandla zami; imiduli yakho ihlezi iphambi kwami. 17 Amadodana akho aphanga emuva, lalabo abakuchithayo bayasuka kuwe. 18 Phakamisa amehlo akho ukhangele emaceleni wonke, wonke amadodana akho ayaqoqana eze kuwe. UTHixo uthi, "Ngeqiniso elinjengoba ngiphila, bonke uzabagqiza njengezigqizo, uece ngabo njengomlobokazi. 19 Lanxa nje wadilizwa

waba lunxiwa lelizwe lakho lachithwa, khathesi uzakuba mncane kakhulu ebantwini bakho; lalabo abakuchithayo bazakuba khatshana. 20 Abantwana abazalwa ngesikhathi sokufelwa kwakho bazakutsho lawe usizwa bathi, 'Indawo le incinyane kakhulu kithi; siphe enye njalo indawo yokuhlala.' 21 Lapho-ke uzakuthi enhliziyweni yakho, 'Ngubani owangizalela laba na? Ngafelwa njalo ngaba njengongazalanga; ngaxotshwa elizweni, ngalahlwa. Laba bondliwa ngubani? Mina ngangisele ngedwa, kodwa laba-ke, bavele ngaphi?" 22 Nanku okutshiwo nguThixo Wobukhos: "Khangela, ngizaqhweba abeZizwe. Ngizaphakamisela uphawu lwami ebantwini; bazaletha amadodana akho bewagonile, amadodakazi akho bewathwele ngamahlolome abo. 23 Amakhosi azakuba ngoyihlo bokukukhulisa, amakhosikazi awo abe ngonyoko bokukondla. Bazakothama phambi kwakho ubuso babo buphansi, emhlabathini, bazakhatha uthuli ezinyaweni zakho. Lapho-ke uzakwazi ukuthi mina nginguThixo; labo abangithembayo abayikudaniswa." 24 Amabutho angemukwa impango na, kumbe abathunjiwego bahlengwe kwabesabekayo na? 25 Kodwa nanku okutshiwo nguThixo: "Yebo, abathunjiwego bazathathwa emabuthweni lempango izahluthunwa futhi kwabesabekayo, ngoba ngizamelana lalabo abamelana lawe, abantwabakho ngizabahllenga. 26 Ngizakwenza abancidezel bakho badle inyama yemizimba yabo; bazadakwa ngelabo igazi njengewayini. Lapho-ke izizwe zonke zizakwazi ukuthi mina Thixo, nginguMsindisi wakho, uMhlengi wakho, uMninizimandla kajakhobe."

50 Nanku okutshiwo nguThixo: "Ingaphi incwadi kanyoko yokuchitha umtshado engamxotsha ngayo na? Kumbe nguphi kwababelezikwelede zami engamthengisayo na? Lathengiswa ngenxa yezonzo zenu, lonyoko waliwa ngenxa yokona kwenu. 2 Ekufikeni kwami, kungani kwakungelamuntu na? Ekubizeni kwami, kungani kungekho muntu owasabelayo na? Ingalo yami yayimfitshane kakhulu ukuba ilihlenge na? Angilamandla okulikhulula na? Ngokukhuza nje kuphela, ngiyalomisa ulwandle, ngiphendule imifula ibe yinkangala; inhlanzi zayo zibole ngenxa yokuswela amanzi, zife ngenxa yokoma. 3 Ngembathisa umkhathi ngomnyama. Ngenze amasaka abe yisembeso sawo." 4 UTHixo wobukhos: unginike ulimi olufundisiweyo ukuba ngazi ilizwi lokuqinisa abadiniweyo. Uyangivusa

ekuseni kwansukuzonke, avuse indlebe yami ukuba ilalele njengofundiswayo. **5** UThixo Wobukhosи uvule indlebe zami, njalo angizange ngibe ngohlamukayo; angibuyelanga emuva. **6** Nganikela umhlana wami kulabo ababengitshaya, lezihlathi zami kulabo abacutha indevu zami; ubuso bami angibufihlanga ekugconweni lekukhafulelwani. **7** Ngenxa yokuthi uThixo Wobukhosи uyangisiza angiyikuyangeka. Ngakho-ke sengiqinise ubuso bami babanjengelitshe lomlilo; njalo ngyiasi ukuthi angiyikuyangeka. **8** Lowo ongimelayo useduzane. Ngubani-ke ongangethesa amacala? Kasiqondane. Ngubani ongimangalelayo na? Kangiqonde! **9** NguThixo Wobukhosи ongisizayo. Ngubani lowo ongathi ngilecalala na? Bonke bazaguga njengesigqoko, inondo izabadla. **10** Ngubani phakathi kwenu omesabayо uThixo elalela ilizwi lenceku yakhe na? Lowo ohamba emnyameni, ongelakho ukukhanya, kathembe ebizweni likaThixo abambelele kuThixo wakhe. **11** Kodwa khathesi, lonke lina eliphemba imililo lizenzele amalangabi okukhanyisa, sukanı, lihambe ekukhanyeni kwemililo yenu, lokwezibane elizikhanyisileyo. Elizakwamukela esandleni sami yilokhu: Lizational phansi lisebuhlungwini.

51 “Lalelani kimi lina elilandela ukulunga lidinga loThixo: Khangelani edwaleni elacezulwa kulo lasegodini lamatshe elambiya kulo; **2** khangelani ku Abrahama, uyihi, lakuSara ovalizalayo. Ekumbizeni kwami wayemunye, ngambusisa ngamandisa. **3** Ngeqiniso uThixo uzaduduza iZiyoni abe lesihawu kuwo wonke amanxiwa alo; uzakwenza izinkangala zalo zibe njenge-Edeni, amazwe alo alugwadule afane lesivande sikaThixo. Ukuthaba lentokozo kuzafunyanwa kulo, kanye lokubonga lelizwi lokuhlabela. **4** Lalelani kimi, bantu bami; ungizwe lawe sizwe sami: Kuzaphuma umthetho uvela kimi; ukulunga kwami kuzakuba yikukhanya eziweni. **5** Ukulunga kwami kusondela ngokuphangisa, insindiso yami iyeza, ingalo yami izaletha ukulunga eziweni. Izhlenge zizakhangela kimi, zilinde zithembe amandla ami. **6** Phakamiselani amehlo enu phezulu emazulwini, likhangele lasemhlabeni phansi; amazulu azanyamalala njengentuthu; umhlaba uzaguga njengesigqoko abakhe kuwo bafe njengempukane. Kodwa insindiso yami izakuba khona kuze kube nininini, ukulunga kwami akuyikuphela. **7** Ngizwani lina elikwaziyo okulungileyo lina bantu abagcina umthetho wami ezinhliyeweni zenu: Lingakwesabi

ukugconwa ngabantu, kumbe lethuswe yizithuko zabo. **8** Ngoba inondo izabadla njengesigqoko; impethu ibadle njengewulu. Kodwa ukulunga kwami kuzakuba khona kuze kube nininini; lensindiso yami ikhona kuzizukulwane zonke.” **9** Vuka, vuka, wena ngalo kaThixo; uziggokise ngamandla akho! Vuka njengasezinsukwini zendulo, lanjengakuzizukulwane zakudala. Kayisuwe yini owaquma uRahabi waba yiziqa, wagwaza lesilo lesiyana na? **10** Kawusuwe yini owomisa ulwandle, amanzi atshona kakhulu, wenza umgwaqo ezinzikini zolwandle ukuze abahlengiweyo bachaphe na? **11** Labahlengiweyo bakaThixo bazabuyela. Bazangena eZiyoni behlabelela, intokozo engapheliyo izakuba ngumqhele emakhana abo. Bazakuba lokuthula lenjabulo, usizi lokububula kuzaphela. **12** “Mina, mina uqobo, nginguye oliduduzayo. Ungubani wena ukuba wesabe abantu abafayo, amadodana abantu, abutshani nje, **13** uze ukhohlwe uThixo, uMenzi wakho, owendlala amazulu wabeka lezisekelo zomhlaba, ukuthi uhlale ngokwesaba okungapheliyo nsuku zonke ngenxa yolaka lomncindezelı, ohlose ukuchitha na? Ngoba lungaphi na ulaka lomncindezelı? **14** Izibotshwa ezitshotshobeleyo zizakhululwa masinyazana, azyikufela emajele azo, kumbe ziswele ukudla. **15** Ngoba mina nginguThixo uNkulunkulu wakho, ophehla ulwandle ukuze amagagasi alo ahlokome, ibizo lakhe nguThixo uSomandla. **16** Ngifake amazwi ami emlonyeni wakho ngakwembesa ngomthunzi wesandla sami, mina engabeka amazulu endaweni yawo, ngabeka izisekelo zomhlaba, njalo othi kuZiyoni, ‘Lina lingabantu bami.’” **17** Vuka, vuka! Phakama wena Jerusalema, wena onathe enkezweni esandleni sikaThixo inkezo yolaka lwakhe, wena oyikoce wafika enzeceni zayo; inkezo eyenza amadoda adiyazele. **18** Kuwo wonke amadodana eliwaželeyo, kayikho eyayingalikhokhela; kuwo wonke amadodana elawondlayo, kayikho eyayingalibamba ngesandla. **19** Lezizingozi ezimbili zikwehlele; ngubani ongakududuza na? Incithakalo lokubhujiswa, indlala lenkemba, ngubani ongakududuza na? **20** Amadodana akho asephele amandla, aselala ezhilokweni zemigwaqo yonke njengebhahlahala elibanjwe ngumambule. Agcwele ulaka lukaThixo lokukhuza kukaNkulunkulu wakho. **21** Ngakho-ke zwana lokhu wena ohluphekayo, lodakisiweyo kodwa kungasingewayini. **22** Nanku okutshiwo

nguThixo Wobukhos i bakh, uNkulunkulu wakho ovikela abantu bakhe: "Khangela, sengiyisuse esandleni sakho inkezo ekwenza udyazele; leyonkezo engeyolaka lwami, awuyikunatha ngayo futhi. **23** Ngizayibeka ezandleni zabakuhluphayo, abathi kuwe, 'Cambahala ukuze sihambe phezu kwakho.' Wena ke wenza umhlane wakho waba njengenhlabathi, lanjengomgwaqo okungahanjwa kuwo."

52 Vuka, vuka, wena Ziyoni, uzembese ngamandal!

Gqoka izigqoko zakho zenkazimulo, wena Jerusalema, muzi ongcwele. Ongasokanga longcolileyo akayikungena kuwe futhi. **2** Thintitha uthuli lwakho; sukuma, uhlale ebukhosini, wena Jerusalema. Zikhulule izibopho ezsientanyeni yakho, wena Ndodakazi ethunjiwego yaseZiyoni. **3** Ngoba nanku okutshivo nguThixo: "Lathengiswa ngeze, njalo lizahlengwa kungekho mali." **4** Ngoba nanku okutshivo nguThixo Wobukhos: "Ekuqaleni abantu bami baye eGibhithe besiyahlala khona; muva i-Asiriya yabancindezela. **5** Khathesi kuyini engilakho lapha?" kubuza uThixo. "Ngoba abantu bami bathunjwa kungekho sizatho, njalo labo abababusayo bayakloloda," kutsho uThixo. "Ilanga lonke ibizo lami lihlanjazwa kokuphela. **6** Ngakho-ke abantu bami bazalazi ibizo lami, ngakho-ke ngalolosuku bazakwazi ukuthi yimi engamemezelokho ngaphambilini. Yebo, yimi." **7** Yeka ubuhle phezu kwezintaba, bezinyawo zalabo abaletha izindaba ezinhle, abamemezelu ukuthula, abaletha izindaba ezinhle, abamemezelu insindiso, abathi kulo iZiyoni, "UNkulunkulu wakho uyabusa!" **8** Lalela! Abalindi bakh baphakamisa amazwi abo, bonke bahlaba umkhosi ngokuthokoza. Lapho uThixo ebuyela eZiyoni bazayibona iZiyoni ngamehlo abo. **9** Hlokomanu ndawonye ngezingoma zokuthokoza, lina manxiwa aseJerusalema, ngoba uThixo usebaduduzile abantu bakhe, uselihlengile ijerusalema. **10** UThixo uzaveza ingalo yakhe engcwele phambi kwezizwe zonke, njalo yonke imikhawulo yomhlaba izabona insindiso kaNkulunkulu wethu. **11** Sukani, sukanu, phumanu lapho! Lingathinti lutho olungcolileyo! Phumanu kulo libe ngabahlambulukileyo, lina eliphatha izitsha zikaThixo. **12** Kodwa kalyikusuka ngokuphangisa, kumbe libaleka; ngoba uThixo uzahamba phambi kwenu, uNkulunkulu ka-Israyeli uzakuba ngumvikeli wenu emva kwenu. **13** Khangelani, inceku yami izakwenza ngokuhlakanipha,

izaphakanyiswa ikhwezwe, iphiwe lodumo olukhulu. **14** Njengoba babebanengi abanengwayo yiyo, ubuso bayo babulimele okudlula okwabantu bonke, lesimo sayo sonakele singase njengesomuntu, **15** ngakho-ke izachelu izizwe ezinengi, amakhosi azavala imilomo yawo ngenxa yayo. Ngoba lokho abangakutshelwanga bazakubona, labangakuzwanga, bazakuqedisisa.

53 Ngubani olikholiweyo ilizwi lethu, njalo amanda

kaThixo abonakaliswe kubani na? **2** Wakhula phambi kwakhe njengehlumela, lanjengempande emhlabathini owomileyo. Wayengelabuhle lobukhosiu kuba asikhange, kungelalutho esimeni sakhe olungenza simfune. **3** Weyiswa njalo waliwa ngabantu, umuntu wezinsizi, njalo ekujayele ukuhlupheka. Lowo abantu abangafuniyo ukukhangelana laye weyiswa, asimhloniphanga. **4** Ngempela wathatha inhlungu zethu wathwala insizi zethu, kodwa thina sathi utshaywe nguNkulunkulu, ebethwe nguye, njalo uhlutshiwe. **5** Kodwa wagwazwa ngenxa yezeno zethu, wachobozwa ngenxa yokona kwethu, ukuhlutshwa kwakhe kwasilethela ukuthula, njalo sasiliswa ngamanxeba akhe. **6** Thina sonke silahlekile njengezimvu, munye ngamunye wethu uphambukele endleleni yakhe; njalo uThixo ubeke phezu kwakhe ukona kwethu sonke. **7** Wancindezelwa wahlutshwa, kodwa kawuvulanga umlomo wakhe; wakhokhelwa ukuyabulawa njengewundlu, njalo njengemu ithule phambi komgundi wayo, laye kawuvulanga umlomo wakhe. **8** Ngokuncindezelwa langokwahlulela wathathwa. Ngubani ongakhulumu ngesizukulwane sakhe na? Ngoba wasuswa elizweni labaphilayo; watshawwa ngenxa yeziphambeko zabantu bami. **9** Wabelwa ingcwaba kanye lababi, kanye labanothileyo ekufeni kwakhe, lanxa kungeladlakela alwenzayo njalo kungekho inkohliso emlonyeni wakhe. **10** Ikanti kwakuyintando kaThixo ukumchoboza lokumenza ahlupheke, njalo lanxa uThixo esenza ukuphila kwakhe umnikelo wecala, uzabona inzalo yakhe, andise insuku zokuphila kwakhe, lentando kaThixo izaphumelela ngaye. **11** Emva kokuhlupheka komoya wakhe, uzabona ukukhanya kokuphila asuthiseke; ngokwazi kwayo inceku yami elungileyo izalungisa abanengi, ithwale izono zabo. **12** Ngakho-ke ngizamnka isabelo phakathi kwabakhulu, njalo uzakwabelana impango labalamandla ngoba wanikela ukuphila kwakhe ekufeni, wabalwa ndawonye lezonu; ngoba wathwala izono zabanengi, wancengela izoni.

54 “Hlabela wena mfazi oyinyumba, wena ongazange uzale umntwana; susa ingoma, umemeze ngentokozo, wena ongakaze uhelelwe ngoba abantwana bomfazi olahliweyo banengi kulabalowo olendoda,” kutsho uThixo. **2** Qhelisa indawo yethente lakho, yelula amakhetheni ethente lakho abe banzi, ungathikazi, yelula izintambo zakho, uqinise izikhonkwane zakho. **3** Ngoba uzaqhela usiya kthesokudla lesenxele; inzalo yakho izazixotsha izizwe yakhe emadolobheni azo adilikayo. **4** “Ungesabi, ngoba awuyikwehlewa lihlazo. Ungesabi ukuyangeka, ngoba awuyikudumazeka. Uzalikhohlwa ihlazo lasebutsheni bakho, ungakhumbuli lesithuko sobufelokazi bakho. **5** Ngoba uMenzi wakho engumyeni wakho, uThixo uSomandla libizo lakhe oNgcwele ka-Israyeli unguMhengi wakho; ubizwa ngokuthi nguNkulunkulu womhlaba wonke. **6** UThixo uzakubiza njengowesifazane olahliweyo, odabukileyo emoyeni, owesifazane owenda esesemncane, waphanga waliwa,” kutsho uNkulunkulu wakho. **7** “Ngakutshiya okomzuzwana omncane, kodwa ngesihawu esikhulu ngizakubuyisa. **8** Ngomfutho wokuthukuthela, ngakufihlela ubuso bami okomzuzwana, kodwa ngothando olungapheliyo, ngizakuba lesihawu kuwe,” kutsho uThixo uMhengi wakho. **9** “Kimi lokhu kunjengasezinsukwini zikaNowa, lapho engafunga khona ngathi amanzi kaNowa kawayikugcwala umhlaba futhi. Ngakho khathesi sengifungile ngathi angiyikukuthukuthelela futhi; angiyikukusola njalo. **10** Lanxa izintaba zinganyikinyiswa, lamaqaqa asuswe, kodwa uthando lwami olungapheliyo kuwe kaluyikunyikinyiswa, kumbe isivumelwano sami sokuthula sisuswe,” kutsho uThixo olesihawu kuwe. **11** Wena dolobho elihluphekileyo, elitshaywa yiziphepho alaze laduduzwa, ngizakwakha ngamatshe amahle, izisekelo zakho ngizakhe ngamasafire. **12** Izakhiwo zakho zokuvikela ngizazenza ngamarubhi, amasango akho ngiwenze ngamatshe akhazimulayo, yonke imithangala yakho ngiyenze ngamatshe aligugu. **13** Wonke amadodana akho azafundiswa nguThixo, njalo kuzakuba kukhulu ukuthula kwabantwana bakho. **14** Uzaqiniswa ngokulunga: uchuku luzakuba khatshana lawe, awuyikwesaba lutho. Ukwesaba kuzasuselwa khatshana, akuyikusondela phansi kwakho. **15** Nxa ekhona ozakuhlasela, kobe kungayisimi; loba ngubani okuhlaselayo uzazinikela kuwe. **16** “Khangel, yimi engadala umkhandi wensimbi ovuthela amalahle abe

lilangabi, akhande isikhali esilungele umsebenzi waso. Njalo yimi engadala umchithi ukuba enze umonakalo; **17** akulasikhali esikhandelwe wena esizaphumelela, njalo bonke abakumangalelayo uzabehlula. Leli yilifa lezincke zikaThixo, lokhu yikho ukwenaniswa kwazo yimi,” kutsho uThixo.

55 “Wozani, lonke lina abomileyo, wozani emanzini, lani lina elingelamali, wozani, lithenge, lidle! Wozani, thengani iwayini lochago ingekho imali lendleko. **2** Lichithelani imali kokungasikho kudla, lokusebenza kwenu kulokho okungasuthisiyo na? Lalelani, lalelani kimi, lidle okuhle, umoya wenu uzathokozisa yizibiliboco. **3** Lalelani, lize kimi; lingilalele ukuze umphefumulo wenu uphile. Ngizakwenza isivumelwano esingapheliyo lani, uthando lwami oluqotho olwathenjiswa uDavida. **4** Khangelani, ngimenze waba ngufakazi ebantwini, umkhokheli lomlawuli wabantu. **5** Ngeqiniso lizabiza izizwe elingazaziyo, lezizwe ezingalaziyo zizagijimela kini, ngenxa kaThixo uNkulunkulu wenu, oNgcwele ka-Israyeli, ngoba uselinike inkazimulo.” **6** Mdingeni uThixo esatholakala, mbizeni eseseduzane. **7** Omubi kayekele indlela yakhe loxhwalileyo alahle imicabango yakhe. Kaphendukele kuThixo, uzakuba lesihawu kuye, lakuNkulunkulu wethu ngoba uzamthethelela ngesihle. **8** “Ngoba imicabango yami kayisiyo eyenu, lezindlela zenu kayisizo ezami,” kutsho uThixo. **9** “Njengomkhathi uphakeme kulomhlaba, ngokunjalo izindlela zami ziphakeme kulezindlela zenu, lemicabango yami iphakeme kulemicabango yenu. **10** Njengoba izulu longqawaqwane kusehla kuvela phezulu, kungaphindi kubuyele khonale kungathambisanga umhlaba kuwenze ununkule ube lamahlumela, ukuze unike umhlanjeli inhlanyelo, lodlayo umnike ukudla, **11** linjalo lelizwi lami eliphuma emlonyeni wami: kalyikubuya kimi lize, kodwa lizafeza engikufunayo liphumelise lokho engilithume khona. **12** Lina lizaphuma ngokuthokoza likhokheliwe ngokuthula; izintaba lamaqaqa kuzasusa ingoma phambi kwenu, njalo zonke izihlahla zeganga zizaqakeza izandla zazo. **13** Endaweni yesihlahla sameva kuzamila iphayini, lendaweni yokhula kuzamila isihlahla somithili. Lokhu kuzakwenza uThixo adunyiswe, kube yisibonakaliso esingapheliyo, esingayikudilizwa.”

56 Nanku okutshiwo nguThixo: “Londoloza ukulunga wenze okuqondileyo, ngoba ukusindisa kwami kuseduze lokulunga kwami kuzabonakaliswa masinyane. **2** Ubusisiwe umuntu okwenzayo lokhu, umuntu obambelela kukho, ogcina iSabatha engalingcolisi, athibe isandla sakhe ekwenzeni okubi.” **3** Akungabi lowezizweni okuThixo othi, “Ngeqiniso uThixo uzangehlukanisa labantu bakhe.” Njalo lomthenwa kangavunyelwa ukusola athi, “Mina ngiyisihlahla esomileyo.” **4** Ngoba uThixo uthi: “Abathenwa abagcina amaSabatha ami bakhethe okungithokozisayo, babambelele kusivumelwano sami, **5** ngizabanika, phakathi kwethempeli lami lemiduli yalo, isikhumbuzo lebizo elingcono kulamadodana lamadodakazi. Ngizabanika ibizo elingapheliyo. Elingayikukhohlakala. **6** Labezizwe abazinikela kuThixo ukuba bamkhonze, bathande ibizo likaThixo, njalo bamkhonze, bonke abagcina iSabatha bengalingcolisi, babambelele kusivumelwano sami, **7** laba ngizabalettha entaben yami engcwele, ngibaphe intokozo endlini yami yokukhulekela. Iminikelo yabo yokutshisa, lemihlatshelo, kuzakwamukelwa e-alitharen lami; ngoba indlu yami izathiwa yindlu yokukhuleka yezizwe zonke.” **8** UThixo Wobukhos, yena oqoqa abaxotshwayo elizweni abako-Israyeli uthi: “Ngizaqoqela abanye kubo futhi ngaphandle kwalabo abavele sebeqoqiwe.” **9** Wozani lonke lina zilo zeganga; wozani lidle, lonke lina zilo zamagus! **10** Abalindi bako-Israyeli bayiziphofu, bonke kabazi lutho; bonke bayimigaxa, izinja ezingakhonkothiyo; balala nje baphuphe; bathanda ukulala. **11** Bayizinja ezihlala zilomdlozela wokufuna ukudla, azisuthi. Bangabelusi abangaqedisisiyo, bonke bazazenzela abakufunayo, lowo lalowo udinga inzuso yakhe. **12** Lowo lalowo uthi, “Wozani, ngilethe iwayini. Kasinatheni utshwala sibusuthe. Kusasa kuzafana lanamuhla, loba kube ngcongo kakhulu.”

57 Abalungileyo bayabhubha, kodwa kakhoocabanga ngakho enhliziyweni yakhe. Abantu abazinikele ekukhonzeni bayasuswa, njalo kakho okuzwisisayo ukuthi abalungileyo basuswa ukuba baphetshiswe ebubini. **2** Labo abahamba ngokulunga bayangena ekuthuleni; bathola ukuphumula belele ekufeni. **3** “Kodwa lina wozani lapha lina, madodana esanusekazi lina nzalo yezifebe leziphingi! **4** Ngubani elimklolodelayo na? Ngubani elimnemelayo limkhuphela inlimi zenu? Kalisinzalo

yabahlamuki, labantwana babaqamba amanga na? **5** Liyatshiseka ngenkanuko ezihlahleni zom’Okhi, langaphansi kwezihlahla zonke eziyizithingithingi; lenza umhlatshelo ngabantwabenu emakhelekehleni langaphansi kwamawa. **6** Izithombe eziphakathi kwamatshe abutshelezi emakhelekehleni yiso isabelo senu, yizo, yizo eziyisabelo senu. Yebo, kuzo lithelie iminikelo yokunathwayo lanikela leminikelo yamabele. Ngenxa yalezizinto ngingaba lozwelo na? **7** Wenze umbheda wakho phezu koqaqa oluphakemeyo, wakhwela wayanikela imihlatshelo yakho khona. **8** Ngemva kwezivalo zakho langemva kwezinsika zomnyango wakho ubeke izifanekiso zakho zobuhedeni. Wathi ungilahla wembula umbheda wakho, wakhwela kuwo wawuvula waba banzi, wavumelana lalabo othanda imibheda yabo, wakhangela ubunqunu babo. **9** Uye kuMoleki ulamafutha e-oliva, wandisa lamakha akho. Uthume izithunywa zakho khatshana wangena ethuneni lona ngokwalo! (**Sheol h7585**) **10** Wadiniswa yizindlela zakho zonke, kodwa wawungeke uthi, ‘Akusizi ngalutho.’ Wathola ukuvuselelwa kwamandla akho. Ngakho kawuphelanga amandla. **11** Ngubani omesabe kangaka waze waba lamanga kimi, njalo kawaze wangikhumbula loba ukucabanga lokhu enhliziyweni yakho na? Akusingenxa yokuthi sengathula okwesikhathi eside kakhulu waze wangasangesabi na? **12** Ukulunga kwakho lemisenbenzi yakho ngizakuveza obala, njalo akuyikukusiza ngalutho. **13** Lapho usukhalela ukusizwa, iqoqo lezithombe zakho kalikuhlenge. Umoya uzazithatha zonke, lokuphephetha nje kuziphephule khatshana. Kodwa umuntu owenza mina isiphephelo sakhe ilizwe lizakuba yilifa lakhe lentaba yami engcwele ibe ngeyakhe.” **14** Njalo kuzathiwa: “Candani, candani, lungisani indlela! Susani izikhubekiso endleleni yabantu bami.” **15** Ngoba ophakemeyo ongaPhezulu, yena ophila kokuphela, obizo lakhe lingcwele uthi: “Ngihlala endaweni ephakemeyo lengcwele, kodwa laye ozisolayo lothobekileyo emoyeni, ukuba kuvuselelwe umoya wabathobekileyo, kuvuselelwe lezinhliziy zabazisolayo. **16** Angiyikulisola kokuphela kumbe ngihlale ngithukuthele, ngoba umoya womuntu ungaphela phambi kwami, umoya womuntu engawudalayo. **17** Ngathukutheliswa yibuhwaba bakhe obubi; ngamjezisa, ngafihla ubuso bami ngithukuthele, kodwa waqhubeke ngezindlela

zakhe zenkani. **18** Izindlela zakhe sengizibonile, kodwa ngizamsilisa. Ngizamkhokhela, ngimduduze futhi, **19** ngenze ukubonga ezindebeni zabalilayo ko-Israyeli. Ukuthula, ukuthula kwabakhatsana labaseduze,” kutsho uThixo. “Ngizabasilisa.” **20** Kodwa ababi banjengolwandle olugubhazelayo, olungeke lumphumule, amagagasi alo ephosa udaka lengcekeza phezulu. **21** “Akukho kuthula kwababi,” kutsho uNkulunkulu wami.

58 “Memeza kakhulu, ungathuli. Phakamisa ilizwi lakho njengecilonongo. Tshela abantu bami ngokuhlamuka kwabo, lendlu kajakhobe uyitshele ngezonzo zabo. **2** Ngoba usuku ngosuku bayangidinga; bafuna ukwazi izindlela zami, sengathi bayisizwe esenza okulungileyo esingalahlanga imilayo kaNkulunkulu waso. Bacela izinqumo ezilungileyo kimi bafune ukuthi uNkulunkulu asondele kubo. **3**

Bathi, ‘Kungani sizilile, kodwa wena wangakuboni na? Kungani sizithobile kodwa wangakunaki na?’ Ikanti ngosuku lokuzila kwenu lenza elikuthandayo, lincindezele lezisebenzi zenu zonke. **4** Ukuzila kwenu kucina ngengxabano lokulwa, langokutshayana kubi ngenqindi. Alingeke lizile njengelkwenzayo lamhla lithembe ukuthi ilizwi lenu lizazwakala phezulu. **5** Lokhu yikho ukuzila engikukhethileyo na, ukuthi umuntu azithobe okosuku olulodwa nje? Yikuthi umuntu akhothamise ikhanda lakhe njengomhlanga nje, lokulala esakeni lemlotheni na? Lokho yikho elithi yikuzila, usuku olwamukelekayo kuThixo na? **6** Lokhu akusikho yini ukuzila engikukhethileyo: ukukhulula izibopho zokungalungi lokuthukulula imichilo yejogwe, kukhululwe abancindezelweyo, kwephulwe amajogwe wonke na? **7** Akusikwabela abalambayo ukudla kwakho lokunika umnyanga ongumhambuma indawo yokuhlala, lapho ubona abanqunu ubagqokise, lokungafulatheli izihlobo zakho zegazi na? **8** Lapho-ke ukukhanya kwakho kuzavela njengokusa, lokusila kwakho kuzabonakala masinyane, kuthi ukulunga kwakho kuhambe phambi kwakho, inkazimulo kaThixo izakuba yisivikelo ngemva kwakho. **9** Lapho-ke uzabiza, uThixo asabele; uzacela usizo, yena uzakuthi: Ngilapha. Nxa ungalahla ijogwe lokuncindezela lokukhomba ngomunwe kanye lezinkulomo ezimbi; **10** njalo nxa unika abalambayo ukudla kwakho, wanelise lenswelo zabancindezelweyo, ukukhanya kwakho kuzavela emnyameni, ubusuku bakho buzakuba njengemini. **11** UThixo uzakukhokhela

kokuphela; uzakwanelisa inswelo zakho elizweni elitshiswa lilanga, aqinise amathambo akho. Uzakuba njengesivande esithelezelwa kuhle, lanjengomthombo olamanzi angacitshiyo. **12** Abantu bakho bazawavusa amanxiwa amadala, bavuse lezisekelo zakudala. Uzabizwa ngokuthi uMakhi Wemiduli Eyadilikayo, loMvuseleli wemiGwaqo leMizi. **13** Nxa ugcina inyawo zakho zingephuli iSabatha, njalo ungenzi intando yakho ngosuku lwami olungcwele, nxa iSabatha ulibiza ngokuthi yintokozo njalo usuku lukaThixo olungcwele usithi lulodumo, njalo nxa uluhlonipha ngokungahambi ngendlela yakho, langokungenzi intando yakho loba ukukhulumama amazwi ayize, **14** lapho-ke uzathola intokozo kuThixo, njalo ngizakukhweza emiqolweni yelizwe, ngikwenze udle ilifa likayihlo uJakhobe.” Umlomo kaThixo usukhulumile.

59 Ngeqiniso ingalo kaThixo kayimfitshane ukuba isindise, lendlebe yakhe kayibuthundu ukuba izwe. **2** Kodwa ububi benu sebulahlukanise loNkulunkulu wenu; lezono zenu sezisithe ubuso bakhe kini ukuze angezwa. **3** Ngoba izandla zenu zingcolisiwe ngegazi, leminwe yenu ingcoliswe yibubi. Izindebe zenu zikhulume amanga lolimi lwenu luhlebeza izinto ezimbi. **4** Kakho odinga ukwahlulela okuhle, kakho okhuluma ecaleni lakhe ngobuqotho. Bathembe ukuphika ngeze bekhuluma amanga; bemula uhlupho, bazale ububi. **5** Bachamisela amaqanda ezinhlangwana, beluke ubulembu besayobe. Langabe ngubani odla amaqanda azo uzakufa, njalo nxa elinye lawo lichanyiselwe kuphuma ibululu. **6** Ubulembu babo kabusizi ekugqokeni; abangeke bazimboze ngabakwenzayo. Izenzo zabo yizenzo ezimbi, izenzo zodlakela zisezandleni zabo. **7** Inyawo zabo zigijimela ukona; bayaphangisa ukuchitha igazi elimsulwa. Imicabango yabo yimicabango emibi; ukuchitha lokubhubhisa kubonakalisa izindlela zabo. **8** Indlela yokuthula kabayazi; akukho kulunga ezindleleni zabo. Sebenze zaba yimigwaqo ezombielezayo, kakho ohamba ngazo ozakwazi ukuthula. **9** Ngakho-ke ukwahlulela okuhle kukhatshana lathi, lokulunga akufiki kithi. Sidinga ukukhanya, kodwa kulobumnyama kuphela; sidinga ukucazimula, kodwa sihamba emathunzini amnyama. **10** Njengeziphofu siphumputha silandela umduli, siphumputhu indlela yethu njengabantu abangelamehlo. Sikhubeka emini

ingathi kukusihlwa; kwabalamandla, sinjengabafileyo. **11** Sonke siyahwabha njengamabhele, sibubule ngosizi njengamajuba. Sidinga ukwahlulela okuhle, kodwa kasikutholi; sidinga ukuhlengwa, kodwa kukhatshana. **12** Ngoba ukona kwethu kuwe kunengi, lezono zethu zifakaza okubi ngathi. Ukona kwethu kuhlezi kulathi; siyabuvuma ububi bethu, **13** ukuhlamuka lokungathembeki kuThixo, ukufulathela uNkulunkulu wethu, ukukhuthaza uncindezelo lomvukela, ukukhuluma amanga esiwacabange ngezinhлизио zethu. **14** Ngakho ukwahlulela okuhle kufuqelwa emuva, ukulunga kume khatshana; iqiniso likhubekile ezindeleni, ubuqotho bungeke bungene. **15** Iqiniso kalitholwa ndawo; oxwaya ububi uyahlaselwa. UThixo wakhangela wadaniwa yikuswelakala kokwahlulela okuhle. **16** Wabona ukuthi kwakungelamuntu, wanengwa yikuthi kakho owayengalamula; ngakho waletha ukukhululwa ngamandla akhe, ukulunga kwakhe kwamqinisa. **17** Wagqoka ukulunga njengesivikelo sakhe sasesifubeni, lengowane yensindiso ekhanda lakhe; wagqoka izembatho zokuphindisela njalo wazigoqela ngokutshiseka njengokuzigoqela ngengubo. **18** Uzaphindisela ulaka ezitheni zakhe, kusiya ngalokho abakwenzileyo; lokujeziswa kwabamelana laye; izihlenge uzaziphindisela ngemfanelo yazo. **19** Kusukela entshonalanga abantu bazalesaba ibizo likaThixo, njalo kusukela ekuphumeni kwelanga bazadumisa ubukhosu bakhe. Ngoba uzafika njengeskukhula esifuthelenoyo esifuqwa ngumoya kaThixo. **20** “Umhlensi uzafika eZiyoni, kwabakajkhobe abavuma izono zabo,” kutsho uThixo. **21** “Mina lesi yiso isivumelwano sami labo,” kutsho uThixo. “Umoya wami okuwe, lamazwi ami engiwbabeke emlonyeni wakho akuyikusuka emlonyeni wakho, kumbe emilonyeni yabantwabakho, loba emilonyeni yezizukulwane zabo kusukela ngalesiskhathi kuze kube nininini,” kutsho uThixo.

60 “Vuka, khazimula, ngoba ukukhanya kwakho sekufikile, lenkazimulo kaThixo iyavela phezu kwakho. **2** Khangela, umnyama wembese umhlaba, umnyama omkhulu usibekele abantu. Kodwa uThixo uyakhanya phezu kwakho lenkazimulo yakhe iyabonakala phezu kwakho. **3** Iziwze zizakuza ekukhanyeni kwakho, lamakhosi alande ukuqhama kokusa kwakho. **4** Phakamisa amehlo akho ukhangale amacele akho wonke: bonke babuthana

beze kuwe; amadodana akho avela khatshana, lamadodakazi akho athwelwe ngengalo. **5** Ngakho uzakhangelu ubobothike ngokujabula, inhliziyo yakho izatshaya ikhukhumale ngenxa yentokozo; inotho yasolwandle izalethwa kuwe, lenotho yezizwe izakuza kuwe. **6** Imihlambi yamakamela izagcwala elizweni lakho, amakamela asakhulayo aseMidiyani lase-Efa. Wonke avela eShebha azakuza ethwele igolide lempepha ememezela udumo lukaThixo. **7** Yonke imihlambi yaseKhedari izabuthelwa kuwe; inqama zaseNebhayothi zizakusiza; zizakwamukeleka njengeminikelo e-alithareni lami, njalo ngizahlobisa ithempeli lami elilodumo. **8** Ngobani laba abandiza njengamayezi lanjengamajuba esiya ezidlekeni zawa na? **9** Ngeqiniso izihlenge zithembe mina; ekhokheleyo yimikhumbi yaseThashishi, iletha amadodana akho avela khatshana, lesiliva sawo kanye legolide ukuba kudunyiswe uThixo uNkulunkulu wakho, oNgcwele ka-Israyeli, ngoba ukunike inkazimulo. **10** Abezizwe bazayakha futhi imiduli yakho, lamakhosi abo azakukhonza. Lanxa ekuthukutheleni kwami ngakutshaya, kodwa ngomusa wami ngizakuba lesihawu kuwe. **11** Amasango akho azahlala evulekile; kawayikuvalwa emini loba ebusuku ukuze abantu bakulethele inotho yezizwe, amakhosi azo ekhokhelwe ludwendwe lokunqoba. **12** Ngoba isizwe kumbe umbuso ongayikukukhonza uzatshabalala; uzachitheka uphele nya. **13** Udumo lwaseLebanoni luzakuza kuwe; zonke izihlahla ezamaphayini, umfiri lomsiphresi, ukuzeblobisa indlu yami engcwele; lendawo yezinyawo zami ngizayenza ikhazimule. **14** Amadodana abancindezeli bakho azakuza akhothame phambi kwakho; bonke abakweysiso bazakhothamela phansi ezinyaweni zakho, njalo bazakubiza ngokuthi iDolobho likaThixo, iZiyoni yakhe oNgcwele ka-Israyeli. **15** Lanxa ubulahliwe, uzondakala, kungekho ohamba edabula phakathi kwakho, ngizakwenza ube ligugu elingapheliyo, uthokozise izizukulwane zonke. **16** Uzanatha uchago lwezizwe, umunyiswe emabeleni asesikhosini. Lapho-ke uzakwazi ukuthi nginguThixo, uMsilisi wakho, uMhlensi wakho, uMninizimandla kajkhobe. **17** Esikhundleni sethusi ngizakulethela igolide, lesiliva esikhundleni sensimbi. Esikhundleni sezigodo ngizakulethela ithusi, lensimbi esikhundleni samatshe. Ngizakwenza ukuthula kuge ngumbusi wakho, lokulunga kuge yinkosi yakho. **18** Akusayikuba lodlakela elizweni lakho, akusayikuba khona

ukuchitheka loba ukutshabalala phakathi kwelizwe lakini, kodwa uzakuthi imiduli yakho yiNsindiso, lamasango akho uthi yiNdumiso. **19** Ilanga kalisayikuba yikukhanya kwakho emini loba ukukhanya kwenyanga kukukhanyise, ngoba uThixo uzakuba yikukhanya kwakho okungapheliyo, loNkulunkulu wakho abe yinkazimulo yakho. **20** Ilanga lakho kalyikutshona futhi, lenyanga yakho aysisayikufiphala njalo. UThixo uzakuba yikukhanya kwakho okungapheliyo, lezinsuku zakho zezinsizi zizaphela. **21** Lapho-ke bonke abantu bakho bazakuba ngabalungileyo, lelizwe lizakuba lilifa labo kokuphela. Bangamahlumela engawahlanyelayo, umsebenzi wezandla zami, ukuba ngibonakalise inkazimulo yami. **22** Ingcosana yakho izakuba yinkulungwane, abancinyane bazakuba yisizwe esilamandla. Mina nginguThixo; ngesikhathi esifaneleyo lokhu ngizakwenza ngokuphangisa.”

61 Umoya kaThixo Wobukhosu uphezu kwami, ngoba uThixo ungigcobile ukuba ngitshumayele izindaba ezinhle kwabampofu. Ungithumile ukuba ngibophe inhliziyoy ezipabukileyo, ngimemezele ukukhululwa kwabathunjiwego, lokukhululwa kwezibotshwa emnyameni, **2** lokumemezelu umnyaka womusa kaThixo, losuku lokuphindisela kukaNkulunkulu wethu; ukududuza abalilayo, **3** lokunakekela labo abadabukileyo eZiyoni, ukubapha umqhele wobuhle esikhundleni somlotha, amafutha okujabula esikhundleni sokulila, lengubo yokudumisa esikhundleni somoya wokulahla ithemba. Bazabizwa ngokuthi yim'okhi yokulunga, ehlanyelwe nguThixo ukuba abonakalise inkazimulo yakhe. **4** Bazavuselela njalo amanxiwa asendulo bavuse lezindawo ezadilizwa kudala. Bazavuselela amadolobho adilikayo aleminyaka eminengi adilika. **5** Abezizwe bazakwelusa imihlambi yenu; abezizwe basalima amasimu enu lezivini zenu. **6** Lizabizwa ngokuthi abaphristi bakaThixo, kuzathiwa liyizikhonzi zikaNkulunkulu. Lizakudla inotho yezizwe, lizincome ngenotho yazo. **7** Esikhundleni sehlazo labo abantu bami bazaphiwa isabelo esiphindwe kibili, njalo esikhundleni sokuyangeka bazathokoza ngelifa labo; ngakho isabelo selifa labo elizweni sizaphindwa kibili, lentokozo engapheliyo izakuba ngeyabo. **8** “Ngoba mina, uThixo, ngithanda ukulunga, ngizonda ubugebenga lobubi. Ngobuqotho bami ngizabanika umvuzo ngenze isivumelwano esingapheliyo labo. **9** Izizukulwane zabo zizakwaziwa phakathi kwezizwe, lenzalo yabo yaziwe

phakathi kwabantu. Bonke abababonayo bazavuma ukuthi bangabantu ababusiswe nguThixo.” **10** Ngiyathokoza kakhulu kuThixo; umphefumulo wami uyajabula ngoNkulunkulu wami. Ngoba unggokise iziqqoko zokusindiswa, wangicecisa ngezemba zokulunga, njengomyeni ececisa ikhanda lakhe njengomphristi, lanjengomlobokazi ezicecise ngamatsho akhe aligugu. **11** Ngoba njengomhlabathi owenza ihlumela limile, lesivande esenza inhlanyelo ikhule, ngokunjalo uThixo Wobukhosu uzakwenza ukulunga lodumo kuvele phambi kwezizwe zonke.

62 Ngenxa yeZiyoni angiyikuthula; ngenxa yeJerusalema angiyikuhlala ngithule, ukulunga kwayo kuze kukhanye njengokusa, ukusindiswa kwayo kuze kukhanye njengezibane ezivuthayo. **2** Izizwe zizakubona ukulunga kwakho, lamakhosi wonke ayibone inkazimulo yakho. Uzabizwa ngebizo elitsha umlomo kaThixo ozakunika lona. **3** Uzakuba ngumqhele wenkazimulo esandleni sikaThixo, umqhele wobukhosu esandleni sikaNkulunkulu wakho. **4** Kabasayikukubiza ngokuthi oTshiyiweyo kumbe babize ilizwe lakho ngokuthi Chithakele. Kodwa uzabizwa ngokuthi Hefiziba ilizwe lakho kuthiwe yiBhiyula, ngoba uThixo uzathokoza ngawe, lelizwe lakho lizakwenda. **5** Njengejaha lithatha intombi, ngokunjalo amadodana akho azakuthatha; lanjengomyeni ethokozela umakoti wakhe, ngokunjalo uNkulunkulu uzathokoza ngawe. **6** Ngibeke abalindi phezu kwemiduli yakho wena Jerusalema; kabayikuthula lanini emini loba ebusuku. Lina elimbizayo uThixo, musani ukuphumula, **7** laye lingamphumuzi aze akhe ijerusalema alenze libe lodumo emhlabeni. **8** UThixo ufungile ngesandla sakhe sokudla langengalo yakhe elamandla wathi; “Angiyikuphinda lanini ukunika izitha zenu amabele enu njengokudla kwazo, njalo lanini abezizwe kabayikuphinda banathe iwayini elitsha elilisebenzele nzima. **9** Kodwa labo abawavunayo bazawadla badumise uThixo, lalabo ababutha amavini bazalinatha emagumeni endlu yami engcwele.” **10** Dlulani, dlulani emasangweni! Lungiselani abantu indlela. Candani, candani umgwaqo! Susani amatshe. Phakamiselani izizwe uphawu. **11** UThixo usenze isimemezelo emhlabeni wonke wathi; “Wothini kuyo iNdodakazi yaseZiyoni, ‘Khangelu uMsindisi wakho uyeza! Khangelu umvuzo wakhe ulawo, lenhlawulo yakhe ulayo.’” **12** Bazabizwa ngokuthi ngaBantu

abaNgcwele, abaHlengiweyo bakaThixo; wena uzathiwa Ofunwayo, iDolobho Elingasatshiywanga.

63 Ngubani lo ovela e-Edomi, ovela eBhozira egqoke izembatho ezibomvu na? Ngubani lo ogqoke ubucwazicwazi, ohamba ngobukhulu bamandla akhe na? "Yimi okhuluma ngokulunga, olamandla okusindisa." **2** Kungani izigqoko zakho zibomvu njengezomuntu onyathela isikhamelo sewayini na? **3** "Nginyatheli isikhamelo sewayini ngedwa; kakho owezizwe owayelami. Ngabgxoba ngithukuthele, ngabanyathela ngilolaka; igazi labo lachaphakela ezambathweni zami, langcolisa zonke izigqoko zami. **4** Ngoba usuku lokuphindsela lwalusenhliziyeweni yami, lomnyaka wokuhlenga kwami usufikile. **5** Ngakhangela, kodwa kakho owayengasiza. Nganengwa yikungabi khona kosekelayo, ngakho ingalo yami yangilethela insindiso lolaka lwami lwangiwinisa. **6** Ngagxoba izizwe ngokuthukuthela kwami, ngazidakisa ngolaka lwami, ngathela igazi lazo phansi." **7** Ngizalandisa ngomusa kaThixo, izenzo okumele adunyiswe ngenxa yazo, ngakho konke uThixo asenzele khona, yebo, izinto ezinengi ezinhle azenzele indlu ka-Israyeli, ngesihawu sakhe langomusa wakhe omkhulu. **8** Wathi, "Ngeqiniso bangabantu bami; amadodana angayikuba lamanga kimi"; ngakho waba nguMsindisi wabo. **9** Kukho konke ukuhlupheka kwabo laye waba losizi; ukuba khona kwengilosu yakhe kwabasindisa. Ngothando lwakhe langesihawu sakhe wabahlenga; wabaphakamisela phezulu, wabathwala insuku zonke zakudala. **10** Kodwa bamvukela badanisa uMoya wakhe oNgcwele. Ngakho waphenduka waba yisitha sabo walwa labo yena ngokwakhe. **11** Lapho-ke abantu bakhe bakhumbula insuku zakudala, insuku zikaMosi labantu bakhe, ungaphi lowo owabachaphisa ulwandle, lomelusi wemihlambi yakhe na? Ungaphi lowo owathela uMoya wakhe oNgcwele phakathi kwabo, **12** owathomela ingalo yakhe yamandla elodumo ukuba ibe sesandleni sokudla sikaMosi, owehlukanisa amanzi phambi kwabo ukuba azizuzele udumo olungapheliyo, **13** owabadabulisa ezzinkikini na? Njengebhiza emagcekeni, kabakhubekanga; **14** njengezinkomo zisehla esigodini, baphunyuzwa nguMoya kaThixo. Wena wabakhokhela kanjalo abantu bakho ukuze uzenzele ibizo eliodumo. **15** Khangela phansi usezulwini ubone, usesihlalweni sakho sobukhosu esiphakemeyo, esingcwele, esicwebezelayo. Kungaphi ukutshiseka kwakho lamandla akho na?

Isisa sakho lesihawu sakho kugodliwe kithi. **16** Kodwa wena unguBaba wethu, lanxa u-Abrahama engasazi thina lo-Israyeli engasivumi; wena, Oh Thixo, unguBaba wethu, uMhengi wethu libizo lakho kusukela endulo. **17** Kungani, Thixo, usenza siphambuke ezindleleni zakho, usenza lezinhliziyi zethu zibe lukhuni ukuba singakwesabi na? Phenduka ubuye ngenxa yezinceku zakho, izizwana eziyilifa lakho. **18** Indawo yakho engcwele yayingeyabantu bakho okwesikhathi esifitshane, kodwa khathesi izitha zethu seziyicakazele phansi indlu yakho engcwele. **19** Thina singabakho kusukela endulo; kodwa awukaze ubabuse, kabazange babizwe ngebizo lakho.

64 Awu, sengathi ungaqhekeza amazulu wehlele phansi ukuba izintaba zinyikinyeke phambi kwakho! **2** Njengalapho umlilo utshisa incwathi wenze amanzi abile, yehlela phansi ukuba wenze ibizo lakho lazakale ezitheni zakho, wenze lezizwe zithuthumele phambi kwakho. **3** Ngoba wathi usenza izinto ezesabekayo esasingazilindelanga, wehlela phansi, izintaba zathuthumela phambi kwakho. **4** Kusukela endulo kakho owezwayo, akulandlebe eyabambisisayo, akulalihlo elabona omunye uNkulunkulu ngaphandle kwakho, osebenzela labo abathembe kuye. **5** Uyeza ukuba usize labo abenza ukulunga ngokuthaba, abazikhumbulayo izindlela zakho. Kodwa lapho saqhubeka sisona kubo wathukuthela. Pho singasindiswa kanjani na? **6** Sonke sesaba njengomuntu ongcolleyo, lemisenbenzi yethu yokulunga yonke injengenjobo ezingcolleyo, sonke siyabuna njengehlamvu, lanjengomoya izono zethu zisiphephulela khatshana. **7** Kakho okhuleka ebizweni lakho lozamayo ukubambelela kuwe, ngoba ubuso bakho ubufihlile kithi wasenza sacikizeka ngenxa yezono zethu. **8** Ikanti wena Thixo unguBaba wethu. Thina silibumba, wena ungumbumbi; sonke singumsebenzi wezandla zakho. **9** Ungathukutheli wedlulise, awu Thixo; izono zethu ungazikhumbuli kokuphela. Awu, ake usikhangele, siyakhuleka, ngoba sonke singabantu bakho. **10** Amadolobho akho angcwele aseyinkangala; leZiyoni isiyinkangala, iJerusalem isiyincithakalo. **11** Ithempeli lethu elingcwele njalo elikhazimulayo lapho okhokho ababekudumisela khona, litshiswe ngomlilo, njalo konke okwakuligugu kithi sekungamanxiwa. **12** Emva kwakho konke lokhu Thixo, uzazithinta na? Uzazithulela, usijezise ngokudlulisileyo na?

65 “Ngazineza kulabo abangangicelanga; ngafunyanwa yilabo abangangidinganga. Isizwe esingakhulekanga kimi ngathi kuso, ‘Ngilapha, ngilapha.’ 2 Ilanga lonke ngelula izandla zami ebantwini abayiziqholo, abahamba ngezindlela ezingalunganga belandela iminakano yabo, 3 abantu abahlezi bengicunula bengikhangele, benikela imihlatshelo emasimini, betshisa impepha phezu kwezitina; 4 abahlala emangcabeni balale besenza imilindelo eyimfihlo ebusuku; abadla inyama yengulube, abambiza zabo zigcina umhluzi wenyama engcolileyo; 5 abathi, ‘Hlala khatshana, ungasondeli phansi kwami, ngoba ngingcwele kulawé!’ Abantu abanjalo banjengentuthu emakhaleni ami, umlilo ovuthayo ilanga lonke. 6 Khangelala, kuletshiwe phambi kwami ukuthi: Angiyikuthula, kodwa ngizaphindisela ngokugcweleyo; ngizaphindisela ngokupheleleyo, 7 kokubili izono zenu lezonzo zabokhokho benu,” kutsho uThixo. “Ngoba batshisa imihlatshelo phezu kwezintaba bangihlambaza phezu kwamaqaqa. Ngizaphindisela kubo ngokugcweleyo ngenxa yezenzo zabo abazenza ngaphambili.” 8 Nanku akutshoyo uThixo: “Njengalapho umhluzi usatholakala ehlukuzweni lamavini labantu besithi, ungalibhidlizi, kusekhona okuhle kulo, ngizazenzela okunjalo izinceku zami; angiyikuzibhubhisa zonke. 9 Ngizaletha isizukulwane esivila kuJakhobe, lakoJuda kuvele abazakuba ngabanikazi bezintaba zami; zizakuba yilifa labakhethiweyo bami, izinceku zami zizahlala khona. 10 ISharoni izakuba ngamadlelo emihlambi lesiGodi sase-Akhorri sibe yindawo yokuphumulela imihlambi, yabantu bami abangdingayo. 11 Kodwa lina elilahla uThixo likhohlwe intaba yami engcwele; liphakele unkulunkulu uNhlanhla ukudla libuye ligcwaleisele unkulunkulu uSimiselo iwayini elixutshiweyo, 12 ngizalimisela inkemba, njalo lonke lizakhothamela ukubulawa, ngoba ngamemeza kodwa kalisabelanga, ngakhulumha kodwa lina kalilalelanga. Lenza okubi phambi kwami lakhetha okungicunulayo.” 13 Ngakho-ke uThixo Wobukhosu uthi: “Izinceku zami zizakudla, kodwa lina lizalamba; izinceku zami zizanatha, kodwa lina lizakoma; izinceku zami zizathokoza, kodwa lina lizayangiswa. 14 Izinceku zami zizahlabelela ngentokoza yezhinhiliyo zazo, kodwa lina lizakhala ngobuhlungu bezinhiliyo njalo lilile ngokudabuka komoya. 15 Lizatshiya ibizo lenu njengesithuko kwabakhethiweyo bami;

uThixo Wobukhosu uzalibulala, kodwa izinceku zakhe uzazinika elinye ibizo. 16 Lowo okhulekela isibusiso elizweni uzakwenza lokho ngoNkulunkulu weqiniso; lalowo owenza isifungo elizweni, uzafunga ngoNkulunkulu weqiniso. Ngoba inhlupheko ezedlulayo zizakhohlkala zifihlakale emehlwani ami.” 17 “Khangelani, ngizadala izulu elitsha lomhlaba omutsha. Izinto zakuqala aziyikukhunjulwa, kumbe zifike engqondweni. 18 Kodwa thabani lijabule kokuphela ngalokho engizakudala, ngoba ngizadala ijerusalema libe yintokozo labantu balo babe yinjabulo. 19 Ngizathokoza ngeJerusalemena njalo ngijabule ngabantu bami; ukulila lokukhala akusayikuzwakala kulo futhi. 20 Kulo akusayikuba khona futhi usane oluphila insuku ezilutshwane kumbe umuntu omdala ongapheleli iminyaka yakhe; lowo ofa elekhulu leminyaka uzakhangelwa njengomntwana nje; lowo ongafikiyo ekhulwini uzakhangelwa njengqalekisiweyo. 21 Bazakwakha izindlu bahlale kuzo; bazahlanyela izivini badle izithelo zazo. 22 Kabasayikwakha izindlu zihlalwe ngabanye kumbe bahlanyele, kudle abanye. Ngoba njengezinsuku zesihlahla, zizakuba njalo insuku zabantu bami; abakhethiweyo bami bazakholisa umsebenzi wezandla zabo okwesikhathi eside. 23 Kabayikusebenzela ize, kumbe abantwabobo bazalelwé ukuhlupheka, ngoba bazakuba ngabantu ababusisiweyo nguThixo, bona kanye lezizukulwane zabo. 24 Ngizabaphendula bengakakhuleki; ngibezwe besakhulumha. 25 Impisi lewundlu kuzakudla ndawonye, lesilwane sizakudla utshani njengenkomu, kodwa inyoka izakudla uthuli. Kaziyikulimaza kumbe zibhubhise kuyo yonke intaba yami engcwele,” kutsho uThixo.

66 Nanku okutshivo nguThixo: “Izulu liyisihlalo sami sobukhosu, lomhlaba uyisenabelo sami. Ingaphi indlu elizangakhela yona na? Indawo yami yokuphumula izakuba ngaphi na? 2 Isandla sami kasizenzanga zonke lezizinto ukuze zibe khona na?” kutsho uThixo. “Engimbukayo ngulo: lowo othobekileyo ozisolayo emoyeni, olesabayo ilizwi lami. 3 Kodwa lowo onikela ngenkunzi ufana lomuntu obulala omunye umuntu, lalowo onikela ngewundlu, ufana lowephula intamo yenja; lowo onikela ngamabele ufana lonikela ngegazi lengulube, lalowo otshisa impepha yesikhumbuzo ufana lokhonza isithombe. Sebekhethe izindlela zabo,

lemiphefumulo yabo ithokoziswa yizinengiso zabo; 4 ngakho-ke lami ngizakhetha ukubaphatha kalukhuni, ngibehlisele lokho abakwesabayo. Ngoba kwathi lapho ngibiza, kakho owasabelayo, lapho ngikhulum, kakho ovalalelayo. Benza okubi phambi kwami, bakhetha okungicunulayo.” 5 Zwanini ilizwi likaThixo lina elilesabayo ilizwi lakhe. Uthi, “Abafowenu abalizondayo, labalixwayayo ngenxa yebizo lami, sebeth, kadunyiswe uThixo ukuze sibone intokozo yenu! Kodwa bazayangiswa.” 6 Zwanini ukuxokozela okusedolobheni, zwanini umsindo osethempelin! Ngumsindo kaThixo ephindisela ezitheni zakhe ngakho konke okuzifaneleyo. 7 “Uthi engakahelewa, abelethe; ubuhlungu bungakamfikeli, azale indodana. 8 Ngubani owake wezwa into enje na? Ngubani owake wabona izinto ezinje na? Ilizwe lingazalwa ngelanga elilodwa loba isizwe sizalwe ngesikhathshana na? Ikanti iZiyoni ithi ngokuhelewa nje ihle ibazale abantwana bayo. 9 Kambe ngifikasi esikhathini sokukhululeka ngingabe ngisabelethisa na?” kutsho uThixo. “Ngiyasivala na isibeletho ngesikhathini sengibelethisa na?” kutsho uThixo 10 “Thokozani leJerusalema lilithabele, lonke lina elilithandayo; thokozani kakhulu lalo lonke lina elilililelayo. 11 Ngoba lizamunya lisuthe emabeleni alo aduduzayo; lizanatha kakhulu, lithokoze ngenala yalo enengi.” 12 Ngoba lokhu yikho okutshiwo nguThixo: “Ngizaleta ukuthula kini okugeleza njengesifula esigcweleyo lomnotho wezizwe njengesifula esithelayo, limunye liphethwe ngengalo yazo njalo lidaliswe emathangazini azo. 13 Njengomama eduduza umntanakhe, kanjalo lami ngizaliduduza, njalo lizaduduzeka eJerusalema.” 14 Lapho libona lokhu, inhliziyo zenu zizathokoza, lani likhule njengotshani; isandla sikaThixo sizakwazakala ezincekwini zakhe kodwa ulaka lwakhe luzabonakaliswa ezitheni zakhe. 15 Khangelani, uThixo uza ngomlilo, izinqola zakhe zempi zinjengesivunguzane; ulaka lwakhe uzalwehlisela phansi ngokufuthelana, lokukhuza kwakhe kwehle ngamalangabi omlilo. 16 Ngoba ngomlilo langenkemba yakhe uThixo uzakwahlulela abantu bonke, njalo abanengi bazakuba yilabo ababulewe nguThixo. 17 “Labo abazahlukanayo, bazihlambulule ukungena emasimini belandela lowo ophakathi kwalabu abadla inyama yengulube lamagundwane kanye lezinye izinto ezinengisayo, isiphetho sabo sizafika sikhathi sinye,” kutsho uThixo. 18 Ngenxa yezenzo zabo

lemincabango yabo, sekuseduze ukuthi ngizebutha izizwe zonke lezindimi zonke; njalo bazakuza babone inkazimulo yami. 19 “Ngizabeka isibonakaliso phakathi kwabo, ngithumele abanye balabo abasalayo ezizweni zeThashishi, kumaLibhiya, lamaLudi (alodumo ekusebenziseni imitshoko), eThubhalileGrisi lasezihlengeni ezikhathshana ezingakaluzwa udumo lwami kumbe zibone inkazimulo yami. Bazamemezela udumo lwami phakathi kwezizwe. 20 Njalo bazababuyisa bonke abafowenu entabeni yami engcwele ejerusalema njengomnikelo kuThixo bevela ezizweni zonke, bephezu kwamabhiza, izinqola zempi, imbongolo lamakamela,” kutsho uThixo. “Bazababuyisa njengabako-Israyeli beletha iminikelo yabo yamabele ethempelinli likaThixo ngezitssha ezihlambulukileyo ngokomkhuba. 21 Ngizakhetha abanye babo ukuba labo babe ngabaphristi labaLevi,” kutsho uThixo. 22 “Njengamazulu amatsha lomhlaba omutsha engikwenzayo kuzakuma kokuphela phambi kwami,” kutsho uThixo, “ngokunjalo ibizo lakho lenzalo yakho izakuma kokuphela. 23 Kusukela ekuThwaseni kwenye iNyanga kusiya ekuthwaseni kwenye, njalo kusukela kwelinye iSabatha kusiya kwelinye abantu bonke bazakuza bakhothame phambi kwami,” kutsho uThixo. 24 “Bazaphuma babone izidumbu zabantu abangihlamukelayo; impethu yazo kayiyikufa, lomlilo wazo kawuyikucitshwa, njalo zizakwenyanyeka ebantwini bonke.”

UJeremiya

1 La ngamazwi kajeremiya indodana kaHilikhya, omunye wabaphristi base-Anathothi elizweni lakoBhenjamini. **2** Ilizwi likaThixo lafika kuye ngomnyaka wetshumi lantathu ekubuseni kukajosiya indodana ka-Amoni inkosi yakoJuda, **3** njalo ekubuseni kukajehoyakhimi indodana kajosiya inkosi yakoJuda, kwaze kwaba yinyanga yesihlanu emnyakeri wetshumi lanye kaZedekhiya indodana kajosiya inkosi yakoJuda, ngesikhathi sokuthunjwa kwabantu baseJerusalem. **4** Ilizwi likaThixo lafika kimi lisithi, **5** “Ngingakakubumbi esiswini ngakwazi, ungakazalwa ngakukhetha ngakubeka ukuba ngumphrofethi ezizweni.” **6** Mina ngathi, “Awu Thixo Somandla; ukukhuluma angikwazi, ngoba ngingumntwana nje.” **7** Kodwa uThixo wathi kimi, “Ungaze wathi, ‘Ngingumntwana nje.’ Kumele uye kubo bonke engikuthuma kubo njalo utsho loba kuyini engikulaya khona. **8** Ungabesi, ngoba mina ngilawe njalo ngizakuhlenga,” kutsho uThixo. **9** UThixo waseselula isandla sakhe wathinta umlomo wami wathi kimi, “Khathesi, sengifake amazwi ami emlonyeni wakho. **10** Khangela, lamhla ngikubeka phezu kwezizwe lemibuso ukuba usiphune udilize, ubhubhise njalo uchithe; ukuba wakhe njalo uhlanye.” **11** Ilizwi likaThixo lafika kimi lathi, “Kuyini okubonayo, Jeremiya?” Ngaphendula ngathi, “Ngibona ugatsha lwesihlahla se-alimondi.” **12** UThixo wasesithi kimi, “Ubone kuhle, ngoba ngilindele ukubona ukuthi ilizwi lami ligcwalisekile.” **13** Ilizwi likaThixo lafika kimi futhi: “Kuyini okubonayo?” Mina ngaphendula ngathi, “Ngibona imbiza ebilayo, ithambeke ifulathele inyakatho.” **14** UThixo wasesithi kimi, “Incithakalo evela enyakatho izakwehliselwa phezu kwabo bonke abahlala elizweni. **15** Sekuseduze ukuba ngibize bonke abantu bemibuso yasenyakatho,” kutsho uThixo. “Amakhosi abo azakuza amise izihlalo zawo zobukhosи emasangweni aseJerusalem; bazakumelana lemiduli yalo yonke eligombolozeleyo kanye lamadolobho wonke akoJuda. **16** Ngizamemezelu ukwahlulela kwami ebantwini bami ngenxa yobubi babo bokungidela, betshisela abanye onkulunkulu impepha, langokukhonza lokho okwenziwa ngezandla zabo. **17** Wena zilungiselele! Sukuma ubatshele lokho engizakulaya khona. Ungathuthumelisa yibo hlezin gikwenze uthuthumele phambi kwabo. **18** Lamhla

sengikwenze waba lidolobho elivikelweyo, insika yensimbi lomduli wethusi ukuba umelane lelizwe lonke, umelane lamakhosi akoJuda, izikhulu zakhona, abaphristi bakhona kanye labantu bakhona. **19** Bazakulwa lawe, kodwa kabayikukwehlula, ngoba ngilawe njalo ngizakuhlenga,” kutsho uThixo.

2 Ilizwi likaThixo lafika kimi lisithi, **2** “Hamba umemezele ijerusalema lisizwa uthi: Lokhu yikho okutshiwo nguThixo: ‘Ngiyakukhumbula ukuzinikela kwasebutsheni bakho, ukungithanda kwakho njengomlobokazi ungilandela enkangala, phakathi kwelizwe elingahlanyelwanga. **3** U-Israyeli wayengewe kuThixo, eyizithelo zakuqala zesivuno sakhe, bonke abamtshwabadelayo baba lecalal, behlelwa yincithakalo,” kutsho uThixo. **4** Zwana ilizwi likaThixo, we ndlu kajakhobe, lani lonke sendo lwendlu ka-Israyeli. **5** UThixo uthi: “Yibubi bani okhokho benu ababubona kimi, baze bedukele khatshana kangaka lami? Balandela izithombe eziyize, labo ngokwabo baba yize. **6** Kababuzanga ukuthi, ‘Ungaphi uThixo, owasikhupha elizweni laseGibhithe wasikhokhela emagangeni alugwadule phakathi kwelizwe lezinkangala lezindonga, ilizwe lokoma lobumnyama, ilizwe elingahanjwa muntu lelingelamuntu ohlala kulo?’ **7** Ngaliletha elizweni elivundileyo ukuba lidle izithelo zalo lezilimo ezinhle. Kodwa lina lafika langcolisa ilizwe lami, lenza ilifa lami langakhwabithek. **8** Abaphristi kababuzanga ukuthi, ‘Ungaphi UThixo?’ Labo abaphathatha umthetho abangazanga; abakhokheli bangihlamukela. Abaphrofethi baphrofetha ngoBhali balandela izithombe eziyize. **9** Ngakho-ke ngilethesa amacala futhi,” kutsho uThixo. “Labantwana babantwana benu ngizabesthesia amacala. **10** Welani liye ngasemakhunjini aseKhithimi likhangele, thumelani eKhedari lihlolisise kuhle, libone langabe sekwake kwaba lento enjengale: **11** Isizwe sake santshintsha onkulunkulu baso na? (Belo bavele kabasibo onkulunkulu.) Kodwa abantu bami bantshintshe inkazimulo yabo ngenxa yezithombe eziyize. **12** Mangalani lokhu, lina mazulu, lithuthumele ngokwesaba okukhulu,” kutsho UThixo. **13** “Abantu bami benze izono ezimbili: Bangidelile, mina mthombo wamanzi okuphila, bagebha eyabo imithombo, imithombo evuzayo engagcini manzi. **14** Kambe u-Israyeli yisisebenzi, isigqili ngokuzalwa na? Pho kungani eseyimpango na? **15** Izilwane zibhongile; sezihwabihle kuye. Zilichithile

ilizwe lakhe; amadolobho akhe atshisiwe, atshiywa engaselamuntu. **16** Njalo, labantu baseMemfisi leThahiphanesi baphuce ikhanda lakho. **17** Lokhu kawukwehlisanga phezu kwakho ngokudela uThixo uNkulunkulu wakho lapho ekukhokhela endleleni na? **18** Khathesi kungani usiya eGibhithe ukuba unathe amanzi eShihori na? Njalo kungani usiya e-Asiriya ukuba unathe amanzi eYufrathe na? **19** Ububi bakho buzakujezisa; ukutshedela kwakho emuva kuzakukhuza. Ngakho cabanga ubone ukuthi kubi njalo kubuhlungu kanjani lapho udela uThixo uNkulunkulu wakho njalo ungelavalonngami,” kutsho iNkosi uThixo uSomandla. **20** “Endulo wephula ijogwe lakho, waquma izibopho zakho; wathi, ‘Kangiyikukukhonza!’ Lakanye, phezu kwamaqaqa wonke langaphansi kwazo zonke izihlahla eziluhlaza walala phansi njengesifebe. **21** Ngikuhlanyele njengevini elikhethiweyo elohloblo oluqinileyo loluthembekileyo. Pho kwenzakala njani ukuba ungiphendukele ube livini elibolileyo, leganga? **22** Lanxa ugeza ngesepa usebenzisa lesepa enengi, ichatha lobubi bakho lilokhu likhona phambi kwami,” kutsho uThixo Wobukhos. **23** “Ungatsho kanjani na uthi, ‘Kangingcolanga, kangibalandelanga oBhali?’ Khangela ukuthi waziphatha njani esigodini, khumbula osukwenzile. Ulikamela Elisikazi elilesiqubu eligijima lapha lalaphaya, **24** ubabhemti weganga ojwayele inkangala, ophembela umoya enkanukweni yakhe, ngubani ongamenqabela ekukhanukeni kwakhe? Abaduna abamxotshayo bangazidinisi ukuxotshana labo; bazamthola ngesikhathi sezinsikazikhwela. **25** Ungagijimi inyawo zakho zize zihlubuke lomphimbo wakho uze wome. Kodwa wena wathi, ‘Akusizi lutho! Ngiyabathanda onkulunkulu bezizweni, kumele ngibalandele.’ **26** Njengokuyangeka kwesela nxa selibanjiwe, ngokunjalo abantu bako-Israyeli bayangekile, bona kanye lamakhosi abo lezikhulu zabo, abaphristi babo labaphrofethi babo. **27** Bathi esigodweni, ‘Wena ungebaba wami,’ elitsheni bathi, ‘Nguwe owangizalayo.’ Bangifulathele, hatshi ngobuso babo nje; kodwa nxa sebehlupheka bathi, ‘Woza usihlenge.’ **28** Pho bangaphi onkulunkulu elazenzela bona? Kabeze nxa bengakuhlenga lapho usuphakathi kokuhlupheka! Ngoba wena Juda ulabonkulunkulu abanengi njengobunengi bamadolobho akho. **29** Kungani lingethesa umlandu? Lonke lingihlamukele,”

kutsho uThixo. **30** “Ukubajejisa kwami abantu bakho kwaba yize; kabakuvumanga ukuqondiswa. Inkemba yakho isibatshwabadele abaphrofethi bakho njengesilwane esiphangayo. **31** Wena owalesisizukulwane, khumbula ilizwi likaThixo: Ngibe ngiyinkangala ku-Israyeli kumbe ilizwe lomnyama omkhulu na? Kungani abantu bami besithi, ‘Sikhululekile ukuba sizulazule; kasiyikuza kuwe futhi?’ **32** Intombi ingazikhohlwa iziceciso zayo na, lomlobokazi akhohlwe izembatho zakhe na? Kodwa abantu bami bangikhohliwe, okwensuku ezingeke zibalwe. **33** Yeka ukuhlakanipha kwakho ekufuneni uthando! Labesifazane ababi kakhulu bangafunda ezindleleni zakho. **34** Ezigqokweni zakho abantu bathola igazi lokuphila elabayanga abangelacala lanxa ungababambanga befohlela phakathi. Kodwa kukho konke lokhu **35** uthi, ‘Kangilacala; kangithukuthelelanga.’ Kodwa mina ngizakwahlulela, ngoba uthi, ‘Angonanga.’ **36** Kungani uqhubeka kangaka, untshintsha izindlela zakho? IGibhithe izakuyangisa njengalokhu owakwensiwa yi-Asiriya. **37** Uzasuka kuleyondawo izandla zakho zisekhandla lakho, ngoba uThixo ubalahlile labo obathembayo; kabayikukusiza.”

3 “Indoda ingehlukana lomkayo ayitshiye endele kwenye indoda, kufanele imbuyise futhi na? Kambe ilizwe lingekе langcoliswa kakhulukazi na? Kodwa wena usuphile njengesifebe esilezithandwa ezinengi, kambe khathesi ungabuyela kimi na?” kutsho uThixo. **2** “Khangela emiqolweni elugwadule ubone. Kungaphi lapho ongazange udlwangululwe khona? Emigwaqweni wahlala ulindele izithandwa, wahlala njengomhambuma enkangala. Ulingcolisile ilizwe ngobufefe bakho langobubi bakho. **3** Ngalokho imikhizo imisiwe, lezulu lentwasa kalinanga. Ikanti wena uziphethe okwesifebe, awulanloni. **4** Kawungibizanga khathesi nje wathi, ‘Baba, mngane wami kusukela ebutsheni bami, **5** uzahlala uzondile kokuphela na? Ulaka lwakho luzaqhubeaka kokuphela na?’ Le yindlela okhuluma ngayo, kodwa wenza konke okubi ongakwenza.” **6** Ekubuseni kwenkosi uJosiya, uThixo wathi kimi, “Ukubonile yini okwensiwe ngu-Israyeli ongathembekanga? Usekhwele phezu kwamaqaqa wonke aphakemeyo langaphansi kwezihlahla zonke eziluhlaza wafebela khona. **7** Ngacabanga ukuthi emva kokuba esenze konke lokhu uzaphinda eze kimi, kodwa kabuyanga,

lodadewabo ongathembekanga uJuda wakubona lokho. **8** U-Israyeli ongathembekanga ngamnika incwadi yakhe yesehlukaniso ngamxotsha ngenxa yobufebe bakhe bonke. Kodwa ngabona ukuthi udadewabo ongathembekanga, uJuda, kesabanga, laye wasuka wayafeba. **9** Ngenxa yokuthi ububi buka-Israyeli babungatsho lutho kuye, wangcolisa ilizwe wakhonza amatshe lezihlahla. **10** Kukho konke lokhu, udadewabo ongathembekanga uJuda kabuyelanga kimi ngenhliziyo yakhe yonke, kodwa ngokuzenzisa nje kuphela,” kutsho uThixo. **11** UThixo wathi kimi, “U-Israyeli ongathembekanga ungcono kuloJuda ongelaqiniso. **12** Hamba, uyememezele ilizwi leli ngasenyakatho: ‘Phenduka Israyeli ongathembekanga,’ kutsho uThixo, ‘Kangisayikukuwaqela futhi, ngoba ngilesihawu,’ kutsho uThixo. ‘Kangiyikuthukuthela kokuphela. **13** Vuma icala lakho nje kuphela, wahlamukela uThixo uNkulunkulu wakho, uzihlakazelele kubonkulunkulu bezizweni ngaphansi kwezihlahla zonke eziluhlaza, njalo kawaze wangilalela,’ kutsho uThixo. **14** “Phenduka, bantu abangathembekanga,” kutsho uThixo, “ngoba ngingumyeni wenu. Ngizalikhetha, oyedwa edolobheni lababili emulini ngililethe eZiyoni. **15** Lapho-ke ngizalinika abelusi abathandwa yimi, abazalikhokhela ngokwazi langokuqedisisa. **16** Ngalezensuku, ubunengi benu sebande kakhulu elizweni,” kutsho uThixo, “abantu kabasayikuthi, ‘Ibhokisi lesivumelwano sikaThixo.’ Kaliyikufika emicabangweni yabo kumbe likhunjulwe; kaliyikudingakala, njalo akuyikwenziwa elinye futhi. **17** Ngalesosikhathi ijerusalema bazalibiza ngokuthi yisiHlalo Sobukhosи sikaThixo, njalo izizwe zonke zizabuthana eJerusalema ukuba zihloniphe ibizo likaThixo. Kabasayikulandela inkani yezinhliziyo zabo ezimbi. **18** Ngalezensuku indlu kajuda izahlangana leka-Israyeli, njalo ndawonye, zivela elizweni elisenyakatho, zizakuza elizweni engalinika okhokho benu ukuba libe yilifa labo. **19** Mina ngokwami ngathi, ‘Kade ngingathaba kakhulu ukuliphatha njengamadodana, ngilinike ilizwe elifunekayo, ilifa elihle kakhulu ezizweni zonke.’ Bengicabanga ukuthi lizangibiza ngokuthi ‘Baba’ njalo lingaphambuki ekungilandeleni. **20** Kodwa njengowesifazane ongathembekanga kumkakhe, ubungathembekanga kimi wena ndlu ka-Israyeli,” kutsho uThixo. **21** Ilizwi liyezwakala emiqolweni elugwadule, ukukhala

lokuncenga kwabantu bako-Israyeli, ngoba izindlela zabo bazonile bakhohlwa loThixo uNkulunkulu wabo. **22** “Phenduka, bantu abangathembekanga, ngizalelapha ukungathembeki kwenu.” “Yebo, sizakuza kuwe, ngoba unguThixo uNkulunkulu wethu. **23** Impela umsindo wokukhonza izithombe emaqaqeni lasezintabeni uyinkohliso, ngempela kuThixo uNkulunkulu wethu kulensindiso ka-Israyeli. **24** Kusukela ebutsheni bethu onkulunkulu abalihlazo badlile izithelo zamandla abobaba, imihlambi yezimvu zabo leyezinkomo zabo, amadodana abo lamadodakazi abo. **25** Kasilaleni phansi silenhloni, siphathwe lihlazo lethu. Ngoba sonile kuThixo uNkulunkulu wethu, thina sonke kanye labokhokho bethu; kusukela ebutsheni bethu kuze kube lamhla, kasimlalelanga uThixo uNkulunkulu wethu.”

4 “Nxa uphenduka, wena Israyeli, buyela kimi,” kutsho uThixo. “Ungasusa phambi kwami izithombe zakho ezenyanyekayo ungabe usaphambuka futhi, **2** njalo nxa uzafunga ngobuqotho, ngokulunga langokuqonda, uthi, ‘Ngeqiniso elinjengoba uThixo ekhona,’ ngakho izizwe uzazibusisa ziziqhenye ngaye.” **3** Ebantwini bakoJuda labeJerusalem uThixo uthi: “Qhathani ingqatho yenu, lingahlanyeli phakathi kwameva. **4** Zisokeleni kuThixo, lisoke inhliziyo zenu, lina bantu bakoJuda lani bantu baseJerusalem, hlezi ulaka lwami luvuke luvuthe njengomilo ngenxa yobubi elibenzileyo, lutshise kungekho muntu ongalucitsha.” **5** “Bikani koJuda limemezele laseJerusalem lithi: ‘Tshayani icilongo elizweni lonke!’ Klabalalani lithi, ‘Buthanani ndawonye! Kasibalekeleni emadolobheni avikelweyo!’ **6** Phakamisani uphawu lokuya eZiyoni! Balekelani ekusileni ngokuphangisa! Ngoba ngiletha umonakalo ovela enyakatho, lencithakalo embi kakhulu.” **7** Isilwane sesiphumile esikhundleni saso, umchithi wezizwe usephumile. Usesukile endaweni yakhe ukuba achithe ilizwe lenu. Amadolobho enu azakuba ngamanxiwa engelamuntu ohlala kuwo. **8** Ngakho gqokani amasaka, khalani lilile, ngoba ulaka lukaThixo olwesabekayo kalususwanga kithi. **9** UThixo uthi, “Ngalolosuku inkosi lezikhulu bazaphelelwu lithemba, abaphristi bazathuthumela, abaphrofethi bazakwesaba.” **10** Lapho-ke mina ngathi, “Awu, Thixo Wobukhosи, ubakhohlisile sibili abantu laba kanye leJerusalem ngokuthi, ‘Lizakuba lokuthula,’ inkemba yona isemiphinjeni

yethu!” **11** Ngalesosikhathi abantu laba leJerusalema kuzathiwa kubo, “Umoya otshisayo ovela enkangala emiqolweni elugwadule uvunguza usiya ebantwini bami, kodwa kungayisikwela kumbe ukuhlungula, **12** umoya olamandla kakhulu uvela kimi. Khathesike sengimemezela ukwahlulela kwami kubo.” **13** Khangel! Uyeza njengamayezi, izinqola zakhe zempi zibuya njengesivunguzane, amabhiza akhe alesiqubu esedlula esengqungqulu. Maye! Sesiphelile! **14** We Jerusalema, geza ububi obusenhliziyeweni yakho usindiswe. Koze kube nini ugcine imicabango emibi na? **15** Ilizwi elivela koDani liyamemeza, libika umonakalo ovela emaqaqeni ako-Efrayimi **16** Izizwe zitshele lokhu, ukubike laseJerusalema, “Ibutho elivimbezelayo liyeza livela elizweni elikhhatshana, limemezelu umkhosi wempi emadolobheni akoJuda. **17** Balihanqile njengabantu abalinda insimu, ngoba langihlamukela,” kutsho uThixo. **18** “Ukuziphatha kwakho lezenzo zakho kwehlisele lokhu phezu kwakho. Lesi yisijeziso sakho. Sibuhlungu kakhulu! Sihlabu enhliziyweni!” **19** Maye, ngobuhlungu, ubuhlungu engibuzwayo. Ngiyazitshila ngenxa yobuhlungu. Maye, ngokufuthelwa kwenhliziyoyami! Inhliziyoyami iyatshaya ngaphakathi kwami, angingeke ngithule, ngoba ukukhala kwecilongo sengikuzwile, umkhosi wempi sengiwuzwile. **20** Incithakalo ilandela incithakalo, ilizwe lonke selingamanxiwa. Ngesikhhatshana nje amathente ami adiliziwe, lamakhetheni ami ngomzuzwana nje. **21** Koze kube nini ngibona uphawu lwempi ngisizwa lokukhala kwecilongo na? **22** “Abantu bami bayiziwula, kabangazi. Bangabantwana abangelangqondo, kabalakho ukupqedisisa. Bahlakaniphele ukwenza okubi, kabakwazi ukwenza okulungileyo.” **23** Ngakhangela umhlabu, wawungelasimo njalo ungelalutho; lasemazulwini, ukukhanya kwavo kwakungasekho. **24** Ngakhangela ezintabeni, zazinyikinyeka, lamaqaqa wonke ayezunguzeka. **25** Ngakhangela, kwakungelabantu, izinyoni zonke zasezisukile emkhathini. **26** Ngakhangela, ilizwe elithelayo laseliyinkangala, amadolobho alo wonke ayesengamanxiwa phambi kukaThixo, phambi kolaka lwakhe olwesabekayo. **27** UThixo uthi: “Ilizwe lonke lizachitheka lanxa ngingayikulitshabalalisa ngokupheleleyo. **28** Ngakho umhlabu uzalila iphezulu libe mnyama, ngoba sengikhulumile njalo angiyikuyekethisa, sengenze isinqumo angiyikubuyela

emuva.” **29** Ekuzwakaleni komsindo wabagadi bamabhiza labemitshoko amadolobho wonke ayabaleka. Abanye bangena ezixukwini, abanye bakhwele emadwaleni. Amadolobho wonke atshiyiwe, akulamuntu ohlala kuwo. **30** Wenzani na, wena ohlutshwe kakhlulu? Kungani ugqoka okubomvu gebhu ufaka leziggoko zegolide na? Kungani ucomba amehlo akho ngomphendulo na? Uzicecisel aze. Izithandwa zakho ziyakweyisa, zifuna ukukubulala. **31** Ngizwa ukukhala okunjengokwesifazane ohelelwayo, ukububula okufana lozuza umntwana wakhe wakuqala, ukukhala kweNdodakazi yaseZiyoni ikhefuzela, yelule izandla zayo isithi, “Maye mina! Amandla ami asephela, ukuphila kwami sekunikelwe kubabulali.”

5 “Yehla ukhwele ngemigwaqo yaseJerusalema, ukhangele emaceleni wonke, ucabange, uhlolisise wonke amagceke ayo. Nxa ungathola umuntu oyedwa nje oqhuba ngobuqotho efuna iqiniso, ngizalithethelela idolobho leli. **2** Lanxa nje besithi, ‘Ngeqiniso elinjengoba uThixo ekhona,’ bajinge befunga amanga.” **3** Awu Thixo, amehlo akho kawadingi qiniso na? Wabatshaya, kodwa kabezwanga buhlungu, wabahlifiza, kodwa bala ukuqondiswa. Benza ubuso babo baba lukhuni kulamatshe, bala ukuphenduka. **4** Ngacabanga ngathi, “Laba ngabayanga nje, bayizithutha, ngoba indlela kaThixo kabayazi, lemilayo kaNkulunkulu wabo. **5** Ngakho-ke ngizakuya kubakhokheli ngikhulume labo, ngeqiniso indlela kaThixo bayayazi, lemilayo kaNkulunkulu wabo.” Kodwa nganhliziyonye labo balephula ijogwe baqamula lezibopho. **6** Ngakho isilwane esivela ehlathini sizabahlasela, lempisi evela enkangala ibadlwengule, ingwe izabacathamelia eduze lamadolobho abo ukudabubula loba ngubani ophumayo, ngoba iziphambeko zabo zinkulu, lokuhlehlela kwabo emuva kunengi. **7** “Ngingalithethelela ngenxa yani na? Abantwana benu bangidelile, bafunga ngabonkulunkulu abangasibonkulunkulu, ngabanika konke abakuswelayo, kodwa bona bafeba baminyana ezindlini zezifebe. **8** Bangamabhiza amaduna asuthayo, agcwele inkanuko, omunye lomunye ekhalela umfazi wenye indoda. **9** Ngingabajezisi kulokhuna?” kutsho uThixo. “Ngingaphindiseli esizweni esinjengalesi na? **10** Ngenani lidabule phakathi kwezivini zaso lizidlwengule, kodwa lingazitshabalalisi

ngokupheleleyo. Phundlani ingatsha zalo, ngoba abantu laba kabasibo bakaThixo. **11** Indlu ka-Israyeli lendlu kajuda kazithembekanga impela kimi,” kutsho uThixo. **12** Baqambe amanga ngoThixo bathi, “Kasoze enze lutho! Akulabubi obuzasehlela, kasiyikubona impi loba indlala. **13** Abaphrofethi bangumoya nje, lelizwi kalikho kubo, ngakho abakutshoyo kakwenziwe kubo.” **14** Ngakho-ke uThixo uNkulunkulu uSomandla uthi: “Njengoba abantu sebekhulume amazwi la, ngizakwenza amazwi ami emlonyeni wakho abe ngumlilo labantu laba babe zinkuni oziqothulayo.” **15** UThixo uthi, “Wena ndlu ka-Israyeli, ngizaletha isizwe esivela khatshana ukuba sikuhsalele, isizwe esidala esiqinileyo, isizwe ulimi lwaso ongalwaziyo, lenkulumo yaso ongayizwayo. **16** Imixhaka yaso ifana lengcwaba elivulekileyo, bonke bangamabutho alamandla. **17** Bazatshwabadele amabele enu lokudla kwenu, batshwabadele amadodana enu kanye lamadodakazi enu, bazatshwabadele izimvu zenu kanye lenkomozenu, bazatshwabadele amavini enu kanye lemikhiwayenu. Amadolobho avikelweyo eliwathembileyo bazawachitha ngenkemba. **18** Iktanti langalezozinsuku,” kutsho uThixo, “angiyikuliqeda du. **19** Lapho abantu bebuza besithi, ‘Kungani uThixo uNkulunkulu wethu enze konke lokhu kithi?’ Batshole uthi, ‘Njengoba lingilahlile lakkhonza orkulunkulu bezizweneri elizweneri lenu, ngokunjalo khathesi lizasebenzela abezizweneri elizweneri elingayisilo lenu.’ **20** Memezela lokhu endlini kajakhobe njalo ukubike lakoJuda uthi: **21** Zwanini lokhu, lina zithutha zabantu abangelangqondo, abalamehlo kodwa kababoni, abalezindlebe kodwa kabezwa: **22** Akumelanga lingesabe na?” kutsho uThixo. “Kaliyikuthuthumela phambi kwami na? Ngenza itshebetshabe laba ngummingcele wolwandle umkhawulo wanini lanini olungeke luweqe. Amagagasi angavinqoza, kodwa awangeke edlule, angahlokoma, kodwa awangeke aweqe. **23** Kodwa abantu laba balezhinhliyo eziikhukhumi ezihlamukayo, baphambukile, balahlekla. **24** Kabatsho eziinhliyiwemi zabo ukuthi, ‘Kasimesaben uThixo uNkulunkulu wethu, onisa izulu ngesikhathi salo ekwindla lentwasa, osithembisa amaviki amiselwe ukuvuna.’ **25** Ukona kwenu kukuvinbelle lokhu, izono zenu zilemuka okuhle. **26** Phakathi kwabantu bami kulabantu ababi abacathama njengabantu abathiya izinyoni, lanjengalabo abathiya imijibila yokubamba abantu. **27** Njengezitsha ezigcwele

izinyoni, izindlu zabo zigcwele inkohliso; sebenothile njalo sebelamandla **28** sebezimukile njalo babancwaba. Izenzo zabo ezimbi kazilamkhawulo, kabakudingi ukulunga. Izintandane kabazikhulumeli ukuba zinqobe, amalungelo abayanga kabawavikeli. **29** Akumelanga ngibajezisele lokhu na?” kutsho uThixo. “Akumelanga ngiphindisele esizweni esinjengalesi na? **30** Into eyesabekayo leyethusayo isiyenzakele kulelilizwe: **31** Abaphrofethi baphrofitha amanga, abaphristi babusa ngamandla abo, labantu bami bakuthanda kunjalo. Kodwa lizakwenzani ekucineni?”

6 “Balekani ukuze liphephe, bantu bakoBhenjamini!

Balekani ejerusalem! Tshayani icilongo eThekhowa! Phakamisani uphawu phezu kweBhethi-Hakherem. Ngoba umonakalo uyabonakala ngasenyakatho, kanye lencithakalo eyesabekayo. **2** Indodakazi yaseZiyoni enhle kangaka lebucayi ngizayibhubhisa. **3** Abelusi lemihlambi yabo bazakuza bamelane layo; bazamisa amathente abo eyihanqile, lowo lalowo elinde indawo yakhe.” **4** “Lungelani ukulwa layo! Vukani, kasihlaseleni emini! Kodwa, habe, ukukhanya sekufiphala, lamathunzi okuhlwa asesiba made. **5** Ngakho vukani, kasihlaseleni ebusuku sidilize izinqaba zayo!” **6** UThixo uSomandla uthi: “Gamulani iziqlihla liziwise lakhe imiduli yokuvimbezela ijerusalem. Idolobho leli kumele lijeziswe, ligcwele ukuncindezela. **7** Njengomthombo ugobhoza amanzi awo, ngokunjalo lalo ligobhoza ububi balo. Udlakela lokubhubhisa kuyezwakala phakathi kwalo, umkhuhlane walo lamanxeba nighlezi ngikukhangale. **8** Xwayiseka, we Jerusalema, hlezzi ngikutshiye, lelizwe lakho ngilichithe, kungabi lomuntu ohlala kulo.” **9** UThixo uSomandla uthi: “Kababuthe izinsalela zako-Israyeli ngokupheleleyo njengevini, dlulisa futhi isandla sakho phezu kwezingatsha, njengomuntu ovuna amavini.” **10** Ngubani engingakhuluma laye ngimxwayise na? Ngubani ozangilalela na? Indiebe zabo zivalekile ngakho abangeke bezwe. Ilizwi likaThixo liyisinengiso kubo. Kabafumanu ntokozo kulo. **11** Kodwa mina ngyiyafuthelana ngolaka lukaThixo, ngingeke ngibe ngisalugodla ngaphakathi. “Lwehlisele phezu kwabantwana emgwaqweni laphezu kwamajaha abuthene ndawonye, bobabili indoda lomkayo luzabehlela, kanye labadala, labo abakhulelwayiminyaka. **12** Izindlu zabo zizanikwa abanye, konke lamasimu abo kanye labafazi babo, lapho

ngiselula isandla sami ngimelana lalabo abahlala elizweni,” kutsho uThixo. **13** “Kusukela kwabancane kusiya kwabakhulu, bonke bayizihwaba ezifuna inzuso, banjalo abaphrofethi kanye labaphristi, bonke benza inkohliso. **14** Babopha inxeba labantu bami kungathi kalilibi kakhulu. Bathi, ‘Ukuthula, ukuthula,’ khona ukuthula kungekho. **15** Bayayangeka na ngokuziphatha kwabo okwenyanyekayo? Hatshi, bavele kabalazo inhloni lokuyangeka kabakwazi. Ngakho bazawela phakathi kwabawileyo, bazakwehlisela phansi lapho sengibajezisa,” kutsho uThixo. **16** UThixo, uthi: “Manini emahlanganweni emigwaqo likhangele, libuze izindledlana ezindala, libuze lapho okulendlela enhle khona, lihambe ngayo, lizathola ukuphumula kwemiphefumulo yenu. Kodwa lina lithi, ‘Kasiyikuhamba ngayo.’” **17** Ngalibekela abantu bokulilinda ngathi, ‘Lalelani ukukhala kwecilongo!’ Kodwa lina lathi, ‘Kasiyikulalela.’ **18** Ngakho zwanini, lina zizwe, khangelani, lina elingofakazi, libone okuzakwenzakala kubo. **19** Zwana, wena mhlaba, ngiletha umonakalo phezu kwabantu laba, izithelo zamaqhinga abo, ngoba kabawalalelanga amazwi ami njalo bawalile lomthetho warni. **20** Ngilani lemphepa yaseShebba loba imfe evela elizweni elikude na? Iminikelo yenu yokutshiswa kayamukeleki, imihlatshelo yenu kayingithokozisi.” **21** Ngakho uThixo uthi: “Ngizabeka imigoqo phambi kwalabantu. Abazali labantwana bazakhubeka kuyo, omakhelwane labangane bazabhubha.” **22** UThixo uthi: “Khangelani, ibutho liyeza livela elizweni lasenyakatho, isizwe esikhulu siyadungwa kusukela emikhawulweni yomhlaba. **23** Bahlome ngamadandili langemikhonto, baleshluku kabalasihawu. Bezwakala njengolwandle oluhlokomayo lapho begade amabhiza abo, beza njengabantu abalungele impi ukuba bakuhlasele, wena Ndodakazi yaseZiyoni.” **24** Sesizwe imibiko ngabo, njalo izandla zethu zilenga zingelamandla. Usizi lusibamble, ubuhlungu obunjengowesifazane ohelelwayo. **25** Lingayi phandle egangeni, loba lihambe emigwaqweni, ngoba isitha silenkemba, njalo silencithakalo emaceleni wonke. **26** Awu bantu bami, gqokani amasaka, lizibhuqe emlotheni, khalani lilile kabuhlungu njengokwendodana eyiyo yodwa, ngoba masinyane nje umchithi uzafika kithi. **27** “Ngikwenze umhloli wezinsimbi labantu bami babayilitshe elixubene lensimbi ukuba ukhangele ubone ube usuhlolola

izindlela zabo. **28** Bonke bangabahlamuki abalukhuni, abahamba behleba. Balithusi lensimbi, bonke benza ukuxhwa. **29** Imvutho ivutha okwesabekayo incibilikisa umnusu ngokutshisa komlilo kodwa ukucenga kuqhube ka kuyize, ababi kabakhutshwanga. **30** Kuthiwa bayisiliva esilahliwyo, ngoba uThixo usebalahlile.”

7 Leli yilizwi elafika kuJeremiya livela kuThixo lisithi: **2** “Mana esangweni lendlu kaThixo umemezele ilizwi leli ukhonapho uthi: ‘Zwanini ilizwi likaThixo, lonke lina bantu bakoJuda abangena ngala amasango ukuzakhonza uThixo. **3** UThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: Lungisani izindlela zenu lezenzo zenu, ukuze ngilivumele ukuba lihlale kule indawo. **4** Lingathembi amazwi akhohlisayo lithi, “Leli lithempeli likaThixo, ithempeli likaThixo, ithempeli likaThixol!” **5** Lingalungisa izindlela zenu lezenzo zenu sibili liphathane ngokulunga, **6** nxa lingancindezeli owezizweni, izintandane loba umfelokazi njalo lingachithi gazi elingelacala kule indawo, njalo nxa lingalandeli abanye onkulunkulu okuzalilimaza, **7** ngizalivumela ukuba lihlale kule indawo, elizweni engalinika okhokho benu ukuba libe ngelabo kuze kuge nini lanini. **8** Kodwa khangelani, lina lithemba amazwi akhohlisayo angasizi lutho. **9** Kambe lizantshontsha njalo libulale, lifebe, lifunge amanga, litshisele uBhali impepha njalo lilandele abanye onkulunkulu elingakaze libazi, **10** beselisizakuma phambi kwami kuyonale indlu, eleBizo lami, lithi, “Sivikelekile,” livikeleka ukuba lenze zonke lezizinto ezenyanyekayo na? **11** Indlu le, eleBizo lami, seyaba lubhalu lwabaphangi na? Kodwa kade ngikhangele! kutsho uThixo. **12** Hambani khathesi endaweni yami eShilo lapho engenza khona kuqala indawo yokuhlala iBizo lami, libone engakwenza kuyo ngenxa yobubi babantu bami bako-Israyeli. **13** UThixo uthi, kwathi lapho lisenza lezizinto, mina ngakhulumu lani futhifuthi, kodwa kalingilalelanga, ngalibiza, kalaze lasabela. **14** Ngakho-ke, lokho engakwenza eShilo khathesi ngizakwenza kule indlu eleBizo lami, ithempeli elilithembileyo, indawo engalinika yona lina kanye labokhokho benu. **15** Ngizalixotsha phambi kwami, njengalokho engakwenza abafowenu bonke, abantu bako-Efrayimi.” **16** Ngakho abantu laba ungabakhulekeli loba ubakhulumele kumbe ubenzele isicelo; ungangincengi ngoba angiyikukulalela. **17** Abakwenzayo emadolobheni akoJuda lasemigwaqweni

yaseJerusalema kawukuboni na? **18** Abantwana batheza inkuni, oyise babasa imililo, labesifazane baxova inhlama benzele iNdlovukazi yaseZulwini isinkwa. Bathelela abanye onkulunkulu iminikelo yokunathwayo ukuba bangithukuthelise. **19** Kodwa yimi abangithukuthelisayo na? kutsho uThixo. Kabazilimazi bona ngokwabo na, okulihlazo kubo? **20** ‘Ngakho uThixo Wobukhos uthi: Ukuthukuthela kwami lolaka lwami kuzakwehliselwa kule indawo, phezu kwabantu lasezinyamazaneni, phezu kwezihlahla zeganga laphezu kwezithelo zomhlabathi; njalo kuzakutsha kungacitsheki. **21** UThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: Qhubekani, fakan iiminikelo yenu yokutshisa kweminye imihlatshelo yenu lidle inyama lina ngokwenu! **22** Ngoba ekukhupheni kwami okhokho benu eGibhithe ngikhulum labo, angizange ngibanike imilayo nje kuphela ngeminikelo yokutshisa lemhlatshelo, **23** kodwa ngabanika umlayo lo othi: Ngilalelani, njalo ngizakuba nguNkulunkulu wenu lina libe ngabantu bami. Hambani ngezindlela zonke engililaye zona, ukuze kulilungele. **24** Kodwa kabazange balalele kumbe banake; esikhundleni salokho, bona balandela inkani yentando yezinhlizyo zabo ezimbi. Baya emuva hatshi phambili. **25** Kusukela ngesikhathi okhokho benu besuka eGibhithe kuze kube khathesi, usuku ngosuku, njalonjalo ngalithumela izinceku zami abaphrofethi. **26** Kodwa kabangilalelanga kumbe banake. Babelentamo ezilukhuni njalo benza ububi obudlula obabokhokho babo.’ **27** Lapho ubatshela konke lokhu, kabayikukulalela; lalapho ubabiza, kabayikusabela. **28** Ngakho batsheli uthi, ‘Lesi yisizwe esingalalelanga uThixo uNkulunkulu waso kumbe sivume ukuqondiswa. Iqiniso selfile; kalisekho ezindebeni zabo. **29** Gelani irwele zenu lizilahlele khatshana; lenze isililo emiqolweni elugwadule, ngoba uThixo usesalile wasidela isizukulwane lesi esingaphanasi kolaka lwakhe.’’ **30** ‘‘Abantu bakoJuda benze ububi phambi kwami, kutsho uThixo. Bamise izithombe zabo ezenyanyekayo endlini eleBizo lami balingcolisa. **31** Sebakhe izindawo eziphakemeyo zaseThofethi esigodini saseBheni-Hinomu ukuba batshisele khona amadodana lamadodakazi abo ngomlilo, into engingabalayanga yona, engazange ifike engqondweni yami. **32** Ngakho qaphelani, insuku ziyeza, kutsho uThixo, lapho abantu bengayikuyithi

yiThofethi kumbe iSigodi saseBheni-Hinomu, kodwa iSigodi sokuBulala, ngoba abafileyo bazabangcwaba eThofethi kuze kusweleke indawo. **33** Lapho-ke izidumbu zabantu laba zizakuba yikudla kwezinyoni zasemoyeni lezinyamazana zomhlaba, njalo akuyikuba lomuntu ozazethusa. **34** Ngizaqeda imisindo yokuthokoza leyenjabulo emadolobheni akoJuda lasemigwaqweni yaseJerusalema, lokuthaba lelizwi lomlobokazi lelomyeni, ngoba ilizwe lizachitheka.”

8 “Ngalesosikhathi, kutsho uThixo, amathambo amakhosi akoJuda lawezikhulu zakhona, amathambo abaphristi lawabaphrofethi, kanye lamathambo abantu baseJerusalema azakhutshwa emangcwaben awo. **2** Azachaywa elangeni lasenyangeni lakuzo zonke izinkanyezi zasemazulwini, abakuthandayo bakukhonza njalo abakulandelayo bakubuza bakudumisa. Kawayikubuthwa loba angcwatshwe, kodwa azakuba njengezibi phezu komhlabathi. **3** Loba kungaphi engibaxotshela khona, bonke abasilayo balesisizwe esibi bazakhetha ukufa kulokuphila, kutsho uThixo uSomandla.” **4** ‘‘Wothi kubo, ‘UThixo uthi: Abantu bangawa, kabavuki na? Omunye angaphambuka, kaphenduki na? **5** Pho kungani abantu laba bedukile? Kungani iJerusalema lihlala lisedula? Bayanamathele enkohlisweni, bayala ukuphenduka. **6** Ngilalele ngesineke, kodwa kabatsho okulungileyo. Kakho ophenduka ebubini bakhe, esithi, ‘‘Kuyini engikwenzileyo na?’’ Yilowo lalovo ulandela indlela yakhe njengebhiza lizithela empini. **7** Lengabuzane emoyeni liyazazi izikhathi zalo zomnyaka, lejuba, lenkonjane lohemu kuyasigcina isikhathi sakho sokuthutha. Kodwa abantu bami kabakwazi okufunwa nguThixo. **8** Lingatsho kanjani ukuthi, ‘‘Sihlakaniphile, ngoba silomthetho kaThixo,’’ lona iqiniso kuyikuthi amanga alotshwe ngosiba lwababhalu asenze umthetho wangabi liqiniso? **9** Abahlakaniphileyo bazayangiswa, bazakwesaba bathiyeye. Njengoba belalile ilizwi likaThixo, balenhlakaniphile bani na? **10** Ngakho abafazi babo ngizabapha amanye amadoda lamasimu abo abe ngawabanye abatsha. Kusukela kwabancane kusiya kwabakhulu, bonke bayizihwaba ezifuna inzuzzo, banjalo abaphrofethi kanye labaphristi, bonke benza inkohliso. **11** Babopha inxeba labantu bami kungathi kalilibi kakhulu. Bathi, ‘‘Ukuthula, ukuthula,’’ khona ukuthula kungekho. **12** Kambe bayayangeka na ngokuziphatha kwabo okunengisayo?

Hatshi, bavele kabalazo inhloni, lokuyangeka kabakwazi. Ngakho bazawela phakathi kwabawileyo, bazakwehliselwa phansi lapho sebejeziswa, kutsho uThixo. **13** Ngizabemuka isivuno sabo, kutsho uThixo. Akuyikuba lezithelo ezivinini zabo. Akuyikuba lezithelo zomkhiwa esihlahleni, lamahlamvu aso azabuna. Engibanike khona kuzathathwa kubo.” **14** Pho sihlaleleni lapha? Buthanini! Kasibalekeleni emadolobheni avikelweyo siyebhubhela khona! Ngoba uThixo uNkulunkulu wethu usesilahlele ekubhubheni wasinika amanzi aletshefu ukuba sinathe, ngoba sonile kuye. **15** Sathemba ukuba lokuthula kodwa akubanga lobuhle obukhona, ekuben'i kube yisikhathi sokwelatshwa kwaba lokwesaba. **16** Ukuthimula kwamabhiza esitha kuyezwakala kuvelela koDani, ekukhaleni kwamabhiza amaduna ilizwe lonke liyaqhaqhazel'a. Zilande ukuzatshwabadelo ilizwe lakho konke okukulo, idolobho labo bonke abahlala kulo. **17** “Khangelani, ngizathumela phakathi kwenu izinyoka ezilobuhlungu, izinhlangwana ezingeke zithakathwe, njalo zizaliluma,” kutsho uThixo. **18** Awu Mduduzi wami osizini, inhliziyo yami isiqaleka phakathi kwami. **19** Lalela ukukhala kwabantu bami okuvela elizweni elikhathshana besithi: “UThixo kakho eZiyoni na? INkosi yalo kayisekho lapho na?” “Kungani bevuse ulaka lwami ngezifanekiso zabo, langezithombe zezizweni eziyize na?” **20** “Ukuvuna sekwedlule, ihlobo seliphelile, kodwa kasihlengwanga.” **21** Njengoba abantu bami benqotshiwe lami ngingotshiwe, ngiyalila njalo ukwesaba kungiphethe. **22** Akulamuthi yini eGiliyadi? Kakho yini lomelaphi khona? Pho kungani kungekho kwelatshwa kwenxeba labantu bami na?

9 Awu, sengathi ngabe ikhanda lami lingumthombo wamanzi, lamehlo ami angumthombo wezinyembezi! Kade ngizakhala emini lebusuku ngikhalela abantu bami ababulewego. **2** Awu, sengathi ngabe enkangala ngilendawo engahlala izihambi, ukuba ngisuke ebantwini bami ngisuke kubo, ngoba bonke bayizifebe, ixuku labantu abangathembekanga. **3** “Benza izindimi zabo zilunge njengesavutha ukuba batshoke amanga, ukuthi bayanqoba elizweni akusikho ngeqiniso. Basuka kokunye ukona baye kokunye; kabangamukeli,” kutsho uThixo. **4** “Qaphela abangane bakho, ungabathembi abafowenu. Ngoba wonke umfowenu ungumkhohlisi, njalo wonke umngane ungumhlebi. **5** Umngane ukhohlisa

umngane, njalo kakho okhuluma iqiniso. Sebafundisa izindimi zabo ukuqamba amanga, bayazidinisa ngokona. **6** Lihlala phakathi kwenkohliiso, ngenkohliiso yabo bayala ukungamukela,” kutsho uThixo. **7** Ngakho uThixo uSomandla uthi: “Khangelani, ngizabacolisa ngibahlole, ngoba kuyini okunye engingakwenza ngenxa yesono sabantu bami? **8** Ulimi lwabo lungumtshoko olobuthi, lukhuluma inkohliiso. Lowo lalowo ukhuluma kuhle kubomakhelwane bakhe, kodwa enhliziyeni zabo bebathiya ngemijibila. **9** Kakufanele ngibajezisele lokhu na?” kuba uThixo. “Kakufanele ngiphindisele esizweni esinjengalesi na?” **10** Ngizakhala ngililele izintaba ngibuye ngililele lamadlelo asenkangala. Atshabalele njalo kakho ohambela kuwo, lokubhonsa kwezinkomo akuzwakali. Izinyoni zasemoyeni sezibalekile, lezinyamazana kazisekho. **11** “IJerusalema ngizalenza libe yinqumbi yonxiwa, isikhundla samakhanka, njalo ngizawadiliza amadolobho akoJuda ukuze kungabikhona ohlala kuwo.” **12** Nguphi umuntu ohlakaniphileyo ukuba akuzwisise lokhu? Ngubani ofundiswe nguThixo ongakuchaza? Kungani ilizwe litshabalalisiwe lachithwa njengenkangala ukuze kungadluli muntu kulo? **13** UThixo wathi, “Kungenxa yokuthi sebelahle umthetho wami engababekela wona; kabangilalelanga, lomthetho wami kabawulandelanga. **14** Esikhundleni salokho, bona balandele ubulukhuni bezinhliyo zabo; balandele oBhali, njengokufundiswa kwabo ngoyise.” **15** Ngakho-ke, uThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: “Khangelani, abantu laba ngizabadlisa ukudla okubabayeo ngibanathise lamanzi alobuthi. **16** Ngizabahlakazel aezizweni bona kanye laboyise abangazange bazazi, njalo ngizabalandela ngenkemba ngize ngibaqedu.” **17** UThixo uSomandla uthi: “Cabangani khathesi! Bizani abesifazane abalilayo beze, libize labo abalobuciko obumangalisayo. **18** Kabeze ngokuphangisa, bazesililela amehlo ethu aze ehlise inyembezi lempophoma zamanzi zigeleze, ziphuma enkopheni zethu.” **19** Ilizwi lokukhala liyewakala livela eZiyoni: “Yeka kunganani ukuchithakala kwethu! Yeka ubukhulu behlazo lethu! Kumele sisuke elizweni lethu ngoba izindlu zethu zidiliziwe.” **20** Khathesi, lina abesifazane, zwanini ilizwi likaThixo, vulani indlebe zenu lizwe amazwi omlomo wakhe. Fundisani amadodakazi enu ukulila, lifundisane amazwi okukhala. **21** Ukufa kukhwele kwangena ngamafastela ethu, njalo

kungenile lasezinqabeni zethu, sekususe abantwana emigwaqweni kanye lamajaha ezindaweni zikazulu. **22** Tshono uthi, uThixo uthi, “izidumbu zabafileyo zizalala njengezibi egangeni, njengamabele aqunywe ngemva kovunayo, okungekho ozawabutha.” **23** UThixo uthi: “Ohlakaniphileyo kangazincomi ngokuhlakanipha kwakhe, loba indoda elamandla izincome ngamandla ayo, loba indoda enothileyo izincome ngenotho yayo, **24** kodwa lowo ozincomayo, kazincome ngokuthi uyaqedisisa njalo uyangazi, ukuthi mina nginguThixo, osebenzisa umusa, imfanelo lokulunga emhlabeni, ngoba lezizinto ziyangithokozisa,” kutsho uThixo. **25** UThixo uthi, “Insuku ziyeza, lapho engizabajezisa khona bonke abaso ke enyameni kuphela, **26** iGibhithe, loJuda, lo-Edomi, lo-Amoni loMowabi labo bonke abahlala enkangala ezindaweni ezikhathshana. Ngoba izizwe zonke lezi kazisokanga, njalo lendlu yonke ka-Israyeli kayisokanga enhliziyweni.”

10 Zwana okutshiwo nguThixo kuwe, wena ndlu ka-Israyeli. **2** UThixo uthi: “Lingazifundi izindlela zezizwe kumbe ukwethuswa yizibonakaliso zasemkhathini, lanxa nje izizwe zisethuswa yizo. **3** Ngoba imikhuba yabantu iyize, bagamula isihlahla ehlathini, ingcwethi isibaze ngetshizela yayo. **4** Bayasiccisa ngesiliva langegeolide, basibethele ngesando langezipikili ukuze singanyikinyeki. **5** Njengezinto zokwethusa endimeni yamajodo, izithombe zabo azikhulumi, kumele zithwalwe ngoba azingeke zihambe. Lingazesabi, azingeke zenze okubi, lokuhle azingeke zikwenze.” **6** Kakho ofana lawe, wena Thixo, wena umkhulu, lebizo lakho lilamandla amakhulu. **7** Ngubani ongeke akwesabe, wena Nkosi yezizwe? Lokhu kukufanele. Phakathi kwabantu bonke abahlakaniphileyo bezizwe lakuyo yonke imibuso yabo, kakho onjengawe. **8** Bonke kabalangqondo njalo bayizithutha, bafundiswa yizithombe zezigodo eziyize. **9** Isiliva esikhandiweyo siyalethwa sivela eThashishi legolide livela e-Ufazi. Okwenziwe yingcwethi lomkhandi wegolide kuggokiswa okuluhlaza lokuyibubende, njalo konke kwensiwe zingcitshi. **10** Kodwa uThixo unguNkulunkulu oqotho, unguNkulunkulu ophilayo, iNkosi yanininini. Lapho ethukuthele, umhlabu uyagedezela, izizwe azingeke zimelane lolaka lwakhe. **11** “Batshele lokhu uthi, onkulunkulu laba, abangawenzanga amazulu lomhlabu, bazabhubha

